


IZWI ELINGAQONDAKALIYO

 Sanibona ekuseni, bangane. Ngiyajabula kakhulu ukuba ngibuyele ebandleni futhi, kulokhu ukusa, emva kweviki lokubuyisela umkhuhlane wami kuDeveli, njalo emizuzwini embalwa, niyazi. Njalo uma enginika wona, ngiwubuyisela kuye. Futhi sisalwa. Ngiyaqinisa nje uzowugcina. Niyabo? Njalo uma enginika wona, ngivele ngiwuphushe ngiwubuyisele kuye. Niyabo? Unginika wona, futhi ngiwuphushe ngiwubuyisele kuye. Ngakho u—unekhono lokuwubuyisa, nokho, niyazi. Wazi ngempela ukuthi kwenziwa kanjani lokho. Kodwa ekugcineni sizomkathalisa, noma sikhathalise ukubekezela kwakhe, njengoba ngasho ngobunye ubusuku.

² Umfo wathi, ngesinye isikhathi, wakhulekelwa, wayesethi, “Awu,” wathi, “uDeveli wangitshela ukuthi angiphiliswanga,” Wayesethi, “Ngabheka phansi,” wathi, “zonke izimpawu zokugula kwami lwalukhona, njengoba zazikade zinjalo nje ekuqaleni.” Wayesethi, “Awu, ngathi, ‘Sathane, lelo—lelo—lelo yiqiniso, angiboni kwehluka. Kodwa uyazi uk’thini? Zize zisuke kimi, ngizofakaza nje ngokuqine ngakho konke, ngenkazimulo kaNkulunkulu. Ngakho manje uma ufuna ukuzulazula khona lapha, Ungilalele, hlala khona lapha nje.”

³ Lokho ngukukholwa kwangempela. Fakaza ngenkazimulo kaNkulunkulu, ngoba, “Ukukholwa kungukuqiniseka ngezinto ezithenjwayo, kuyiqiniso ngezinto ezingabonwayo.” Niyabo? Awukuboni ukukholwa. Uvele ukholwe nje, ukukholwa.

⁴ Futhi kuleliviki, bekumatasatasana enhla endlini. Bebematasa, kusobala, ngosuku lokuqala, ngiyacabanga, bekukhona abathi ababe amashumi amathathu phakathi. Futhi bengifuna, manje-ke, zonke izingxoxiswano zami nezinto zifika. Bekuyiviki elimatasatasa ngempela.

⁵ Futhi ngifunde ezinye izinto kuleliviki. Ngehlile... Futhi ngathola umngane lapha edolobheni, ongumfo onomoya omuhle kabi. Ungudokotela wezokwelapha. Sasifunda ndawonye, uDokotela Sam Adair, futhi nje ungumfo omuhle kakhulu. Futhi ngakho sekuyiminyaka ecishe ibe mine ngegcina ukumbona. Ngibe namahora cishe amathathu- noma amane- ngixoxa naye, kuleliviki. Sehle saya eofisi futhi savele salivala nje, sangena saxoxa.

⁶ Futhi bengimlandisa ngezinye izinto esengizitholile, ngokomoya, mayelana namandla obubi, nokuthi angena kanjani. Futhi ubengitshela ngegama lezokwelapha, noma uku—ukuxilongwa kwawo ngasohlangothini lwezokwelapha. Kuyamangaza, ukubona ukuthi lawo aqondana ngokuphelele kanjani. Niyabo?

⁷ Ngakho, ubengitshela ngokuthize okuzeza amafinyila esidalweni esingumuntu, okuthi kukuphi lapho umuntu engafanele ukuthwala umkhuhlane, kanjalo, noma yini. Wathi uvele nje... Okuzeza amafinyila nje kungena lapho, bese-ke igciwane elithize lingena kulokhu okuzeza amafinyila athize, noma lokhu okuzeza amafinyila kwenza igciwane.

⁸ Ngathi, “Awu, uma okuzeza amafinyila kwenza igciwane, manje-ke ngizothanda ukwazi lapho ukuphila kwegciwane kuvela khona.” Niyabo?

⁹ “Awu, kambe, lokho,” wathi, “asikwazi lokho.” Wathi, “Ngeke nje ngasho.”

¹⁰ Uthola ukugodola, kumbe noma enye into, nalelogciwane libumbeka libe yizimo ezehlukene. Manje-ke linendlela yokuzandisa lona, lilokhu likhiqiza amageciwane nje kulokhu okuzeza amafinyila, ngiqagele. Udokotela, omunye okhona, noma unesi, uzoqonda kakhulu ngakho.

¹¹ Kodwa ebengikukhathalele bekungukuthi, nemicabango yami, bekungukuthi, lelogciwane, qobo lwalo. Ukuphila phakathi kulokho, phakathi kwaleso sivadlwana njenge—njengephilisana eligwinywa nesikhwama, kuncinyane nci iso lomuntu ngeke likwazi ngisho ukukubona. Kodwa ngaphakathi kuleyonto encinyane ukuthi isibuko esinamandla amakhulu kuphela esingabonisa, ngaphakathi kulokho kukhona ukuphila. Okubangela lokho kuphila ukuba kuthathe okungako kwalokho okuzeza amafinyila bese kuzisonga kuleyondawo, bese kwenza lesisikhwanyana, niyabo, noma igciwane, lowo nguDeveli. Lawo ngamandla okomoya. Lokho, abasoze bakwazi... Sekwehle kwaze kwafika endaweni engaphansi ngisho kwemolekhuli isithako esincinyane kunakho konke, ukuthi kukwazi ukucaphuna lelingqamuzana lokuphila legciwane, kanjalo kanjalo, nolwebu oluncinyane nci lwamafinyila olungabonwa kuphela ngesibuko esinamandla. Bese kuthi-ke, kodwa ngaphambili kwalokho, abakwazi ukubona, ngoba akukho... akukho... akukho-nto yemvelo yokukubamba. Manje, ngaphambi kokuba ngi—ngi... .

¹² Abantu umile. Manje, Charlie, ngiyakuzonda ukubona... Wena, noDavid, noRodney, nani nonke lapho, nibahle kakhulu kimi uma ngehlela endlini yenu, nezinto. Ngingakwazi ukuninika isihlalo endlini kaNkulunkulu, kodwa, ngizonitshela ukuthi ngenzani, uma nizoza lapha ngqo, nasi esami. Wozani nenyuke ngqo, futhi nje uzizwele wemukelekile. Noma yimuphi wenu ofuna ukuza lapha ngqo bese uthatha lesisihlalo, vele nje uqhubeke wenyukele lapha. Niyabo? Uzokwemukeleka ngokweqile.

¹³ Futhi si—sihle. Empeleni akusiso esami. EsikaMnu. Wilson, inhloko yesikole. Selokhu ngasithatha ngo 1937, ngakho sidala kunazo zonke. Ngakho ngi... .

14 U, lapha esikhathini esithile esedlule, uthi, “Heyi, usenazo nje izitulo zami?”

Ngathi, “Ngihlezi kuzo njalo ebusuku ngaphambi kokuba ngishumayele.”

Wayesethi, “Awu, yizandla ezinhle-ke, ngakho sidedele.”

15 Manje nemukelekile. Kukhona isihlalo esisodwa lapha. Futhi-ke uma nje nifuna ukuza lapha lapho kuhlezi khona abafu abancane. Manje ungaku—ungakuvumeli lokho kukuphoxe, ucabange ukuthi ungumfo omncane, ngoba awusuye. Kodwa, ungathanda ukuba nguye, futhi. Kodwa, futhi nasi esinye isihlalo *lapha*, sihlezi ngaphandle lapha. Futhi—sikhona esisodwa *ngapha*. Futhi ukuze nikwazi, ikakhulukazi amanye alawomanenekazi lapho, elimi ngalolohlobo lapho kanjalo. Ngiyabonga. Futhi singajabula uma uzokwenyukela khona lapha futhi uhlale phansi. Kuzoba kahle. Ubeke izingalo zakho macala onke nje, wenqike, sisaxoxa.

16 Futhi—futhi, Charlie, bengicabanga ukuthi ubuwenyukela ngapha. Ngi—ngiyamgcona, sonke isikhathi. Ngathi, “Yenyukani, bandla.” Ngizama ukumthola, woza, ungibone. Ngase-ke ngithi, “Uma uza enkonzweni, ngizothi, ‘Kulokhu ukusa, uDr. Charlie Cox uzoba nomlayezo,’ bese esuka ehamba.”

17 Wathi, “Ngizoquleka.” [UMfowethu Branham nebandla bayahleka—Umhl.] Ngakho ngingakambizi, waya ekamelweni elingemuva. U . . .

18 Ngakho ngizothanda uku . . . ngaphambi nje kokuba siqale phakathi esifundweni. Ngacabanga, ngeviki eledlule, ukuthi iNkosi yasibusisa. Nawuthanda u—u . . . [ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] He! Kwakuphithizela nje ndawo zonke. Ngisho nalowoMlayezo uye wayongena eCalifornia. Bebeshaya izolo ebusuku, eCalifornia, ngaWo. Futhi—futhi manje bafuna ukuhlela futhi babenento efanayo eCalifornia, ngenyanga ezayo elandelayo kaJanuwari. Niyabo?

19 UMoya oNgcwele wabonakala ushaya nje, khona manjalo, khona lapho eShreveport. Futhi Uya kwizindawo ngezindawo, kanjalo, futhi nje—nje ihora lesambulo.

20 Futhi ngakho sijabula kakhulu, futhi sethamba, futhi sibona iqembu lakithi—lakithi uqobo lapha, lapha etabernakele, liphumelela kangaka ngalokhu, libona ukuzibonakalisa kukaNkulunkulu phakathi kwethu lapha. Sijabula kakhulu ngakho, futhi sikholwa ukuthi sikulelohora elikhulu lokubizelwa ngaphandle kweBandla, nokuLimisa ngokohlelo. Ngakho ba . . .

21 Bengithola into ethize engi . . . ngisaxoxa nomngane wami olungileyo, uDr. Adair, ehlezi eofisi lakhe. Futhi wathi, sasixoxa ngezinto ezehlukene mayelana nama x-reyi imishini yokuthatha isithombe esibonisa ingaphakathi lomzimba, futhi

sasho ngemikhuhlane emibi namagciwane ehlukenene. Futhi ethula phezulu ethatha izincwadi zakhe, futhi engibonisa ngazo, ukuthi batholani. Wathi, “Ngiyakutshela, Billy,” washo. “Njengomkhuhlane omubi, eminingi kakhulu yayo,” wathi, “asinanto neyodwa yomkhuhlane omubi,” washo.

²² Ngathi, “Awu, bengicabanga njalo ukuthi uma uphethwe umphimbo, uma kungaba khona oxubha ngakho umphimbo.” Ngathi, “Manje emva kokuqeda sengiqede ukushumayela,” ngathi, “ngihamba ngiye ekhaya ebusuku, lokho kusha izwi okuncane.” Ngathi, “Ngi—ngithatha amaLavoris, bese—bese ngixubha ngawo umphimbo.” Ngathi, “Sekuyiminyaka ngeminyaka sinawo endlini yethu, awokuxubha umlomo.”

²³ Wathi, “Amanzi abandayo angaba mahle kakhulu nawo.” Wathi, “Isizathu, ungacabangi neze ukuthi noma yini ongaxubha ngayo umphimbo iyoke—iyoke ikusize. Ngoba, into kuphela engakwenza ngukugeza nje noma yimaphi amagciwane elisemphinjani wakho, liphume. Alikwazi ukungena emgudwini wegazi. Uma lingena, belingaqhumisa umphimbo wakho futhi ubuzoba nomongozima. Niyabo?” Futhi wathi, “Ngeke wakwenza lokho.”

²⁴ Ngakho isisho esidala siyabuya futhi. “Umuthi wenzelwa ukuthengisa, hhayi ukuphuzwa,” niyazi. [Umfowethu Branham nebandla bayahleka—Umhl.]

²⁵ Empeleni, futhi ukubuka ezincwadini zokwelapha enginazo ngisho nasekhaya lami, ukuzifunda. Ngi—ngiyikhathalele imithi, impela ngiyikhathalele, noma yini eyosiza abantu bakaNkulunkulu, isize isidalwa esingumuntu. Uma kungukuthula, ukutadisha amazwi okuthula, ngikukhathalele lokho. Ngiwukhathalele u—umphakathi ongono ukuphila kuwo. Ngizikhathalele izikole ezingcono zabantwana bethu ukuba baye kuzo. Ngikhathalele noma yini enhle, okuphilisayo futhi okulungileyo.

²⁶ Futhi umuthi wenze izinto ezithize ezinkulu. Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu uwusebenzisile, izikhathi eziningi. Ngiyakholwa, besingaba gotho kakhulu futhi sazehlukanisela uNkulunkulu, bebengabe sebenazo izinto zomdlavuzo nakho konke okunye. Uma nje singa... uNkulunkulu unayo into, ukuba nje besizoMcela mayelana nakho. Niyabo? Ngakho, manje, ngikholwa ukuthi okwenza kubekhona umjovo iSalk, ngenxa nje yabantwana abancane begula ngendlela okuyiyo. Futhi, uSathane, leyonto embi lapho, ikhubaza labobantwana abancane nezinto. NoNkulunkulu udedela lokho kutholwe, ukuba kwenziwe umjovo wokugoma. Futhi wenze into enkulu, futhi kulokho siyabonga uNkulunkulu uSomandla, ngawo. Nje sibonga kakhulu ukuthi uNkulunkulu usibusise njalonzalo!

²⁷ Futhi, mfowethu, kuphi... Akabuyeli ekhaya, ngabe uyabuyela Dadewethu Nash? U—u... [UDadewethu Nash uthi,

“Qhabo, mnumzane. Uyolanda ezinye izitulo.”—Umhl.] O, lokho kulungile. Lokho kuhle. Ehhe. Kulungile.

²⁸ Manje, ekutadisheni, manje-ke, emva kokuba sengifike ekhaya, ngahlala phansi lapho ekamelweni futhi ngatadisha isikhathi eside, “Kumayelana nani konke lokhu na?” Ngizodlulisa intwanyana ethize kini, engiyitadishayo, eningayitadisha kanye nami. NeNkosi, ngenkathi sisekamelweni, ngiku thatha ngokuthi yi Yo, ngoba ngibe nesehlo esikhulu kuYo.

²⁹ Kodwa benazi yini, ukuthi, emva kokuba udokotela engitshela lokho, futhi wangikhombisa kweziphakeme kunazo zonke nezakamuya nje zezincwadi zokwelapha, engaziyo ukuthi lokho kusanda kutholakala nje. Kukhona udokotela ohlezi lapha, empeleni, ongilaleleyo. Manje lokhu, ezakamuya nezinto ezingcono kakhulu zomkhuhlane omubi, abanamuthi. Bayakuhlaba ukuphuza ama-aspirini izidambisazinhlungu, kanjalo njalo; lokho kuphela kudambisa ubuhlungu, kanjalo njalo, bomkhuhlane noma usizi, kodwa awenzi lutho emkhuhlaneni. Kodwa kuyakusiza ukukuphumuza. Nento engcono kunazo zonke emkhuhlaneni omubi, ngokuba ucambalale uzumeke, ungaxhamazeli. Uvele ucambalale embhedeni, cishe okuyinto engcono kunazo zonke ongazenza.

³⁰ Manje, manje-ke, ngatadisha. Ngathi. “Dokotela Sam, manje-ke, lokhu yi lokhu. . . Umkhuhlane omubi, into engcono kunazo zonke ngukuphumula.”

Wathi, “Kuyinto engcono kunazo zonke kunoma yini.”

³¹ “Awu,” ngathi, “ngiyabonga, dokotela, lokho kuhle kakhulu.” Futhi saxoxa isikhathi esidana, ngase-ke ngiya ekhaya. Futhi ngamtshela. . . Uyabathanda onogwaja nezingwejeje, nezinto, ungaphumi. Sasivamise ukuzingela kakhulu, sindawonye, sisengabafana, futhi sizingele futhi sidobe, noma sidobe, ikakhulukazi.

³² Ngakho manje-ke ngenkathi ngiya ekhaya, ngacabanga. “Ini?” Uyazi, ngaqaphela, ngibhekisisa izilwane. Thathainja, uma igula, iyohamba iziphuzele yona amanzi, bese icambalala ndawo ndawo, ihambe iyocambalala. Awu, kwase kufika umcabango kimi, ngokusa okulandelayo. Ngangicambalele embhedeni, ngilinde ontanga. Bavuka cishe ligamenxe elesithupha. Futhi ngakho ngivuka cishe ligamenxe elesine, noma ngelesihlanu, ngangicambalele lapho. Ngicabanga, izikhathi eziningi, uNkulunkulu wembula izinto.

³³ Niyazi, angikufundisi lokhu. Kodwa benazi yini. . . Umuntu, ekuqaleni, ngenkathi uNkulunkulu emenza, Akamenzelanga ukuba anyangwe. Wayenokwakhe ukunyanga kuye. Waye equi- . . . Waye—waye ngubunye bakhe uqobo. Niyabo? Manje-ke, ukuphilisa akuveli kunoma yiliphi ikhono elingaphandle. Kufanele kuvele ngaphakathi. Manje singathatha izinsiza

zangaphandle, njengezokubulala amagciwane, kumbe noma ngabe yini ekithi. Noma, singathatha izandla zethu futhi sisikane, futhi sikhipe u—uphisi, noma okuthize, njenge apendiksi ithumba elikupopopo, noma izinyo eselilibi noma okuthize, futhi silikhipe. Kodwa ukuphilisa akuveli kunoma yini oyisebenzisayo. Ukuphila kuphela kufika nga—ngamandla aphakathi kwakho uqobo, ukuphinda akhe i—inyama edabukile endaweni ekhishwe kuyo. Futhi, ngakho-ke, ukuphilisa kukuwe.

Manje lalelisisa, futhi cabanga kanzima manje ngaphambi kokuba wedlulise umcabango wakho walokhu.

³⁴ Umuntu, ekuqaleni, ngenkathi enziwa, umuntu ungunkulunkulu. Ungunkulunkulu ngokoqobo. Ngokuba wenziwa ngomfanekiso kaNkulunkulu, eyindodana kaNkulunkulu, futhi manje-ke uyindlalifa yakho konke uNkulunkulu ayikho. Futhi umuntu waphiwa indawo ebuswayo, nendawo ebuswayo kwakungumhlaba. “Unamandla phezu kwezinhlanzi, phezu kwezinyoni zezulu, naphezu kwakho konke.” Wayekhuluma nje, nayoyonke into yayimlalela, ngoba wayengu—ngunkulunkulu, phakathi kwakhe uqobo; hhayi uNkulunkulu womhlaba wonke, kodwa ngiqonde u... uNkulunkulu wezulu nomhlaba. Kodwa wayengu—ngumbusi endaweni yakhe ebuswayo. Wayeyinkosi, umbusi-nkosi. Lowo kwakungumuntu. Futhi ngisho namanje, emumweni wakhe owile manje, usenakho ukubonakala.

³⁵ Manje, esikhathini esingeside esedlule, babezama ukuzalanisana, kanjalo kanjalo, futhi bethi, “Umuntu uvela ezilwaneni eziphansi ngezinga, na—nangenguqunguquko yempilo wazikhuphula.” Awu, niyabo, bebelokhu bedlala ngesayense baze baphikisa inkolelo yabo uqobo.

³⁶ Ayikho into ongayizalanisa bese uyenza iphakame kakhulu. Kuyobuyela emuva ngqo. Kungeke. Zalanisa ngokuxubanisa ummbila, kumbe noma yini, ngeke kubuye kuzizale. Noma njengoba ngangisho ngoluny’usuku, i—i—i—imbongolo nehhashi lensikazi kungakhweliswa, kuyozala umnyuzi, kodwa lowomnyuzi ungeke uzale omunye umnyuzi. Ufanele ubuyele emuva ngqo, ukuba uqale. Ngoba, uNkulunkulu wathi, “Yonke imbewu ngenhlobo yayo.”

³⁷ Manje, ngenkathi senziwa—ngenkathi senziwa... Futhi nje bathola ukuthi, maduzane nje, ukuthi umzimba wakho ugcewele ukukhanya. I x-reyi iyakufakazisa lokho. I x-reyi ayinakukhanya okungokwayo. Ngukukhanya kwakho ekusebenzisayo. Uzalwa unemisebe emine. Emva kwesikhashana, asithi amashumi amabili, amashumi amabili-nanhlanu, umsebe owodwa uyaphuma; namashumi amathathu-nanhlanu, omunye, noma amashumi amane, omunye uyaphuma; futhi ekugcineni, uma sewedlula cishe amashumi ayisithupha-

nanhlanu, usuphila emsebeni wakho wokugcina. Futhi njalo uma uthatha isithombe se x-ray, uyayibhidliza leyomisebe. Yingalesosizathu ungasenayo, ninamathelisa lezinyawo zabantwanyana kuleyomishini, ngoba nje yayibhidliza imisebe emzimbeni wabo omncane. Futhi lokho ngukukhanya komhlaba nezulu okukuwe, owenziwe ngakho, ugcwele amangqamuzana okuphila okukhanya. Manje, lokho ngukukhanya komhlaba nezulu.

³⁸ Kodwa uNkulunkulu ungukuKhanya okwehlukile, kodwa nokho UngukuKhanya. Ngicabanga ukuthi isithombe lapho singubufakazi obukhulu balokhu engilungiselela ukukusho, ukuthi uNkulunkulu ungukuKhanya. Futhi ngenkathi sisahamba ekuKhanyeni kukaNkulunkulu, njengamadodana kaNkulunkulu; uNkulunkulu akasikho ukukhanya kwezulu nomhlaba, kodwa ukuKhanya kukaNkulunkulu kwakusebenza ngokukhanya komhlaba nezulu kwemizimba yethu, amangqamuzana ethu okuphila. Futhi siba... Sasiyiwo ngokoqobo, ngesinye isikhathi, angempela, amadodana uqobo kaNkulunkulu. Kodwa kwase kuthi-ke ngenkathi kufika ukuwa, futhi-ke lapho... .

³⁹ Isithelo sikaMoya namhlanje wuthando, ukujabula, ukukholeka, ukubekezela, ukubumene, ukukhuthazela, konke kungaphezu kwemvelo. Sekufike endaweni nje lapho wonke umzimba wonke, ulokhu njalo u... .

⁴⁰ Njengomuthi okhula olwandle, uwuthola phansi ekugcineni kolwandle. Izikhathi eziningi, abatshuzi, futhi bayongena ngaphansi kwalemithi ekhula olwandle. Futhi ngaphambi kokuba bakwazi, bathandelwa ngangokuthi abakwazi ukuphuma kuwo.

⁴¹ Awu, yileyondlela isono esenze ngayo esidalweni esingumuntu. Yileyondlela ukubanda okwenze ngayo ibandla. Yileyondlela amakhomanisi elenze ngayo isizwe. Sikhohlisa ngempela. Bese kuthi-ke emzimbeni womuntu, siyasithandela, sifuqa sikhapha lokhu ukuKhanya kukaNkulunkulu; ngamahlelo, futhi siphika ukuKholwa, kanjalo njalo, sifuqe ngaphandle yonke imisebe yaMandla amakhulu kaNkulunkulu okukholwa, niyabo, okukithi, okufanele kubekhona. Zifuqe yonke leyomisebe yaphuma, endaweni engangokuthi, sesize safika nje edlangaleni. Futhi—futhi manje-ke ngaphansi kwedlangala, ibandla selinjalo, ngoba nje sivele safuqa, bonke ubumnyama, kwaphuma, futhi ngisho sebethi nje, “Akwenzeki.” Bephika ukuthi kungenzeka, niyabo, izimangaliso zikaNkulunkulu.

⁴² Futhi nokho, umuntu, ndawo ndawo phansi phakathi kuye, ndawo ndawo phakathi kuye, uma kuphela engadedela lokho okuncane... Njengoba ngikubonise ngomdwebo, njengenkinobho. Uma umuntu esindiswa, lokho okuningi

kuye nguNkulunkulu. Lokho ngukuKhanya okuncane okungenayo, ukumenza ayeke ukwenza lokho okungalungile. Manje, uma ningathatha bonke ububi, nomhawu, nombango nokungakholwa, nikukhiphe, lokho okufana nenkinobho encane kokuKhanya naMandla kaNkulunkulu kuzolokhu kukhula, kukhula, kukhula, kukhula, kumpintshe kukhiphe ukungakholwa. Futhi awukwenzi ngentshumayelo eyimiyalo yo—yokwejwayeza umzimba. Ukwenza ngokungcwelisiwe, ukuPhila okwehlukaniselwe ukuthi uMoya oNgcwele uhamba kuwe. Ngakubamba okunye kwaKho endaweni, khona, esikhathini esingese esedlule.

⁴³ Bangaki oselokhu ekhumbula ngenkathi u Elij'Perry evuswa kwabafuleyo ngalokho kusa, abanye benu ngapha na? Nibonile ephepheni lapha, izikhathi eziningi. Ngibona uDadewethu Wilson, bona, bephakamisa isandla sabo. Ngangimi lapho ngenkathi leyondoda ifa. Ihlala khona ngaphandle lapha manje, iyeza enkonzweni kanye ngasikhathi, ikufakaze.

⁴⁴ Yayisifile, amahora amaningana. Yabulawa umopho wamaphaphu, futhi yayigcwele igazi yonke indawo. Futhi ngasuka ngahamba. Ngangisengumshumayeli osemncane nje, ngalezozinsuku. NoDadewethu Jackson wayevame ukuba yilunga lebandla lapha. No—nomkamshumayeli wamaMethodisti, sengiyalikhohlwa ukuthi kwakungubani igama laleyondoda manje. UShafiner, uMfowethu Shafiner noDadewethu Shafiner. Babenokuhlobana okuthize noWisehearts. Futhi bona naye wayemi lapho eceleni kombhede. Futhi ngaqala ukusuka. Futhi nje wayenegazi yonk'indawo, lapho ayefele khona. Namehlo akhe ayesekweqile, nomphimbo wakhe usuqhunsukile. Bamboza ngeshidi. Umkakhe wayephandle lapho, lapho ekhala, futhi ezama ukuthola amakheli, ukuba abize abathandekayo.

⁴⁵ Ngaqala ukuqhela embhedeni, futhi ngezwa uMuntu othize ebeka isandla Sabo phezu kwami. Ngangicabanga ukuthi kwakunguDadewethu uShafiner. Futhi ngenkathi ngiphenduka, kwakungekho-muntu eduze kwami. Ngase-ke ngiqala... Kwasuka kimi, ngenkathi ngiphenduka.

⁴⁶ UMfowethu uElij' wayelele lapho, efile. Sasingobhuti abashomene kakhulu, sasidoba emfuleni, uyazi, ukuthi sasikwenza kanjani okuningi kakhulu sindawonye. Futhi walimala lapha ngaphandle, kwaloliwe, egibele ikalishi elilula. Awu, labonda amaphaphu akhe ngaphakathi. Wayopha. Wopha wase ethola iTB kukho, wayesefa.

⁴⁷ Ngaqala ukusuka ngaya *ngapha*, ngase ngisizwa futhi lesoSandla. Ngajika, bese Siyasuka kimi.

⁴⁸ Futhi ngaphambi kokuba ngazi ukuthi ngangenzani, ngangilele phezu kwaleyondoda, izindebe zami zisezindebeni zayo. Nganginegazi njengoba nayo yayinjalo, ngilele lapho

phezu kwaleyondoda, ngikhala kakhulu kuNkulunkulu. Futhi ngezwa into ethize ikhuphuka, eduze kwendlebe yami. Kwakuyisandla sayo.

⁴⁹ Niyizwile ima khona lapha futhi ifakaza ngakho. Niyabo? Ukuthi ya. . . Futhi ibuye iyaphila. Futhi lokho sekucishe kube yiminyaka engamashumi amabili-nanhlanu eyedlula, kumbe mhlawumbe amashumi amathathu. Iyaphila, namhlanje, khona phandle lapha ejikeni. Futhi ifika lapha esikhathini esingeside esedlule, yayifakaza ngakho ebandleni.

⁵⁰ Manje, yilapho eCanada eyabiza khona futhi ifuna ukwazi, ngesinye isikhathi. Ngangifakaze ngakho eCanada ngenkathi kuqala ngiqala imihlangano yami. Babiza uMnu. Coots, umngcwabi, futhi babuza ukuthi ngabe yayikhona yini indoda eyavuswa yakhishwa ekamelweni lokuhlala, eyayifile. Nginazo iziqephu ezisikwe emaphepheni, namanje.

Bathi, “Sizwile ngezimangaliso eziningi zenziwa,” UMnu. Coots washo. Wathi, “UMnu. uBranham ungumngane wami qho, futhi zonke izinhlobo zezinto kwenzekile. Kodwa asinarekhode lanoma ubani evuswa kwabafuleyo, ikakhulukazi kulelikamelo lokuhlala lomngcwabo.”

⁵¹ AbaseCanada babengakuqondisisanga. Futhi ngosuku olulandelayo i. . . Kwami, iphepha lalilayinelwe. Wathi, “Amakhulu abantu afike evela ndawo zonke.” NoMfowethu Perry phakathi lapho, uqobo lwakhe, efakaza ngokuvuka komzimba wakhe lapho, futhi ebhikishela i—into ayekade eyifake ephepheni. Futhi ngakho-ke kwaqondakala ukuthi kwakungesikho lapho. Kwenzeke ekhaya lakhe, futhi ngakho lapho ayelele khona, efile. Babengamthathanga neze bamyisa ekamelweni lokuhlala lomngcwabo, nokho.

⁵² Ngase ngifunda ngobuny’ubusuku, lapho khona uIrenaeus, ngikhulwa ukuthi kwakunguye, noma uMartin oNgcwele, owabeka umzimba wakhe wanquma kumngane wakhe, emva kokulengiswa. Manje lowo ngumlando. Futhi walala phezu kwakhe ihora, nendoda yaphila.

⁵³ Futhi ngiyabona eBhayibhelini lapho uElija abeka khona umzimba wakhe wanquma emzimbeni wengane efile, futhi iyaphila.

⁵⁴ Ngicabanga ngomfanyana ngaleya eFinland, ngenkathi elele lapho, efile, elele eceleni komgwaqo.

⁵⁵ Manje-ke, futhi, cishe ezinyangeni ezimbili ezedlule, ngikhulwa ukuthi kwakuyizo, Gene, kwiNewsweek; ukuthi bajika, lokho abakubiza ngokuthi, “abaphilisi ngokukaNkulunkulu” bachitheke eLandani. Futhi bavunyelwe ukuhamba, bekhulekela abagulayo. Futhi kwakukhona cishe amapesente angamashumi ayisishiyagalombili

okuningi ukuphiliswa kunalokho okwakukhona ngomuthi. Lowomkhuleko wabagulayo.

⁵⁶ I *Reader's Digest* yakucosha. Futhi eMelika lapha, bona sinakho kubhalwe kwakhishelwa lapha, futhi ku *Reader's Digest*, lapho babehlolwe khona ngokuphiliswa ngokukaNkulunkulu. Futhi bathatha umfowethu owakhulekela abagulayo, futhi kwakunendoda eyayigula, futhi bathi akakhulekele abagulayo. Base-ke bebeka ikhasi lomthofu. Noma ubani uyazi, ikhasi lomthofu lidonsa lowomsebe. Phezu kwayo, phakathi kwendoda, nendoda eyayikhuleka, umfowethu, isandla sakhe. Wase esibeka phansi *kanje*, base beshutha isithombe se x-reyi. Futhi esandleni sendoda, kwakhombisa ukukhanya okubonakalayo komsebe kuphuma esandleni sakhe, kuya kwenye indoda. Niyabo? Kunjalo. Ya.

⁵⁷ UNkulunkulu wayazi ukuthi Wayesho ukuthini uma Ethi, “Bayobeka izandla phezu kwabagulayo, bayosinda.”

⁵⁸ Ukubeka izandla, kwalendoda, phezu kwendoda egulayo, ne x-reyi ewumshini (O Nkulunkulu!) ikhombisa ukuKhanya kuvela esandleni sendoda. Bangaba kanjani abantu yisithutha kangaka, ukuba bathi ayikho into okuthiwa ukuphilisa ngokukaNkulunkulu na? Ngani, ngisho nezihlaziyi zemishini, imishini e-eyenziwe yisayense, uyi—uyi... (ini?) isola imibono yabo uqobo, ngalamabandla ethi, “Ayikho into okuthiwa ukuphilisa ngokukaNkulunkulu naMandla kaNkulunkulu.”

⁵⁹ Kuthiwani-ke ngendoda eChicago na? Nje kuqhubeka njalo njalo, ngisho, ukuthi yangibeka kanjani phambi kwalowomshini wokulinganisa lapho, naleyo nto, ukuthi lesosandla sasirejista kanjani njengomshini ohlola amanga, kwawo. Niyabo?

⁶⁰ Nalowo wesifazane elele, efa, babeka okokuhlola phezu kwaso. Okwaze kwashwibisa lesosandla, sinaMandla enele ukuthumela umlayezo womsakazo emhlabeni jikelele, ngokuphindwe kamashumi amane, futhi abulala umshini. Lowo ongcwele, efa, enza ukuvuma kwakhe. Wasibeka endodeni embi, yona ifa; futhi ngenkathi kwenza, kwaphosa isandla, zaphambana, ngakulena enye indawo, kwenele ukuthi kubulale umshini. Lowo-lowomphikinkolo, wathi, “Uma ekhona uNkulunkulu, futhi Engukulunga kwenhliziyo elungileyo, ezindumisweni zaKhe, ‘engathumela lowomshini aMandla enele ukuwuphosa ngapha nangapha, kukhona oKuthize kulowo wesifazane, okwenza lawoMandla. Futhi uma kowesilisa omubi, kungawuphosa ubuyele ngapha,” wathi, “Nkulunkulu, ngihawukele mina, soni,” futhi wanikela ngenhliziyo yakhe kuKristu. Kunjalo. Ngani, isayense iyazi.

⁶¹ Futhi ngoluny’usuku uzothola, uNkulunkulu ukuwe. Niyabo? UNkulunkulu, uqobo lwaKhe, esidalweni esingumuntu. UNkulunkulu ekithi! O, ngimbonga kakhulu uNkulunkulu ngalezozinto, zimangalisa kakhulu!

⁶² Manje, ngaphambi kokusondela eZwini laKhe, futhi manje asithathe isikhathi sethu nje, ngoba kulokhu ukusa sizokhulekela abagulayo. Futhi ngi—ngikukhiphile.

⁶³ Futhi manje omunye ubebuza ukuthi sizobakhona yini lapha ngeSonto elizayo. Awu, indlela... Angikazi nje okwamanje. Ba... Kul'khuni ukuthi ngazi ngaphandle uma kwembulwa yiNkosi. Uma iNkosi ivuma, mhlawumbe ngeSonto elizayo ebusuku. Ngithatha zonke lezizintshumayelo zasekuseni kumfowethu oligugu lapha. [UMfowethu Neville uthi, "Amen. Kulungile, mfowethu."—Umhl.] NgeSonto elizayo ebusuku, mhlawumbe, uma ngikhona lapha, iNkosi ithanda. Okungukuthi, ngokweywayelekile ngikhona, ngaphandle uma ngibizelwa ukuthi ngiphume. Ngifuna ukukhuluma ngokuthi: *Sibonile iNkanyezi yaKhe KwelaseMpumalanga Futhi Size UkuKhuleka*. Niyabo, umlayezo nje, umlayezo kaKhisimuzi.

⁶⁴ Futhi manje ngaphambi kokuba sisondele kuYe, noma eZwini laKhe, asisondele kuYe ngomkhuleko. Uma... Bonke abakwazi ukuma, asime umzuzwana nje.

⁶⁵ Baba wethu waseZulwini, singabantu abajabule ukwedlula bonke, ukuthi sijabula kakhulu imiphefumulo yethu—yethu yobuntu ize ingabe isakwazi ukukubamba. Size nje simemeze kakhulu, ngezinye izikhathi, futhi siveza obala ukujabula okusezinhliziyweni zethu, ngoJesu Kristu; ukwazi ukuthi ngehora esiphila kulo manje, lapho khona yonke into i—isesiyaluyalwini ukuthi iyiso, nokho sikhona isiSekelo esiqinileyo.

⁶⁶ Nokubona amadoda asmati evukileyo, ezinsukwini ezedlulayo, futhi izame ukufakazisa ukuthi akukho ngisho ukuthi uNkulunkulu wayekhona, ngokwenza kwamasu emishini yabo uqobo, babuya ngqo futhi bafakazela inkazimulo kaNkulunkulu. Qiniso, uJuda waze washo, qobo lwakhe, ukuthi waye "kxhaphela iGazi elingenacala." Induna yekhulu engumRoma yathi, "Impela leyo bekuyiNdodana kaNkulunkulu." Izitha zaKhe uQobo zaze zafakaza. Futhi siphile saze sabona unyaka wesayense ufika ekupheleni kwawo. Abasakwazi ukuqhubekela phambili. Bazovele nje, noma ngamuphi umzuzwana, baqhumisane bodwa babe yizicucu. Kepha nokho siyabona ukuthi yona impela imishini yesayense abayisungulile, ukuzama ukufakazisa ukuthi akunjalo kuWe, bajika ngqo futhi bafakaza ngenkazimulo yaKho. SiKubonga kakhulu ngalokho, Nkosi! Makuthi thina, namhlanje, sikhumbule ukuthi iZwi likaNkulunkulu alisoze lehluleka.

⁶⁷ Siphe ukukholwa, Nkosi. Njengaleso esincane, isisho esingaphucuzekile esikhashaneni esedlule, engisenzile, mayelana naMandla kaNkulunkulu ekithi, nakho konke okwezicubu zemisipha yethu ukuba kube ngukuKhanya

kukaNkulunkulu, nobumnyama nesono kuvale izimbotshana zomjuluko kithi, zomphefumulo wethu. Makuthi uMoya oNgcwele, kulokhu ukusa, wenabele emntwini wethu, ufuqa ukukholwa kuphumele kumuntu wethu ongaphakathi impela, ukuthi yonke imizimba yethu nezimpilo zizogwaliswa swi ngaMandla kaNkulunkulu, abantu baze babone ukuthi uJesu Kristu uhlala eBandleni laKhe. Siphe khona, Baba.

⁶⁸ Sikunikela konke kuWe manje, futhi sicela ukuthi Uzobusisa lamazwi ambalwa esizowasho manje, ukuzama ukuphawula ngalokho osekuvele kulotshiwe ngomunye wabaPhostoli baKho, uPawulu oNgcwele omkhulu. Futhi ngiyakhuleka, Baba, ukuthi uMoya oNgcwele uzothatha Lokhu futhi uvele nje uKwenze kukhule kuphumele ezinhliziyweni zabantu, futhi kunikeze ukukholwa enkonzweni yokuphilisa ezayo. Sicela eGameni likaJesu. Amen.

Ningahlala phansi.

⁶⁹ [Udadewethu uqala ukukhuluma ngolunye ulimi. Akuqoshwanga eteyipini. Umfowethu uqala ukukhuluma ngolunye ulimi. Akuqoshwanga eteyipini. Umfowethu unikeza incazo—Umhl.] Ayibongwe iNkosi. Amen. Akadunyiswe uNkulunkulu. [Akuqoshwanga eteyipini.]

⁷⁰ Nkulunkulu, siyaKubonga ngokulunga kwaKho nesihawu. SiyaKubonga ngokuzibonakalisa kwaKho kothando naMandla, ngakho konke lokho Osenzele khona. Asizifanele izibusiso Osipha zona. Impela ngi...Ngokuzwakala komlayezo, kungahle kube ngumlayezo uqobo lwayo ophumile, futhi ngokubonakalayo ububiza izoni, ukuba zi—zifune Wena, ngokuba ihora lembubhiso selisondele eduze. Baba Nkulunkulu, sikhulekela ukuthi uma kubakhona lowomuntu lapha kulokhu ukusa, noma labobantu, abazoqonda ukuthi asazi lutho ngalezizinto, ukuthi kungokweqiniso, uMoya oNgcwele ukhuluma ngezindebe zomuntu, ukuba unikeze incazo, ukubiza abantu owamiswa ngaphambi kokusekelwa kwezwe, ukuba babe ngamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, futhi mhlawumbe bakuyekile lokhu isikhathi eside. Kwangathi bangeza namhlanje, Nkosi, ukuba bazi Wena, nokuthi bathole leyondawo yokucasha, ngoba ihora selisondele eduzane. Siphe khona, Baba, njengoba silindela Wena ngokuqhubekayo, eMlayezweni. EGameni likaJesu Kristu. Amen.

⁷¹ Manje, uma kubakhona othize ongahle ngempela angaqondi ukuthi imilayezo iphuma kanjani ngaleyondlela, ababili babo, kungahle kube ngukuthi oyedwa uphuthwe ukusho okuthize omunye akucoshile. Ngokuba, niyaqaphela ukuthi okunye bekukuncane kanjani, ubemncane kanjani omunye, okumbalwa nje mhlawumbe omunye akushiyile. Futhi ngenkathi kufika ukutolikwa, kufike konke ngomugqa ofanayo, niyabo, lokho kunikeze umlayezo, ubizo ezonini.

⁷² Ku—kuyenzeka nje ukuba kuthi, lababantu bebengazi ukuthi bengizokhuluma ngani. Akukho-muntu okwaziyo, akukho namunye ezweni okwaziyo kuze kwaba manje nje, kodwa yiyo leyonto impela engikhuluma ngayo. Niyabo? Ya. Manje phenyani kanye nami kwabaseKorinte bokuQala, isahluko 14. Kuhle uku—ukuthi nje—nje udedele konke ukungakholwa kuphume kuwe, ukuze uMoya oNgcwele ukwazi ukungena bese nje uthatha indlela yaWo, uyazi, bese uhamba ngqo ezicubini zenyama yakho, futhi—futhi ulawule, futhi—futhi ulawule impilo yakho.

⁷³ Manje, wena obhala phansi imiBhalo. Ngaqaphela, ngolunye usuku, lolohlobo lokufundisa oluhambisana kanjalo, lwasiza kakhulu, ngaze ngathola amakhasi amathathu noma amane lapha ngalokho engizokhuluma ngakho, kulokhu ukusa, ngemiBhalo nezinto, ukuze ukuqobele phansi futhi umake izindawo. Futhi nginazo zimakwe phansi lapha ukuze ngingazikhohlwa.

⁷⁴ Manje esahlukweni 14 sakwabaseKorinte bokuQala, amavesi 1 kuya kwele 8. Lalelisisani manje.

Jongani uthando, futhi nizondelele iziphiwo zomoya, ikakhulu ukuba niprofethe.

Ngokuba okhuluma ngolimi olungaziwayo kakhulumi kubantu, kepha ukhuluma kuNkulunkulu: ngokuba kakhoo ozwayo; noko, umoya wakhe, ukhuluma izimfihlakalo ngomoya.

Kepha oprofethayo ukhuluma kubantu kube ngukwakha, nokululeka nokududuza.

Okhuluma ngezilimi uyazakha yena; kepha oprofethayo wakha ibandla.

Nokho bengithanda ukuba nikhulume ngezilimi nonke, . . . kakhulu ukuba niprofethe: ngokuba mkhulu oprofethayo kunokhuluma ngolimi olungaziwayo, uma engahumushi, ukuze ibandla lakheke.

Manje-ke, bazalwane, uma ngiza kini ngikhuluma ngezilimi, ngiyakunisiza ngani, uma ngingakhulumi kini noma ngokwambula, noma ngokwazi, noma ngokuprofetha, noma ngokufundisa na?

Nezinto ezingenamphfumulo ezikhalayo, noma igenkle noma ihabhu, uma zingakhali ngokwahlukeneyo, kuzakwaziwa kanjani okubethwa ngegenkle nangehabhu na?

Ngokuba uma icilongo likhala ngezwi elingaqondakaliyo, ngubani oyakuzilungiselela ukulwa na?

⁷⁵ Manje ngifuna, uma seniya ekhaya, niqhubeke nje ukuba nifunde lesosahluko esigcwele lapho, ngoba maningi amavesi

aSo, amavesi angamashumi amane alesisahluko. Futhi ngifuna uku—ukuba niSifunde uma seniya ekhaya. Sichaza iziphiwo.

⁷⁶ Manje uma bengingakubiza ngendikimba kulokhu ukusa, kweyami. . . engifuna ukukusho, ithi: *Izwi elingaQondakaliyo*.

⁷⁷ Manje, uPawulu lapha wayekhuluma, ngo—ngokukhuluma ngezilimi. Uma engekho ohumushayo, ubani obezokwazi ukuthi labobantu batheni esikhathini esingeside esedlule na? Bebengeke bazi. Kodwa nje ukhuluma kuNkulunkulu. Impela umoya wakhe unikeza—unikeza iZwi, futhi unesikhathi esimnandi, kuyambusisa nje. Wathi, “Uyazakha yena,” ngoba unenduduzo ukuthi uNkulunkulu ukhuluma ngaye. Kodwa uma kufika ohumushayo, nalokho, niyabo, ohumushayo afike emva kwalokho; khona-ke akwakhi yena kuphela, kwakha ibandla lonke, kunika wonke umuntu i—iZwi leNkosi, ngalokho.

⁷⁸ Manje, bathi, “Uma kukhona umprofethi, manje-ke, umprofethi ekhuluma ukuze kuthi ibandla lonke,” oyi. . . Umprofethi, kuyini na? Umambuli wobuNkulunkulu weZwi lobuNkulunkulu, onesambulo seZwi, ukunikeza abantu. Manje-ke lokho kwakha wonke umuntu. Niyabo?

⁷⁹ Manje, umuntu okhuluma ngezilimi, angakhuluma ngezilimi. Futhi kwenqatshelwe, nakho, ukuba noma ubani akhulume ngezilimi ebandleni, ngaphandle uma kukhona ohumushayo lapho. Ngakho yingalesosizathu sivunyelwa lapha ukuba sikhulume ngezilimi, ngoba sinabahumushi abathathu noma abane khona ebandleni manje, khona manje, khona lapha nalelibandla, abahumushi bolimi olungaziwayo. Futhi ngakho, ukuba bekungekho mhumushi, khona-ke besingeke sibavumele bakhulume ebandleni. Nokho, ekhaya futhi uma bekhuleka, ngoba bayazakha bona, ngoba uMoya uphezu kwabo, baze bazame. . . Abantu empeleni bacabanga ukuthi basho ongakuqonda, kodwa abakwazi abakushoyo. Bona, njengokusukuma nje bese beqala ukusho okuthize, abakwazi nje ukukumisa. Kuyaqhubeka nje—kuyaqhubeka nje kugeleza. Futhi bacabanga ukuthi bakhuluma lapho oqonda khona. Kuyi—yisimo sokuzwa kancane.

⁸⁰ Njengokuthi nje uma kusemsamo, njenganamhlanje, nizoqaphela uma kufika ukwehlukana ngokubona okufihlakeleyo. Kunabantu abaningi phakathi lapha, engingakaze ngibabone empilweni yami. Bhekisisani uMoya oNgwele uma Sewehla, uzoqala ukuphumela ezethamelini futhi utshele labobantu ukuthi bangobani, noma bavelaphi ukuthi kwenzekani, nokuthi banasifo sini, konke lokho. Niyabo? Kuyini na? “YiZwi likaNkulunkulu, elibukhali kunenkemba esika-nhlangothi zombili, lihlaba kuze kuyofika emnkantsheni wethambo, lahlulele ngisho imicabango nezizindlo zenhliziyi nengqondo.” Niyabo? Niyabo? YiZwi likaNkulunkulu.

⁸¹ Manje, uPawulu wathi, “Uma nonke nikhuluma ngezilimi, engekho umhumushi, kungene ongafundile, athi, ‘Bayizinhlanga, bayahlanya.’” Igama elithi *hlanya* lisho “uhlanya.” “Futhi manje athi, ‘Bayahlanya.’ Kodwa uma ekhona ongaprofetha futhi embule izimfihlo zezinhliziyi, khona-ke wonke umuntu uzowa phansi, athi, ‘UNkulunkulu uphakathi kwabo.’”

⁸² Manje, “Uma ekhona umhumushi.” Ukuhunyushwa, olimini olungaziwayo, yisiprofetho. Niyabo, yisiprofetho, qobo lwaso, ngoba uMoya oNgeweze uyakhuluma futhi Unikeza incazo. Utshela abantu abathize, izinto ezithize okumelwe zenziwe, na—nakho konke. Futhi umuntu ngamunye uyazi ukuthi uma Ushaya kuwe, wena uyazi ukuthi Ukhuluma nobani.

⁸³ Futhi ngakho ku—kuhle ukubona ukuthi akusikho kuphela... Akusizo izidalwa ezingabantu, nguNkulunkulu ezidalweni ezingabantu owenza umsebenzi waKhe. Kakhulu, siyibonga ngempela iNkosi ngakho.

⁸⁴ Futhi ngiqala ukuqaphela ukuthi kuqala ukungena kwezinye izindawo, amabandla. uCharles Fuller. Bangaki abake bezwa iHora leMvuselelo eyiFeshini Endala na? Umuntu omkhulu, washo esikhathini esingaside esedlule. Wathi, “Sinokukhuluma ngezilimi, ukuhumusha, khona lapha.” Khona lapho eLong Beach. Yiqiniso lelo. Ngike ngashumayela khona lapho naye, isikhathi esiningi. Ngakho banencazo, futhi benza wonke umuntu ahlale athule du.

⁸⁵ Niyabo, into yakho ngukuthi, asizihloniphi lezoziphiwo. Futhi-ke ngezinye izikhathi uma isiphiwo siphuma ohlelweni, futhi ufanele usehlise. Hhayi—hhayi... Niyabo, ngu—nguSathane ezama ukubafuqa baze bayophoseka ngale. Uma engekwazi ukugcina iqiniso lisuke kuwe, yena uyothatha leloqiniso elifanayo futhi akufuqe uyophoseka ngale nalo. Niyabo? Kunjalo. Uyokwenza ubuhlanya ngalo. Niyabo?

⁸⁶ Manje, sizama ukukugcina kuqondile, lapha. Ku—kuqala ukukhuphuka ebandleni lethu, futhi, okokuqala sekuyiminyaka. Ngakho sikugcina kuqondile, ukubazisa lokho. Lapho, manje, izikhathi eziningi, njengakhona manje, kungahle kubekhona omunye umuntu nje ozizwa kuthi akakhulume ngezilimi, niyabo, khona manje, kodwa bafanele bathule. Niyabo? Ngi... NgineZwi manje. Niyabo? Niyabo? Niyabo? Bese kuthi-ke emva kokuba sekwedlule konke lokhu, nokubizela ealtare kumbe noma yini, lokhu sekuphelile lapha, manje-ke umlayezo usungaqhubeka, niyabo. Isikhulumi singakhuluma ngolimi, noma ngaphambi kwalesisikhathi.

⁸⁷ Manje uma kulokhu kuqhubeka, neziphiwo zingena, khona-ke sizoba nesikhathi esikhethekile ukuba bahlangane. Futhi bazohlangana ndawonye, amahora ngaphambi kokuba ibandla lize liqale, futhi bahlale ndawonye, futhi baprofethe, futhi

bakhulume ngezilimi. Futhi bayibhale leyomilayezo, futhi bayibeke khona lapha emsamo.

⁸⁸ Uma umelusi eza ehla, uzophuma ngqo, bese ethi, “ISHO KANJE INKOSI. Kuzofezeka, ngomhlomunye, ukuthi uMfowethu Jones, ohlala ngapha ngasemzileni kaloliwe, agudluke, ngoba kuzoba nemoto ewa ichezuke emzileni futhi iphihlize indlu yakhe. ISHO KANJE INKOSI. Kuzobakhona owesifazane phakathi lapha kulokhu ukusa. Othiwa ngu *S'bani-bani*. Uvela endaweni ethize-thizeni. Futhi weba into ethize. Ngenkathi eseyintombazane. UMfowethu Branham noma uMfowethu Neville, noma ubani, uzobeka izandla phezu kwakhe, emva kokuvuma iphutha lakhe futhi ezolilungisa, uzophiliswa. Igama lakhe ngu *S'bani-bani*.” Niyabo? Nomelusi, ngaphambi ngisho kokuba kuze kwenzekwe, inkonzo, uzofunda lokhu. Kunjalo. Niyabo?

⁸⁹ Manje kusesimweni sengane, phakathi kwethu manje. Niyabo? Kusesimweni sengane. Manje-ke, niyabo, ayikho into enganyonyoba. Niyabo? Niyabo? UDeveli uyangena bese nje eqala enyameni, manje-ke, uyakwenza, uyodabula lonke ibandla libe yizicucu kanjalo, niyabo, avele nje angene ebuhlanyeni, futhi aqhubeke noma ngasiphi isikhathi, niyabo? Kodwa iBandla lihambisa ngokohlelo. Niyabo?

⁹⁰ Futhi manje—futhi manje uma u—uma umuntu enesiphiwo, bese ehliwa ngumBhalo, futhi—futhi abalawuleki kuso, kukhombisa ukuthi bekungesiso isiphiwo sikaNkulunkulu. Ngoba, noma yisiphi isiphiwo sikaNkulunkulu, siyohlonipha iZwi. Niyabo? Niyabo?

⁹¹ Yingalesosizathu ukuphilisa ngokukaNkulunkulu kunjengoba kunjalo. Niyabo? NguMoya oNgwele uhlonipha iZwi, uMoya oNgwele, umbhaphathizo eGameni likaJesu Kristu. UMoya oNgwele kuwe uyohlonipha leliZwi, ngoba WaLiloba, qobo lwaKhe, niyabo, futhi Ukuwe. Lokho yilokho kuKhanya kukaNkulunkulu okukuwe, okuyohlonipha ngokwazisa iZwi kungakhathaleki ukuthi Lilotshwe kuphi Lapha. Umoya wabaprofethi (ngabaprofethayo, iziphiwo) ithobela umprofethi, niyabo, ongumambuli weZwi ngokukaNkulunkulu. Manje, futhi asijabuli yini ukubona lezizinto ngosuku lwethu na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

Manje, lolu wusuku lokungaqondakaliyo.

⁹² Kwathi lapha, “Uma icilongo likhala ngezwi elingaqondakaliyo, ngubani oyakuzilungiselela ukulwa na?” UPawulu ekhuluma lapha, kusobala, wayekhuluma kulaba baseKorinte. Nabaningi babo babengamabutho, ngalezozinsuku, embuthweni wabo impela. “Manje, manje uma icilongo likhala ngezwi elingaqondakaliyo, ngubani oyakuzilungiselela na?” Ufanele ubenakho ukuqondakala kwanoma yini. Sifanele sazi ukuthi kulungile yini noma qha.

⁹³ Futhi manje siphila osukwini lokungaqondakaliyo olkukhulu. Sonke siyakwazi lokho; usuku lokungaqondakaliyo, nesikhathi sokungaqondakaliyo. Angikholwa ukuthi sake sabakhona isikhathi...Selokhu kwaqala isikhathi emuva ensimini yase-Edene, ngenkathi kungena isono futhi sephula iPhakade langena esikhathini, angikholwa ukuthi sesake sabakhona isikhathi sesikhathi esinokungaqondakaliyo okuningi kangaka njenganamuhla. Ngoba, akukho ngisho nelilodwa ithemba elisasele ezweni lemvelo namuhla.

⁹⁴ Manje, wena uthi, “Awu, ngizibonile izikhathi, futhi ngafunda emlandwini, ngenkathi izimpi zisibekela umhlaba.” Yiqiniso lelo.

⁹⁵ Kodwa asikaze sibekhona isikhathi lapho umhlaba wonke uyoqhunyiswa ube yizicucu, ngomzuzwana owodwa nje. Niyabo? Futhi imbubhiso enje pho, ibingathatha amaviki namahora, kanjalonjalo, manje ithatha umzuzu owodwa, mhlawumbe kungabi sikho lokho. Inkinobho ecindezelwe nje, futhi usuphelile, wonke. Futhi abana...iCuba ingakwenza, yona uqobo. Ayidingi ukukwenza, intwanyana...iHaiti's ibingakwenza. Noma nje yisiphi isizwe esincane esifuna ukukwenza, singabhunqisa izwe liphele nya ngomlilo, futhi siliqhumise liphume emkhondweni walo, noma ngasiphi isikhathi abafuna ngaso. Niyabo? Kuthatha uhlanga olulodwa kuphela, lapho okukhona khona amashumi ezigidi gidikazi zazo emhlabeni jikelele, ukwenza lokho.

⁹⁶ Bhekisisani, icala lokuzibulala uvele wenyukele lapho nje, futhi ube phakathi kwalapho, noDeveli esengene shi kuye, lapho nje lezizilengisi ziyalenga, cindezela leyonkinobho eyodwa nje, nazi zihamba. Futhi zithi nje ingenyuka, sisezibukweni zeziboniso zabanye; bacindezela ezabo, futhi nakhu lapho esikhona. Niyabo? Yilokho kuphela. Isizathu nje bane... Wonke umfo ukhiphe isibuko sakhe, eqaphile, phandle olwandle, imikhumbi ehamba ngaphansi kwamanzi, ngaphandle eziqhingini, ndawo zonke. Bahlezi bazungezile, phezulu eNdaweni yasekugcineni komhlaba ngaseNyakatho, phansi eNdaweni yasekugcineni komhlaba ngaseNingizimu, ndawo zonke, nalezizibuko ezinkulu. Ake nje umuntu acindezele inkinobho, yilokho kuphela abakufunayo. Futhi lapha inkinobho yabo icindezelwe, nabo bonke abanye bacindezele, bacindezele bacindezele. Futhi kuzokwenzekani na? Kodwa, o, i...Cabanga, ukuthi lokho kungenzeka ngaphambi kokuba siphume enkonzweni kulokhu ukusa.

⁹⁷ Kodwa, khumbulani, ngaphambi kokuba kwenzeke lokho, uNkulunkulu wethembise ukufikela iBandla laKhe, wethembise ukufika, ngakho asazi nje ukuthi sikhathi sini Azofika ngaso. Into enhle kakhulu kangaka pho!” Nakubobonke labo abathanda ukubonakala kwaKhe, Uyobonakala.” Ninga... Ningethande ukuMbona kulokhu ukusa na? [ibandla lithi,

“Amen.”—Umhl.] Njengoba sicula leloculo elincane, “Ngifuna ukuMbona, ngibuke ubuso baKhe. Lapho ukuba ngicule ingunaphakade ngomusa waKhe osindisayo.” Lapho konke ukuphila sekuphelile, nezinkathazo nezinsizi sezindize okokugcina, futhi siyoMbona. Futhi sime lapho, sibasha, singasenakufa siseBukhoni baKhe ingunaphakade. Lapho singeke sisabakhona isono, ukugula, usizi, izinsizi, lapho sonke isikhathi siyofiphalela ePhakadeni. Ngani, into enhle kakhulu kangaka pho!

⁹⁸ Manje-ke lokho kukwenza wenzeni na? Ufuna ukusebenza manje, ukungenisa wonke umuntu kuleyondawo, ongamthola, ukuba abe kuloloHlwitho. Ngifuna . . .

⁹⁹ Sengiphinde ngayehlukanisela kabusha impilo yami, futhi ngi—ngithembise uNkulunkulu ukuthi ngizozama ukwenza okuphindwe kabili. Nge—ngenze yonke into engaziyo ukuthi yenziwa kanjani. Futhi ngifisa nje sengathi ngabe bengi—bengingumfo osemusha futhi, ishumi nesishiyagalombili, iminyaka engamashumi amabili ubudala, futhi ngazi engikwaziyo, ukuthi mhlawumbe ngingama isikhathi esidana, ngivakashela abanye abambalwa, into efana naleyo, ngenzela uMbuso kaNkulunkulu.

¹⁰⁰ Nina bantu abasha kulokhu ukusa, osemusha, osenobuningi kakhulu ubusha kuwe okwamanje, futhi kungesizo izibopho zomndeni nezinto, kwangathi uNkulunkulu anganenza nibone umbono, ukubona—ukubona ukuthi hora lini esiphila kulo.

¹⁰¹ Ukunqondakali. Ake sibuke ngale nje izinto ezimbalwa ezingaqondakali manje, ngalesisikhathi esingaqondakali. Kukhona ukunqondakali mayelana ne . . . Njengokuthi sikhulume ngempi, kukhona ukunqondakali ephimbweni likaphakimpi. “Ngeke saqonda.” Abazi. Uyahamba, futhi bayoba nemihlangano emikhulu, kanjalonjalo, futhi abakwazi nje ukuhlangana ndawonye. Kukhona ukunqondakali. Abazi. Abazi ukuthi kuzokwenzekani. Onke amasu amakhulu ezempi, kanjalonjalo, lokho kufundisisa impi, nezinto ezingenzeka nokuthi lokhu kuyophuma kanjani, abanayo impendulo kulokhu ukusa. Akukho-muntu owaziyo. Ngeke nje bakutshela.

¹⁰² Awu, isayense, emva kwazo zonke izinto ezinkulu abebengacabanga ngazo, lonke isu lempi elikhulu abebengedlula kulo, onke amaqhinga ezempi esayense namaswishi abebengawadonsa, emishini yabo yesayense, no—nongqondongqondo babo abakhulu, nezingqondo ezicabangela izingqondo; futhi ngenkathi behlanganisa zonke ndawonye ngalelihora, basho into eyodwa, “Kusele imizuzu emithathu ngaphambi kwaphakathi nobusuku.” Leyo yimpendulo yabo.

¹⁰³ “Singasinda na? Singamba kushone phansi futhi sedlule, sifike ngaphansi komhlaba ngokwenele, ukuvimba lawomabhomu angasitholi, futhi sisinde njengesizwe

na?” Impela beningeke. Iyoqhuma kujule nge—ngemayela emhlabathini. Ukuba-ke benijule ngamamayela ayishumi na? Uma beningajula, beniyoba sematsheni awudaka entabamlilo. Kodwa-ke uma ni . . . Uma beningaze nifike lapho, ukuxukuzeka ngamandla bekungawephula nje onke amathambo emzimbeni wenu. Akukho-ndlela, phansi.

¹⁰⁴ INdlela iphezulu. O, ngijabula kakhulu ukuba neMpendulo! Anijabuli nina na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] IZwi lomsindo eliqondakalayo.

¹⁰⁵ Lelocilongo, lokumba kushone phansi nokungena emigedeni. Manje ngiyezwa ukuthi bagudluza wonke uhulumeni nezinto aphume lapha, ngaseFort Knox, futhi ezansi ngaseMgedeni iMammoth, futhi banendawo ezansi lapho abayilungisayo. Ukuthi uma i . . . Uma kufika okuthize njengokuqophisana okuncane kwempi noma okuthize, bazothatha uhulumeni bamfake kulemigede. Alisho yini iBhayibheli ngokucacile ukuthi bayozicashisa emigedeni nezinto zomhlaba na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Impela. Niyabo? Abanayo impendulo. Ngakho inkambiso yethu enkulu yokubusa yokuqina kombutho ayinayo impendulo.

¹⁰⁶ Manje, sasivamise ukuba, isayense yethu yayithi, “Singenza umshini omkhulu. Sinesibhamu esingcono kunesingenziwa yiJalimane. Sina—na—nabantu onesibindi esikhulu namandla, nesidlakela esidala esingumMelika, futhi sishaya i—izigubhu, na—namacilongo, futhi ebetha, namafulenge ebhakuza, nohalala omncane, nayoyonke into enjalo. Mfana, singawelela lapho, futhi sinomshini omdala ovimbelayo emva kwethu, ukukwenza.” Anidingi ukuwelela lapho. Lesi yisikhathi esisodwa esizokuthola ngaso ekhaya. Niyabo?

¹⁰⁷ Umfokazi oyedwa nje uzocindezela inkinobho, yilokho kuphela okuzokwenzeka. Umuntu oyedwa. Akudingeki ukuba namasosha ayinkulungwane aqeqeshiwe. Ukuba nomuntu oyedwa nje ongenangqondo, ekhwelwe wuDeveli nje, ukuba nje acindezele leyonkinobho, nalokho, kwenele. Niyabo?

¹⁰⁸ Ngakho, abanayo impendulo, ngakho ekugcineni baqhamuka nokuthini na? “Awu, sekusele imizuzu emithathu kube phakathi nobusuku.”

¹⁰⁹ Nginayo—nginayo ifilimu yalokho. Ibolekiswe kumngane wami ongudokotela manje, *Sekusele Imizuzu emiThathu Kube Phakathi nobusuku*. Manje, leyofilimu yenziwa cishe eminyakeni emihlanu edlule, ngenkathi amaJuda kuqala eqala ukubuyela ePalastina. Nefilimu lapho iwakhombisa engenisa izishosha ezindala ezibelethe emhlane wawo, ehamba. Futhi bayahambahamba, bexoxisana nawo. Futhi ngakho ngenkathi bewabuza, bathi, “Senibuyela ekhaya lendabuko, ukuba ni—nizofela ekhaya lendabuko na?”

¹¹⁰ Athi, “Sibuyela ukuzobona uMesiya.” Ehhe. Futhi wethembisani umprofethi na?

¹¹¹ Abaningi benu balifunda iphephabhuku i *Look*, i *Life*, nawo. Ayenesithombe salawomabhanoyi ewakhuphula, evela phansi ezindaweni ezehlukeneyo, phansi, eIran nezindawo lapho ayekhona. Futhi, ngenkathi, ayengangeni kuleyobhanoyi. Awaliboni neze... Asalima ngamageja amadala okhuni, njengoba ayenza cishe eminyakeni engamakhulu angamashumi amabili-nanhlanu eyedlula, ngenkathi uMbuso wamaRoma uwahlakaza. Futhi a—ayengangeni kulawomabhanoyi. Kodwa elidala... .

¹¹² Umpristi wawo omdala wahamba waphumela lapho, omunye worabi abadala, umfundisi, wahamba waphumela lapho wayesethi, “Akasitshelanga yini uNkulunkulu ukuthi ngolunye usuku siyobuyela ezweni lendabuko, ‘Ngamaphiko okhozi?’” Abeka phansi amageja awo, angena ebhanoyini futhi andiza abuyela ekhaya, ngamaphiko.” UIsaya wayibona, kodwa wayengazi ukuthi kwakuyini. Kwakubukeka kufana nenyoni nje indiza. Wayembonile uIsrayeli ebuya, iyendezela iya emuva naphambili. Futhi nina enake nagibela amabhanoyi, niyazi ukuthi kuyini. Kungukuyendezela, liya emuva naphambili, njengeneyoni nje indiza, ebuyela ekhaya.

¹¹³ Ehla lapho, athi, “Awu, uphi uMesiya na?” Ayefuna ukuMbona. Futhi ngiyanitshela, uma nibona amaJuda ebuyela emuva kanjalo, leso yisikhathi sewashi likaNkulunkulu. Sisekugcineni.

¹¹⁴ Manje maduze nje aseysisizwe, aba yikho konke lokho ayikhona, futhi anemali yawo uqobo, nombutho wawo uqobo, nakho konke, yonke into yawo uqobo. Aseysisizwe futhi. Niyabo? O, umcabango omuhle kangaka pho! Nginomunye umBhalo ngalokho, ukuqhubekela ngezansi kancane phakathi lapha, ya, ngalokho.

¹¹⁵ Manje ukungaqondakali nge...ngempi. Asazi ukuthi sikhathi-sini. Nilalele emsakazweni. Nibezwa bethi emsakazweni, “Faka impahla engaka ekamelweni lakho elingaphansi. Yiba namanzi enele, nangenxa yomphumela. Faka umsakazo wakho lapho, bese ungatatazeli.” Ngiyabona kumaphephabhuku, bafaka izaziso ngezindlu ezincane abazongena kuzo, ukuba uhlale ekamelweni lakho elingaphansi noma egcekeni lakho, noma okuthize. Uma amabhomu eqala ukufika, uyasinda kulo, umphumela uzokuthola, noma kanjani, ngakho nje awudingi ukuthi ukhathazeke. Bebengawisa ibhomu ezansi eNew Orleans, nomphumela ubuzokuthola lapha. Ngakho akunandaba, ubuzofa noma kanjani. “Ngakho hlalani phakathi, futhi nihlale niphila isikhathi esidana,” noma yinto efana naleyo. O, he! Angikukholwa ngisho. Ngikholwa ukuthi kungumbhedo ngisho ukukuzama. Kunjalo.

116 Kodwa iBandla alidingi ukuthi likhathazeke. Niyobe seningasekho lapha ngalesosikhathi, empeleni. Niyabo? Yilento enginesiqiniseko ngayo. Niyabo? Anikho, ngoba ukuqondakala kweZwi likaNkulunkulu kwethembisa kanjalo.

117 Manje akesithathe okunye nje okungaqondakaliyo, izinto eziningi kakhulu nje. Imisebenzi awuqondakali. Awazi ukuthi sikhathi sini. Uyasebenza namhlanje, futhi kusasa awazi. Akuqondakali nje. Uyoba nomsebenzi omuhle, ucabanga lokho. Futhi ngosuku olulandelayo, ubasi afike, athole omuny'umuntu, futhi wena akukhahlele akukhiphe afake omuny'umuntu. Ngakho, akuqondakali ngomsebenzi.

118 Asithathe, futhi, impilo yasekhaya ayiqondakali. Ngiyakutshela, angazi ukuthi kwenzenjani esimilweni sabesifazane bakithi. Isehlukaniso siyaqhubeka. Ngi... Kubi kakhulu nje. Futhi niyabona ukuthi kukuphi lapho izinkantolo zezahlukaniso lapho ziminyene khona. Lapho amantombazane nabafana beyoshada khona futhi bahlale ndawonye, babenezingane ezimbili noma ezintathu, noma enye into efana nalokho. Futhi bayohlukana, futhi baphume futhi bashade nomunye, futhi bashade nomunye, futhi bashade nomunye, futhi bashade nomunye, futhi bashade nomunye. Namakhaya abo?

119 Ngangikwelimpofu, ikhaya elimpofu ngempela, ngobuny'ubusuku. Indoda yathi, "Ngiyakutshela, a—angazi nje." Yathi, "Angazi nje ukuthi ngizophila ngani."

120 Ngaqalaza. Yayisebenza. Yayinenkosikazi endadlana lapho, beluhlaza cwe, nezine noma ezinhlanu izingane ezindadlana ezinobuso obungcolile zizungelezile phansi. Ngathi, "Mfana, ungunozigidi."

121 Futhi yathi, "Hhe! Awu, Mfowethu Branham, ngeke ngaliphikisa izwi lakho." Yathi, "Mfowethu, anginawo nosheleni."

122 Ngathi, "Kodwa unento engeke yathengwa ngemali." Ngathi, "Unenkosikazi endadlana lapha mhlawumbe engenazo nezimbili izingubo ezibizwa ngegama layo." Futhi—futhi uma yayinazo, ngumuntu mumbé owayipha zona, ngoba indoda inomsebenzi wosuku nje, ngasikhathi. Ngase ngithi, "Buka lapha, kodwa yethembeke ngokwethembeka konke."

Ngathi, "Baningi abosozigidigidi, kulobubusuku, obenganikela ngabo bonke openi abenabo, ukuba eze ekhaya kunkosikazi ofana nalowo. Kunjalo." Ngathi, "Umkakhe uphume nesigejane samadoda ndawondawo, usebhareni ndawondawo, ethuka, ecula, ebhema, egibele ehla enyuka, nezinto ezinjalo. Kepha nokho yena uyamthanda, kodwa buka ukuthi unani. Yonke impilo yakhe isongelwe kulowo wesifazane, futhi bukani indlela enza ngayo?"

¹²³ Futhi ngapha nangapha, owesifazane kowesilisa. Niyabo? I... Akukho-mehluko. Sekufika isikhathi lapho konke, yonke into, nje i—nje isiyisibumbatha esisodwa sesono. Owesifazane omncane ekhaya, ezama ukunakekela izingane zakhe, nendoda yakhe ingekho iye ndawo ndawo, idakiwe futhi iziqhubekela, igijima nabanye besifazane. Ubezonikani, ukuba ubenezigidi zamadola, ukubona ukuthi lowomyeni uba yindoda ngempela na? Yinye kuphela indlela yakho ukuba kuze kubekhona, uJesu Kristu uyimpundo! Akukho-lutho oluyoke lwenze noma yini enhle. Kusesikhathini sokugcina. NguKristu, futhi Yena yedwa.

¹²⁴ Manje, manje-ke, ngathi, “Bangaki obaba abancane ohamba ejikeleza namhlanje, benezigidi zamadola, abebenganikela ngakho konke abebenakho, uma lowomntwana onedumbe lobuchopho anaye ubephile saka njengowakho olapha kulobubusuku na? Niyabo?” Uqala ukungibuka.

¹²⁵ Ngathi, “Buka. Uthe ubunesoseji ibaloni nobhontshisi, nolofu wesinkwa; ukuthi ukhiphe imali yakho ngalentambama, futhi unesinkwa nobhontshisi, kube okwabantwana bakho ngalobubusuku.” Ngathi, “Bonke benezisu ezinhle, futhi zikwazi ukukudla. Nawe ukwenzile, futhi.” Mangaki ama mul- . . .

¹²⁶ “Wathini uJohn D. Rockefeller na? Wayenganikela ngamadola ayisigidi abandayo, uma wayengadla ukudla okukodwa okuyiklabishi.” Ngathi, “Uthe ubuhlezi ngasefasteleni kulokhu ukusa, umoya obandayo uvunguza ungena. Yena, ehlezi esigodlweni, niyabo, ndawo ndawo. Kodwa, nokho, ukuba ubuzohlala lapho futhi udle ukudla okuyiklabishi, ngalowomoya obandayo ovunguza ungene, ufake isiqephu sephepha.” Ngathi, “UJohn D. Rockefeller ubenganikela ngamadola ayisigidi, ukudla ngasikhathi sinye njengoba nawe ungadla, nangasiphi isikhathi.

¹²⁷ “Zingaki izimpumpithe, nekheyini esandleni sayo, iqhwabaza emgwaqeni, inikele ngabobonke openi ebinabo, ngenxa yamehlo akho?” Niyabo? Ungeke wazilinganisa ngenani izinto ezicebe ngempela, ngezinto esizibiza ngokuthi zicebile.

¹²⁸ Manje ngiyaxolisa, malunga ebandla. Yingalesosizathu sizama ukusho, kulobubusuku, ungeke walinganisa ngenani ibandla lakho elikhulu, imibhoshongo yakho emikhulu, nezinto, nothando lukaNkulunkulu olusenhliziyweni yethu, ngoMoya oNgcwele akunika wona. Akukho kuqhathanisa. Lezizinto zifika zingaphezu kwemvelo. Ningahle nicabange ukuthi siyinqaba, ngoba nibeza bekhuluma ngezilimi futhi behumusha, nabantu bekhala, futhi bememeza, futhi bekhala kakhulu. Ngiqoka ukuba nakho kunakho konke. Ngiqoka ukuba ngumelusi wendlu endala ebhidlikile njenga le, lapho khona amandla kaNkulunkulu ehlangana khona nabantu, lapho iBandla lihlangana khona ndawonye nalezozinto kanjalo; kunokuba nendlu yesonto enkulu kunazo zonke enesihlalo

sombhishobhi ekhona ezweni lonke, ukushumayela kuyo, nesisivivi isigejane sabandayo, azishoyo, abizwa ngamaKristu, azobhekisisa onke amazwi owashoyo, futhi ungeke washumayela ngokuphefumulelwa. Ufanele ubenakho kube *kanje-kanje*, bese ubhekisisa bonke abehluleli nabobonke odokotela, nakho konke phakathi lapho, ukuze ungasho into ethize ukulimaza imizwa yabo, ngoba bangabakhokhi abakhulu ebandleni. Ngizothatha indlela nabayingcosana abadelelekile beNkosi. Amen. Ungeke wakubeka inani. Ayikho indlela yokukwenza.

¹²⁹ Ngakho ngakho-ke, namhlanje, umuntu ocebile ngumuntu okuKristu. Manje, asithi ubunokubona kahle, unempilo enhle, inqwaba yemali, nakho konke okunye, kodwa, nokho, ungena—ungenaKristu, ulahlekile. Ungolusizi, owokehawukelwa, ompofu, ophuphuthekile, ohambaze, kepha awukwazi. Niyabo? Wawunjalo-ke uNyaka weBandla laseLawodikeya. Ungahle ukuba usonta ebandleni elikhulu kunalolonke elikhona esizweni. Ungahle ukuba usonta ehlelweni elibanzi kunawo onke, kodwa noma kunjalo ulahleke ukulahleka kwangempela. Niyabo? Ngakho, umuntu oyisicebi ngumuntu okuKristu. Kunjalo.

¹³⁰ Manje ukungaqondakali kwempilo yasekhaya, ukungaqondakali ngomsebenzi, ukungaqondakali ngempi, ukungaqondakali ngamabandla.

¹³¹ Ngukuthi sesikushayile lokho, ake sikhulume ngalokho nje imizuzu embalwa, ukungaqondakali ngempilo yebandla. Bona, u—uvele. . . U—ungeke nje ulinganise inani lakho, kul'khuni, ngoba ayikho indlela yokulinganisa inani ukuthi siyini isehlakalo kuMoya oNgwele, ebulungeni bebandla. Niyabo? Ayikho indlela. Ayikho—ayikho indlela yokuthi ubungathenga loMoya oNgwele. Ufika njengesipho sesihle uvela kuNkulunkulu. Ufika kunoma yimuphi umuntu ozo. . .

Wena uthi, “Ngabe Uzovele uye kwiyiPentekostal nje?”

¹³² IPentekostal ayisilo ihlelo. Bazama ukwenza lokho, kodwa ungeke wamhlela uNkulunkulu. IPentekoste yisehlakalo noma yiliphi ikholwa elingaba naso. Niyabo? NgowamaBaptisti, ngoweKatolika, ngowamaJuda; owomnyama, owomhlophe, owonsundu, ngowoyelo, ngowobomvu; owanoma yimuphi umbala, inkolo, noma yini; noma ngabe umpofu, ucebile, awunalutho, unenala; noma ngabe uphakathi nendawo, kumbe noma ungubani. Wena, Ungowakho.

¹³³ Futhi wuthando lukaNkulunkulu nesihawu kulinganiswe kuwe, ukuWuthatha. Awukubizi nento eyodwa. Into kuphela Okubiza yona, ngukuba nje unikele impilo yakho kuYe, bese uMemukela. Kulula kanjani nje! Thola konke nje. . . Khohlwa yikho konke nje owake wakwazi, futhi nje zinikele kuYe. Futhi Ufika kanjalo, ngukwemukela nje, uWemukela ngaleyondlela.

¹³⁴ Amahlelo, kwakungeke nje kubeyiWo. Ihlelo likhala ngezwi elingaqondakaliyo. Manje ake ngi nje—nje—nje nginikhombise ukuthi li—liyizwi elingaqondakali. Uya kuleli ihlelo, bathi, “SinaWo. Abanye babo abanaWo.” Kulungile. Uye kulelohlelo. Uye kwelilandelayo. “SinaWo. AbanaWo.” Niyabo, onke amahlelo. Kukhona amakhulu ayisishiyagalolunye ehlelo lamabandla ehlukenene. Amakhulu ayisishiyagalolunye namashumi ayisithupha-nesishiyagalolunye, ngiyacabanga, ukuba ngisho okuyikhona impela, ngokwezibalo. Amakhulu ayisishiyagalolunye namashumi ayisithupha-nesishiyagalolunye ehlukenene ehlelo lamabandla, nalowo nalowo uthi “elinye lisephutheni,” futhi bona “banaWo.” Ngakho lokho ngempela kuyikho kakhulu ngempela okwezwi elingaqondakali. Ehhe. Amakhulu ayisishiyagalolunye na . . .

¹³⁵ Kodwa Lokhu kuzwakala kanjani, “UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade na”? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Akukho ukungaqondakali ngaLokho, ngabe kukhona na? [“Qhabo. Amen.”] Yileyo ndlela yokulinganisa inani. Yilapho okutholakala khona ukuthi lilelephi iQiniso. Niyabo?

¹³⁶ Nithi, “Thina maMethodisti sinaWo. Thina maBaptisti sinaWo. Thina maKatolika sinaWo. Thina maPresbyterian sinaWo.”

¹³⁷ Awu, uJesu Nguye OnaWo, ngoba Wathi, “NgingukuKhanya, iQiniso, iNdelela.” Ngakho, nguKristu ephakathi kuwe.

¹³⁸ Ngakho lawa ihlelo amakhulu ehlukenene ngempela ngumehluko, futhi akhala nge—ngezwi elingethembekile kakhulu ngempela. Futhi noma yini engaqondakali njengalokho ingukuthi, ayethembekile, nayo. Noma yini engaqondakali ayethembekile. Ungeke wethembela ekujoyineni ibandla nje, bese uthi yiWo. Ngoba, ngalinye likhala ngezwi elehlukile, futhi uzoya kuphi na? Liyakudida. Uma yake yabakhona indawo . . . Ngiyenzile lenkulumo-mbiko isikhathi esiningi. Ngiyayisho futhi kulokhu ukusa. Indawo embi kunazo zonke abadinga kuyo izithunywa zenkolo, engiyaziyo, yi U.S.A. Yini umhedeni na? *Umhedeni* ngo “ngakholwayo.”

¹³⁹ Awu, manje, sinaye, eAfrika, na—nasezansi eThailand, nezingxenyane ezehlukenene zezwe, sino—nomhedeni wendabuko okhonzisa isithixo. Futhi simbiza ngomhedeni ngoba ekhonza isithixo; akasazi isandla sokudla nesokunxele, akabazi oABC bakhe. Yena, into kuphela ayaziyo, ngukuthi, lowo ngunkulunkulu inyanga-mthakathi eyamtshela ngaye, “Futhi yilapho uNkulunkulu ekhona, ukulokho.” Futhi into kuphela ayaziyo manje ngukuthi, athole into azoyidla, futhi—futhi adle, noma ngayiphi indlela angayithola ngayo. Manje yilokho esikubiza ngokuthi umhedeni. Kodwa, manje, lowomuntu akal’khuni kakhulu ukusebenzana naye uma umlethela iQiniso.

140 Kodwa umuntu ol'khuni ukwedlula bonke ukusebenzana naye yilomhedeni ofundile, niyabo, lomhedeni lapha eUnited States, oneziqo ezine ekholiji, oma emva kwepulpiti, ongakholwayo.

141 Uthi, "Awu, sasinenkonzo ngokunye ukusa, neNkosi yaphilisa i—inenekazi ezansi lapho."

142 "Ha! Ha!" Lowo ngumhedeni. Ungumhedeni ofundile nje. *Umhedeni* ngo "ngakholwayo."

143 Kuthangi, ngihlezi phezulu endaweni, kwakukhona iqembu labantu, abanye babo balapha manje, kwakuyinenekazi elincane elalishayela lenyuka, liphumele ngaphambili. Kwakukhona abantu abahlanu noma abayisithupha ngaphakathi. Kwakukhona inenekazi elalishayela lenyuka, liphumele ngaphambili, kwikharaveni. Indoda yeza emnyango, yase ithi, "Mfowethu Branham, ngiyakuzonda ukuza kuleyosayini lapho. Kodwa," yathi, "siyedlula nje, futhi sifuna ukuthi . . ."

Ngathi, "Ngena." Niyabo? Ngase ngithi . . .

144 "Qhabo," wathi, "umkami ufuna ukufakaza nje, ukuba akutshele okuthize okwenzekayo." Awu, kwenzeka waba ngumngane omuhle kaDadewethu Mercier; uMfowethu Leo lapha, omunye wabazalwane bethu lapha ebandleni, omunye wamadoda amateyipu, umama wakhe.

145 Futhi cishe eminyakeni eyisishiyagalombili noma eyishumi edlule, ngangindawondawo eMpumalanga lapha, nowesifazane uza emsamo ukuba azokhulekelwa. UMoya oNgwele wathi, "UnguNkk. *S'bani-bani*, futhi usuke endaweni ethize. Uphethwe *wukuthi-nokuthi*."

"Yebo. Konke lokho bekuyiqiniso."

146 Manje wathi, "Manje, unomngane owakhe eCalifornia, lowo ngumngane wakho oligugu kakhulu.. Nalona wesifazane uyafa, unomdlavuzo wenso." Wathi, "Kunjalo impela, Mfowethu Branham."

147 Lowo nguMoya oNgwele wembula izimfihlo zenhliziyo, uyabo. Bekufanele kwenze abantu baseMelika bawe ngobuso babo futhi bathi, "Nkulunkulu!" Niyabo? Bekufanele kukwenze.

148 Kodwa, o, bangumhedeni ofundile. Lolo wuhlobo olul'khuni ukusebenzana nalo. Niyabo, usmati kakhulu, yena "wazi kakhulu ukwedlula uNkulunkulu," ngakho yingalesosizathu ebhastelisa ummbila wakhe, ubhastelisa izilwane zakhe, nayo yonke into. Niyabona ukuthi unani qobo lwakhe? Ubuya ngqo, enza kube lula nje, awu, okuzalwe nguye uqobo eceleni, kunjalo, ngokwenzenjalo. Kukho konke ukuzala komqondo wabo, komoya, uevele kalula nje asuke, kukho.

149 Manje siyaqaphela ukuthi lona wesifazane wathi, "Yebo. Kunjalo. Nginaye umngane oseCalifornia, obulawa wumdlavuzo

wenso.” Ngathi, wena bhala bese umtshela, ‘ISHO KANJE INKOSI. Akazukufa, kodwa uzophila.’”

Futhi lelo kwakuyinenekazi ngaphandle. Lase lithi, “Lokho sekube cishe yishumi, iminyaka eyishumi nambili eyedlula lokho kwenzeka.” Lase lithi, “Ngasinda, ngaphila-saka. Akukhosici kuleyonso,” ukuthi laphiliswa. Lathi, “Cishe eminyakeni emihlanu emva kwalokho, ngaphathwa yithumba, nethumba lakhula kakhulu ngokweqile, laze laba,” ngikholwa ukuthi lathi, “laba ngamayintshi ayishumi nesikhombisa noma amashumi amabili-nesikhombisa ukunquma kulo.” Futhi lalilikhulu kakhulu, ngangokuthi lalingakwazi ukusukuma, linalilethumba. Uma lizama ukusukuma, lalingakwazi ukuzimelela.

¹⁵⁰ Futhi baliletha kulelibandla, base belihlalisa phansi khona lapho. Base beliletha ngesikhathi sasebusuku emva kokuba kade sibe nenkonzo yokuphilisa ngalokho kusa. Nabazalwane lapha, balitshela ukuthi sasingezukubakhulekela abagulayo ngalobo busuku. Ngenxa yokuthi sasizo. . . Ngangikhulekele abagulayo ngalokho kusa. Futhi babengafuni ukungethweza umthwalo omkhulu kakhulu ngesikhathi esisodwa. Futhi ngakho emva kokuphela kwenkonzo, kodwa emva kokuphela kwenkonzo, ngimi, ngikhuluma nabanye abantu. Futhi amanye amadoda ambamba lona wesifazane ase emthwala ejikela ngale kwendlu, futhi amhlalisa kulesositebhisi lapho lapho wona ephuma. Futhi wayehlezi lapho; amadoda emthwele.

¹⁵¹ Futhi uMfowethu Taylor, omunye wabazalwane bethu abayigugu lapha, bebandla, wayekhona lapho, ngenkathi kwenzeka, futhi ngiyacabanga, wasiza ukujikisa owesifazane. Ngabe ukhona, Mfowethu Taylor na? Ukuphi na? [UMfowethu Taylor uthi, “Amen.”—Umhl.] Emuva, ya, emuva phakathi *lapha*. Wayemi lapho, ekhona, futhi wasiza ukuba ajikiselwe ngapha ngemuva.

¹⁵² Nethumba, liphume *kanje*. Futhi ngakho—futhi ngakho wathi. . . Uma ngiphuma ngomnyango ongemuva, ngathi nje ukugqolozela ezansi futhi ngimbuka, ngathi, “Sifazane, iNkosi uJesu eyakuphilisa kulowomdlavuza wenso, eminyakeni eminingi eyedlula, izokuphilisa futhi kulelothumba. ISHO KANJE INKOSI.” Angizange ngithinte noma lutho; ngavele ngahamba nje ngaqhubeka ngaphuma ngangena emotweni, ngasuka ngahamba. Futhi ngahamba. Niyabo?

Wathi, “Ungaphuma umbuke na?”

Ngathi, “Yebo. Impela. Mtshela, akangene.”

Wathi, “Qhabo. Asinaso isikhathi. Sifanele sihambe nje.”

¹⁵³ Ngahamba ngaphumela lapho. Nowesifazane omncane, wagxuma waphuma emotweni, eseflethi njengoba nginjalo nje. Wa—wayenesikhathi esikhulu, phandle lapho emgwaqeni,

egijima ehla enyuka ngomgwaqo. Ekhuluma ngezilimi, futhi ememeza kakhulu, eqhuma phezulu ngephimbo lakhe, phambi kwendlu yomfundisi wamaPresbyterian, enesikhathi esikhulu nje.

154 Manje, abanye bomakhelwane bangahle ukuba balunguza phandle, bacabanga, “Awu, kusho ukuthi mhlawumbe lolo ngolunye oluphuma esikhungweni sezinhlanga, lwenyukela ukuzokhulekelwa nguMfowethu Branham.” Lowo wesifazane wayengaphumi khona esikhungweni sezinhlanga. Umphefumulo wakhe wawusanda kubuya eNkazimulweni nje, niyabo, ene—nesikhathi esimnandi.

155 Wathi, “Buka lapha, Mfowethu Branham.” Wavula ibhantshi lakhe; eseflethi ngempela ngempela. Wathi, “Manje, izinyanga zokuqala ezimbili noma ezintathu, emva kokuba ungitshele lokho,” wathi, “Ngangimubi kabi.” Futhi wathi, “Udokotela wathi waye—wayengeke esazama lutho olunye, uma ngingenakumvumela ukuba azame ukuba akhiphe lelothumba lapho.” Wathi, “Lalisinda lapha e . . .”

156 Washo kangakanani ukuthi, “Emaphawondini angamashumi amathathu,” mfowethu, Mfowethu Taylor? [UMfowethu Taylor uthi, “Yebo.”—Umhl.] Lapha emaphawondini angamashumi amathathu, balinganisa ithumba ukusinda kwalo.

157 Wayesethi, “Khona manjalo, Kwaqala, ‘Shu, shu, shu, shu!’” O Uyaligcina iZwi laKhe. Kunjalo.

158 Manje uma ningathanda ukumbhalela owesifazane, sinayo ikheli lakhe nakho konke. Walishiyela uLeo, ukuba amkhonzele kumama wakhe, nezinto.

159 Kwenzeka ukuba umfowabo aganwe ngu—ngumngane wami phezulu lapha eUtica. Intombazane yayiphakathi lapho. IGama lakhe nguClyde Raine. Uphathe konke, okuningi, nenqwaba ye . . . Chisel, simbiza kanjalo. Ngangidlala naye esengumfana. Wakhe enhla lapha eUtica Pike, uhlobo oluthize lwesikhulu sikahulumeni lapho manje.

160 Nodadewabo wayehlezi emotweni. Futhi bona, ngiyacabanga, bakhonza ebandleni likaCampbell. Angazi nje ukuthi lokho kwakha sithombe sini kuye? Wathi, “Billy, kuyamangalisa.” O, ngangivamise ukuyazi intombazane, qobo lwami. Ngike ngaphuma nayo, izikhathi ezithi azibe mbili, njengabafo abasha, sisakhe enhla lapha emgwaqeni. Futhi—futhi intombazane enhle kabi, nje ikahle-hle. Isicishe ibe ngangami manje. Futhi ngakho, yona, kodwa nje ihlezi lapho, ilalele lobobufakazi. Futhi lona kwakungu dadewabo kamyeni wakhe owayekade ephilisiwe.

¹⁶¹ O, ngiyakutshela, mfowethu, akukho ukungaqondakali ngalokho. Lelo yiQiniso. Lelo yiZwi likaNkulunkulu. OkuLenza liqinise. Ngakho i. . .

¹⁶² Noma yini engaqondakali ayethembekile. Futhi ngakho uma izinsuku zalesisikhathi, uma bengaqondi noma uJesu nguyena izolo, namuhla, naphakade, ishiye kanjalo leyonto.

¹⁶³ Ungaba nakho ukuqonda. Ungakwazi ukuthi kuyikho. Ukuthi okwaKhe. . . Uma Engenzi nhlobo noma yisiphi esinye isimangaliso kuwe kodwa isimangaliso esikhulu, ukuthethelela isono sakho! Leso yisimangaliso esikhulu kunazo zonke uNkulunkulu ake asenza, sasingukuthethelela isidalwa esingumuntu isono saso.

¹⁶⁴ Thatha indoda uyiphendule isuka ezintweni, buka, isiguquke kumuntu ongaphakathi impela isuka ezintweni. Ukuthi yake yaphuza futhi yagembula, futhi yenza okubi nezinto ezinjalo, futhi, khona manjalo, kuyiguqule ijike ngqo, ukuba ithande. Futhi iya ekhaya kumkayo, yayisithi, “S’thandwa, ngiyaxolisa ukuthi ngikuphathe kanjalo.” Iqukule abantwana bayo abancane, ibagone ngengalo, “Ubaba uchithe yonke imali yakhe ngowiski, nobaba wenze *lokhu*. No—nomama ubengekho ubusuku bonke, futhi wanishiya bantwana. Ngeke ngisaphinde ngikwenze.” “Nkulunkulu, ngithethelele.” Futhi kanjani, lobobufakazi, leyo ngenye yezinto ezinkulu kunazo zonke ekhona. Yonke iAlcoholics Anonymous inhlangotho esiza asebehlulwe wuphuzo, nakho konke kanjalo, soze baguqula njengoba kwenza lowo. Soze bamenzela umuntu.

¹⁶⁵ Bukani uRosella Griffith omdadlana lapha, lapho ehlezi lapho, ngenkathi bonke laba bakwa-Anonymous eChicago, ezine zezibhedlela ezinkulu, isitafu sakhe sodokotela base bemdelile. Ngesikhashana esisodwa, emsamo, saguqula lowomuntu olusizi omehlo-ahlanyayo. Uma lapho, nejazi lisikwe *kanje*, egqoke ijazi elenziwe ngoboya benyamazane esachakide, lapho unina amthengela lona. Wayeyintombazane esmati. Futhi ephatha amabhodlela akhe kawiski phansi kulelojazi lapho, futhi esaba ukuthi uzowela emgwaqeni, futhi abulawe amakhaza ngaphambi kokuba kubekhona omtholayo. Lapho, emi lapho, ngenkathi konke, abakwa-Anonymous nabobonke sebemdelile. Ubhala ibhuku ngakho manje.

¹⁶⁶ Nango uza emsamo. UMoya oNgcwele wathi kuye, “Igama lakho unguRosella Griffith.” Akukho-kungaqondakali ngalokho. “Uhlulwa wuphuzo. Kade ukwabakwa-Anonymous nakho konke. Kodwa, ISHO KANJE INKOSI, sekuphelile manje.

¹⁶⁷ “Nalelonenekazi elihlezi phezu lapha kuvulande ophuzulu, linguphathini, ongumdansi kaFred Astaire.” Lasukuma lagxuma. “Kunjalo. Nalo futhi lehlulwa wuphuzo,

futhi liyisigebengu sezidakamizwa. Abezomthetho bayalifuna manje.”

Noyise uyasukuma, wathi, “Kuyangicasula lokho.”

Lathi, “Awume kancane, baba. Indoda iqinisiile.”

168 Akukho-kungaqondakali ngalokho. “ISHO KANJE INKOSI, usuphilisiwe. Zinikele.” Manje liphumile lisensimini, nomyeni waloe, eshumayela iVangeli. O, he!

169 Kuyini na? UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade. Ngezinsuku lapho ihlelo likhala ngezwi elingaqondakaliyo kukho, besizolilalelelani ihlelo lebandla, kanti uKristu uhlala enguye na? Akukho kungaqondakali ngaLokho. Kuqondakala njalo. Manje, iB-. . .Siyazi ukuthi iBhayibheli liyasho lapha, uma. . .

170 Noma yini efile inezwi elikhalayo. Into efile, amabandla afile, kumbe noma kuyini, kungaba namazwi akhalayo; kodwa ngaphandle uma kukhona umehluko ekukhaleni kwezwi, ngaphandle uma kukhona enye indlela esingaba nokuqonda ngayo. Manje, siyazi.

171 Lapha, ngingemiBhalo ethize ebhalwe phansi lapha mayelana namososha. Ya. Amasosha ayakwazi, ngezinsuku zokuqeqeshwa kwawo, ayaqeqeshwa kulawomacilongo. Nokuthi akhala kanjani ukuhlelele emuva, noma kulokho azokwenza, nakho konke. Aqeqeshwa ngezwi elikhalayo. Futhi uma—uma ayengalazi lelozwi elikhalayo, ayeyokwazi kanjani ukuthi azilungiselele na? Kunjalo. Kodwa aliqeqeshelwe lelozwi elikhalayo. Futhi ayazi, uma lelozwi likhala, lisho into ethize.

172 Kanjani, ngenkathi uTitus evimbezela izindonga zaseJerusalema, zihaqiwe yizimpi, onke lawomasosha ayeqeqeshiwe; labobafundi, ukuthi babhala kanjani osomlando.

173 UJesu, ehlezi phezulu entabeni ngalolosuku, wathi, “Nxa nibona iJerusalema lihaqiwe yizimpi; osensimini, angabuyeli endlini yakhe, ukuyolanda ijazi lakhe. Osendlini makangayi phezu kwendlu noma ehle.” Wathi, “Kepha ababalekele entabeni yabo, ngokuba kuyokuba yisikhathi senkathazo.”

174 Manje bukani ukuthi onke amabandla amakhulu amahlelo athini, ngenkathi ebona uTitus emasha enyuka. “Manje sizoya endlini yeNkosi, ukuyokwenza umkhuleko.” Base beshiywe yisikhathi. Lelo kwakuyizwi elingaqondakaliyo, lompristi. Lelo kwakuyizwi elingaqondakaliyo lebandla.

175 Kodwa kulabo ababekade beqeqeshelwe ePhimbweni likaJesu, basuka baya entabeni ngokukhulu ukushesha, futhi okuyibona kuphela abasinda kukho. Izwi elingaqondakaliyo. . . “Balekani emzini,” manje, uJesu, ukuba Wayengazange abatshelwe lokho futhi abanike lokho kuqeqeshwa, lelozwi lokuqeqeshwa, babeyokwazi kanjani ukuthi ababaleke na?

¹⁷⁶ Manje, uJosephus, usomlando omkhulu, wathi, “Into kuphela eyakusindisayo kwakuyilabobafundi baka—bakaKristu, ababengamazimuzimu.” Omunye wosomlando wathi babengamazimuzimu. Wathi, “Bathatha umuntu othiwa nguJesusu waseNazaretha, uPilatu ambethelayo, futhi bantshontsha umzimba wakhe ethuneni, futhi baphuma futhi babewusikile bawudla.”

¹⁷⁷ Ababekwenza babedla isidlo, “umzimba weNkosi,” niyazi, njengoba senza lapha. Niyabo?

¹⁷⁸ Futhi wathi, “Kwaba yibo kuphela abasinda kukho, ngoba baphuma emzini.” Babelazi Izwi elikhalayo.

¹⁷⁹ O, mfowethu, kwangathi uMoya oNgwele ungangena ezinhliziyweni zethu kulokhu ukusa, usiphe izwi elikhalayo lalokho kushaya kwenhliziyo kukaMoya oNgwele naMandla aKhe. Yilokho kuphela okuyokwazi ukusinda: lelozwi leCilongo likaNkulunkulu, nezinhliziyu zethu zilungele lehora, ukwazi ukuthi asenzi.

¹⁸⁰ “Thina esisekhona sisasele asiyikubandulela noma sibavimbe labo abaleleyo, ngokuba iCilongo liyokhala.” Onke lawomasosha acambalele ngaleya, aleleyo, kuyo yonke iminyaka; kepha uma iCilongo selikhala, nanokuba babefile ekulaleni, ngeke kubavimbe, ngokuba iCilongo liyokhala futhi libavuse. Balungiselele.

¹⁸¹ Labo abangalungele, abalazi Izwi elikhalayo. Uma lelo—uma leloZwi elikhalayo, lokuFika kweNkosi, liqhuma, Liyozamazamisa iZulu nesihogo, uma Liqhuma. Kodwa labo abasesihogweni, labo abalahlekile, abalazi leloZwi elikhalayo. Abazi ukuthi bazokwenzenjani.

¹⁸² Kodwa labo, nakuba belele kuKristu, bayalazi leloZwi elikhala ngokuqondakalayo.

O, iCilongo leNkosi liyokhala, nesikhathi asisayikubakho,
 Nokusa kuphume iPhakade, kukhanya kubalele;
 Nxa abasindiswa basemhlabeni beyobuthana emakhaya abo ngaleya kwesibhakabhaka,
 Futhi nxa lawomagama ebizwa phezulu ngale, ngifuna ukuba Lapho.

¹⁸³ Faka igama lakho eNcwadini yokuPhila yeWundlu, namhlanje, ngeGazi leNkosi uJesusu, futhi ngeke kube yizwi elingaqondakaliyo.

¹⁸⁴ Manje sizwa izwi elikhalayo lenkathazo liza, amabhomu e atomu lilenga ndawo zonke, ukuhlupheka phakathi kwezizwe, ukudidwa yisikhathi. Kungani sikhathazeke ngomsebenzi na? Kungani sikhathazeka ngekhaya na? Kungani sikhathazeka nganoma yini na?

185 UJesu akazange asitshela ukuthi sikhathazeke, kodwa wathi, “Nxa ubona lezizinto zifezeka, phakamisa ikhanda lakho, futhi uthokoze, ngoba ukuhlangwa kwakho sekuseduze.” Lokho ngukuqondakala kwezwi leVangeli.

186 Uma sibona uMoya oNgcwele ungena ebandleni, uqala ukwehlulela imicabango yenhliziyi, wenza lezizibonakaliso ezinkulu, ukubuya kukaMoya ubuya ngesikhathi sokuhlwa lapho iziNkanyiso zikhanya khona, siMbona efika futhi enza yona impela into efanayo Ayenza lapho eSodoma, ngaphambi kokuba ishe iphele. Sibona leyoNgelosi Ifulathele, ithi, “Uhlekeleni uSara na?” emva kwaYo. UJesu wathi, “Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakubanjalo ekufikeni kweNdodana yomuntu.” Kuyini na? Kungukuzwakala kwezwi elikhalayo lokuFika kweNkosi uJesu.

187 “Bhekani, Ngiyothuma kini uElija umprofethi lungakalibhubhisi izwe lolosuku olukhulu nolwesabekayo. Uyakubuyisela izinhliziyi zabantwana zibuyele ekuKholweni kwasekuqaleni, zibuyele eVangelini, zibuyele eMandleni kaNkulunkulu, zibuyele kuMoya oNgcwele wangempela, ubuyele kuKristu futhi, lungakafiki loloSuku olukhulu.”

188 Sizwa iCilongo likhala. O, he! Kuyini na? “Phaphamani, nina-bangcwele beNkosi, yini nozele lapho ukuphela sekusondela, asilungele lokho kubizwa kokugcina.” Uma likhala ngezwi elingaqondakaliyo, obani abayakuzilungiselela ukulwa, uma kungaqondakali na? Kodwa Alisilo elingaqondakaliyo.

189 Abantu bathi, “Yini lento abakhuluma ngayo, uMoya oNgcwele ufunda yona impela imiqondo yabantu, nezinto Azenzayo na?” Lokho ngukuqondakala kwezwi leVangeli. UKristu wathi kuyoba ngaleyondlela.

190 “Awu, kungani kube yiwo onke lamabandla amakhulu na?” UKristu wathi kuyoba ngaleyondlela. Hhayi ukungaqondakali. Kungukuqondakala kwakho. Sisanda kuqeda nje emhlanganweni wezinsuku eziyisishiyagalombili ngalokho, ukwazi ukuthi iBhayibheli ngokuqinile impela liyasho ukuthi lento iyokwenzeka ngaleyondlela. Amahlelo amakhulu ayovuka, onke ayoziqondakali abe ngumfelandawonye wamabandla. Sinawo, wenza umfanekiso kuso isilo, ukubusa ezindabeni ezingcwele kweKatolika. Siyokwenza umfanekiso kuso isilo. Lapho sinawo, umfelandawonye, lonke ihlelo likuwo. Akusilo izwi elingaqondakaliyo. Likhala ngezwi leqiniso ngempela. Yizwi eliqondakalayo.

191 “Sinokukholelwa okukhulu kweyakithi iU.N., iNhlangano yeSizwe.” Awu, cishe nje ijule njengoba yayinjalo iNhlangano yeZizwe, into efanayo nje. SasineNhlangano yeZizwe, emva kweMpi yoMhlaba yokuQala. Babezophoyisa umhlaba wonke. Akusebenzanga. Ingxoxo yangempela ye U.N. manje ayisaqondakali kakhulu. Abazi ukuthi bazokwenzenjani.

Baphakathi lapho ngenkathi uKrushchev ekhumula isicathulo sakhe futhi eshaya phezu kwedeski. Futhi kwenza buhle buni lokho na? Bonke abehlukene. Kungukungaqondakali kweU.N. I U.N. ilungile, ngokuqhuba kwayo, kodwa isidlulwe yisikhathi. Isikhathi sesedlule kakhulu kunoma yini enjalo.

¹⁹² Linye kuphela Izwi eliqondakalayo. Lelo yiVangeli. Lungelani ukulwa. Kuphi ukulwa na? UkuFika kweNkosi. Zilungiselele ukulwa manje nobubi, uma ububi buthandela abantu ndawo zonke. Yonke into ihamba ngokungafanele, nekhaya lihamba ngokungafanele, ne U.N. iwa, nezizwe zibhidlika, namabhomu e atomu yonke indawo, namakhaya ehluhana, nobumama futhi behla, nezimilo ezimbi phakathi kwabantu, no—nokungathembani phakathi komunye nomunye, onke amahlelo eqophisana futhi ekhathazeka, ufuna ukwenzani na? Qonda. Zilungiselele ukulwa.

¹⁹³ Lapho itelevishini isibola, nomsakazo, nephephandaba. Zonke izikhala zokuphumisa isikhangiso into kulokhu nje kuba wosikilidi njalo, ogwayi, nowiski, nokuphuza, nabesifazane abagqoke izingubo ezingenasimilo. Amahlanya angcolile nabamahlanya ezinhlelweni zetelevishini, neMelika ithathwa yikho. Njengenkulu...Kwaletswa njengendlu yeNkosi uNebukadinezari yo—yokwesasa ngalobobusuku, ngenkathi kufika isiwombe esinolaka lapho. Babenenkulu i—iphathi yewayini nomdanso, netelevishini, ukuba yayikhona ngalolosuku, abamahlanya babo baphuma lapho. Futhi nakho kufika iSandla siloba odongeni.

¹⁹⁴ Futhi, namhlanje, ngenkathi sicabanga ukuthi siphephe kakhulu. Sasinososayense ababedlula bonke ezweni. Sinabedlula bonke ezweni. Sithola ukuthi, sisemuva le, emjahweni womcibisholo. Ehhe. Manje-ke kwenzekeni kwiUnited States na? Akusisona kuphela isandla esiloba odongeni, kodwa kukhona i—isayense yokuphosa izinhlamvu zemicibisholo iloba esibhakabhakeni, ukuthi sisemuva le, sisemuva ngeminyaka. Yin'indaba na? Isandla esilobayo sisodongeni.

¹⁹⁵ Ngalolosuku, kwakulotshwe ngolimi olungaziwa, isandla esiloba odongeni. Kwakungekho-lutho ngaphandle komuntu oyedwa, embusweni wonke, owayekwazi ukusihumusha. Kodwa wayenesiphiwo sokuhumusha. Futhi uyasihumusha, futhi wathi, “Ulinganisiwe, esilinganisweni, wafunyanwa ulula. UNkulunkulu wathumela isizwe sabantu phakathi lapha phakathi kwenu, enibabiza ngaba ‘ginqiki abangewe.’ Nehlela lapho futhi nabathela ngehlazo, futhi nababulala, futhi nababulala ngokubancish’umoya. Futhi nathatha onkulunkulu benu nezithixo nezinto, futhi wakhonza ngakho, futhi nahlala ngokutamasa. Futhi manje nihambe nakhipha zona impela izitsha ethemphelini likaNkulunkulu wabo, futhi niza ngapha futhi nikhuluma amahlanya ngabo, nihlekisa ngabo,

‘umgingqiki ongcwele, umshumayeli onempandla,’ nabo bonke kanjalo. NoNkulunkulu sekumenele. Nehora lokulahlwa kwenu seliseduze.” Sona impela isizwe esasizobathatha, sasilinde esangweni ngayo leyonkathi. Kancane nje emva kwalokho, babulawa ngokucekwa. Abesifazane babo wanqunywa phansi. Abalindi babo, impi yabo, yonk’into, yathathwa. “Ulinganisiwe esilinganisweni, ufunyenwe ulula.”

¹⁹⁶ Futhi besihlanyiswa wumsakazo netelevishini-, namahlaya, nokungcola, namanyala, nokugwegwa, nokuziphatha kabi, nakho konke uNkulunkulu useze wakhathala yikho. Lapho iVangeli, iVangeli leqiniso leBandla likaMoya oNgcwele, liya emuva naphambili esizweni sonke, libonisa ukuqondakala kukaJesu Kristu nokuFika kwaKhe, isikhathi sesize saba phakathi lapha lapho uNkulunkulu eloba khona esibhakabhakeni sethu, “Ulinganisiwe esilinganisweni, ufunyenwe ulula.” Amen. Sisesimweni esesabekayo. Lalelani Izwi eliqondakalayo, hhayi iU.N. engaqondakali. Yebo, mnumzane!

¹⁹⁷ Ngisho nangolunye usuku, ngenkathi sinokhetho. Basho lapha, esikhathini esithize esedlule, ukuthi ngenkathi bebala amavoti ezwe lezombusazwe, futhi babethi ngaleyonkathi, bathi, “Sine... Senginomshini manje, ukuthi wonke umuntu ufanele ethembeke, ngoba uvele nje udonse isiphusho esincane bese wona uvotela umuntu wakho. Uzodonsa wehlise, ukuqhafaza okuncane, bese wona uvotela umuntu wakho.” Hhe! Bathola ukuthi lokho akuqondakali.

¹⁹⁸ UMnu. Edgar Hoover wakudalula, wadalula iQembu leDemokrathi ngolunye usuku. Ngenkathi benomshini osethiwe, ukuthi, njalo uma bevotela uMnu. Nixon, babevotela uKennedy ngokufanayo. Futhi yingani kungabikhona abakwenzayo ngakho, ngalenkathi, uma bethola ukuthi kunjalo na? Ngani na? Awu, akukho kuqondakala kukho. Niyazi ukuthi kwenzekani, uMnu. Hoover. Niyabo? Kulungile. Niyabo, yonke into ayiqondakali. Ungeke usho ukuthi ubani owakhethwa, noma ngabe uKennedy kumbe noma ngabe... uKennedy wabizwa ngo “khetshiwe,” kodwa angazi noma ukhetshiwe noma qha. Manje, angisuye owezombusazwe. Angazi lutho ngawo. Kodwa ngiyazi ukuthi yikuphi okulungile nokungalungile. Nginayo lengqondo engako. Uma kuphambi kwethu ngqo, ukuthi indoda ikufakazisile, ngezobunhloli iF.B.I., ukuthi babenomshini osethiwe ukuba ukwenze. Kwakungekho kwelinye iqembu, elenze ngaleyondlela. Kwakuse—se—sequjini likaKennedy elakwenzayo. Ngani na? Kufanele kube ngaleyondlela.

¹⁹⁹ Akukho lutho kulelizwe olungama, ngaphandle koMbuso kaNkulunkulu. Ngokuba yonke imibuso “ilinganisiwe esilinganisweni, yafunyanwa ilula,” isizwe sakithi. Kungani na?

²⁰⁰ Lapha eminyakeni ethize eyedlula, ngangivamise ukuba nesihlahla esikhulu esidala phezulu lapha, ngangivamise ukuhamba ngihlale phansi. Ngicabange, “Lesosihlahla. Uma sengiyikhehla, uma ngiphila, ngiyofika ngihlale phansi kwalesosihlahla.” Sesiyingozi nje manje. Indawo engangivame ukuhlala kuyo, ngangibona ubaba wami ephuma lapho, nezakhe ezincane, izingalo ezimfishane. Waye, o, ngumKentucky ezansi lapho, futhi wayethwala izingodo nezinto; umfo omncane, ethi akabe ngamaphawondi angamashumi amane-nanhlanu noma angamashumi amahlanu, kodwa eqatha. O, he! UMnu. Coots, enhla lapha, wangitshela ukuthi umbona elayisha ugado okuthiwa wumlotha olungamaphawondi angamakhulu ayisishiyagalolunye namashumi amahlanu, eyedwa, nje i—indoda eqine ngempela. Ngangivamise ukumbona efinqa imikhono yakhe, ukuba ageze phandle lapho, ngocezu oludala olwephukile lwesibuko sinanyatheliswe esihlahleni sama-apula.

²⁰¹ Futhi abanye benu bantu base Indiana ningahle ningazi ukuthi sasivamise ukuphila kanjani le emuva phakathi lapho, nendishi yokugezela endala ibekwe phandle lapho ngasembizeni yamanzi, iphampu. Nomama wayenesaka elidala lapho, isaka lommbila, wenza ithawula ngalo, lithe ukuhlotshiswa. Ngadonsa ezinye zezintambo ngazikhipha ngase ngenza imihlobiso emincane ekugcineni. Elikhulu elidala... Wayengikolobha bese engesula ngalelothawula, isikhumba sasicishe siyobuke ngempela, ngalelo elihayayo elidala, isaka lommbila. Wayengikolobha bese engesula ngalelothawula elidala.

²⁰² Manje, ngangimbona ubaba emi lapho, angene, uyazi, bese efinqa leyomikhono emidadlana, futhi wayegeza. O, he, ngibona lezozinkonyane! Ngathi, “Uyazi, uyophila abe neminyaka engamakhulu amahlanu ubudala, uqine kakhulu.” Kodwa niyazi uk’thini? Wafa enamashumi amahlanu-nambili. Ngani na? “Lapha asinamuzi omiyo.”

²⁰³ Ngama ngaleya eRoma, lapho—lapho oKesari abakhulu bama khona, abahamba emigwaqeni, noquqaba lwabo olukhulu, no—nokuvunula nenkazimulo, nakho konke ababenakho. Futhi niyazi ukuthi ningawutholaphi umbuso wabo na? Ngamafidi angamashumi amabili ngaphansi komhlaba. Iminyaka eyizinkulungwane ezimbili iwushonise phansi.

²⁰⁴ Ngama eCairo, eGibhithe, lapho u—uFaro omkhulu ama khona, ngolunye usuku, owahlupha abantu bakaNkulunkulu, owabaxosha futhi wabenza izigqila. Amashumi amabili noma amashumi amathathu amafidi ngaphansi lapho, ngamanxiwa endawo yabo.

²⁰⁵ Ngama ngaleya eLandani, eNgilandi, lapho khona yonke i—imibuso emikhulu ezindabeni ezingcwele nezinto kume khona, nakho konke lokho. Ngase ngithola ukuthi, sekushone ngaphansi

kwenhlabathi. Kuyini na? “Lapha asinawo umuzi omiyo, kepha siyawufuna Ozayo.”

²⁰⁶ Kungani lemibuso na? Kungokokunitshela kuphela, ukhuluma ngaLowo oPhakade. Kungani isihlahla sisihle na? Silindele ukubonakaliswa okugcwele kwamadodana kaNkulunkulu, lapho lesosihlahla siyophila kuze kube phakade. Kukhona uMbuso ozayo. Ne—neBhayibheli lathi, “Lapha asinawo umuzi omiyo, kepha siyawufuna Ozayo.” Futhi lapho uNkulunkulu usipha uMbuso ongenakugudluzwa.

²⁰⁷ Yonke into emhlabeni iyagudluka futhi inyakaze, iyawa. Yonke into iyabola. Siphila ezweni elifayo. Yonke into iyafa. Izihlahla ziyafa. Utshani buyafa. Izimbali ziyafa. Amadolobha ayafa. Izwe liyafa. Niyafa. Yonke into iyafa. Ngiyafa. Yonke into iyafa. I—imisebe ethize yama-esidi nezinto emoyeni, lokho, amakhemikhali emoyeni.

²⁰⁸ Ngisho nje ungaze uthathe lelibhuloho elikhulu ezansi lapha, ngenkathi ngilibona liza, eminyakeni engamashumi amabili-nambili ngaphambi kokuba limiswe ezansi lapho, ngabona amadoda elahlekelwa yizimpilo zawo kulo, ngenkathi enqamulisa ibhuloho lapho, futhi ngakhuluma ngalo. Umama wami ufuna ukungiyisa kudokotela, wacabanga ukuthi nganginovalo lwedumbe lobuchopho. Ngamtshela. Ngathi, “Ngibone ibhuloho linqamula, futhi ngawabala lawomadoda.” Eminyakeni engamashumi amabili nambili emva kwalokho, ibhuloho lanqamula, nenani elifanayo lamadoda alahlekelwa yizimpilo zawo. Ngicabanga ukuthi kwakuyishumi nesithupha. Impela.

²⁰⁹ Manje, ngacabanga, ngenkathi bebeka lezozinsika ezinkulu ezinquma phezulu ziphase phezulu lapho, lelolobhuloho liyohlala kuze kube phakade. O, balipende kathathu noma kane, futhi liyathomba phansi njengamanje. Kuyini na? Imisebe emoyeni, iyalishisa.

²¹⁰ Sithola intombazane enhle esencane, ishumi nesithupha, ihlezi enkonzweni, iqhumisa ushungama, futhi isika futhi iziqhubekela, iphume futhi idonse izingubo zayo zize zifike endaweni encane lapho ebukeya khona ikhanukisa, ukuba izitshikizele phansi. Futhi akusikho ukushona okumbalwa kwelanga, futhi isindala futhi isimbimbi, nenyama iwa kuyo. Nalowomfana omncane eyayimtshikizela, futhi yavumela umoya uhlale lapho, uyilawule owaphosa ukuziphatha kwayo ezinjani, futhi izophendula, ngoSuku lokwaHlulelwa, ngokuphinga. “Obuka owesifazane amkhanuke usephingile naye vele.” Engaqondi ukuthi akalutho kuphela uluthuli, futhi ubuyela othulini, ngokuba, “Uluthuli, uyobuyela othulini.” Kuyini na? Ukuba kuphela ibingaqonda, futhi iyeke. Lelo yizwi elingaqondakali.

²¹¹ “Awu, manje, us’bani-bani kwitelevishini, us’bani-bani esikoleni,” izama ukulingisa abantu abathize abanesithunzi esincane esikoleni. Ningalokothi nivumele lokho kube yiphethini yenu. Bukani kuNkulunkulu.

²¹² O, amazwi angaqondakali! Ukhetho! Ukuthi isikhathi sifike kanjani manje, ukungaqondakali!

²¹³ Ukuba besinesikhathi, asiphendukele kukho nje. Ngibona odadewethu, bonke bebhala leyomiBhalo phansi, sengathi. Manje kuThimothewu wesiBili 2, asifunde nje imizuzu embalwa. UThimothewu wesiBili, isahluko 2, futhi siqale ngesesi3 icha- . . . UThimothewu wesiBili, isahluko 3, asifunde nje. Lalelani lapha. “Yazi lokhu futhi . . .” Manje, lona nguMoya.

Kepha wena yazi lokhu, ukuthi ezinsukwini zokugcina kuzakuvela izikhathi ezinzima.

²¹⁴ Manje, lowo nguMoya oNgcwele eniwuzwayo ebandleni kulokhu ukusa, ukhuluma emuva ngaleya, eminyakeni eyizinkulungwane ezimbili edlule, ngo 66 uJesu Azalwa, okwalolusuku.

Ngokuba abantu bazakuba-ngabazithandayo . . . nabazigabisayo, nabazidlayo, nabahlambalazayo, nabangalaleli abazali, nabangabongiyo, nabahlazisayo,

²¹⁵ Bukani ngalolosuku, namuhla. Ukhuluma ngobungcwele, bakubiza ngo “mgingiqiki ongewele.” Bukani abantwana, ukuthi benza kanjani. “Ubuhlongandlebe bentsha,” bakhuluma ngabo. Manje ngizokwehluka kuwe, mzali. Akusibo ubuhlongandlebe bentsha; ngubuhlongandlebe babazali. Niyabo? Kuyilokho-ke.

²¹⁶ Abanye benu babiza labomama abadala baseKentucky phezulu lapha, ngokuthi iKentucky yayi “ngafundile kanjani.” Labomama abadala phezulu lapho, befake esidala isigqoko sabesifazane selanga kanjalo, futhi nikhuluma ngaye ukuthi akafundile kangakanani futhi akabazi oABC bakhe. Angahle angabi yiklasi elingako, kodwa, ngiyakutshela, ake kuthi enye yamadodakazi akhe ingene njengamanye enu ngobunye ubusuku; izingubo zisontekile kuyo, nopende wezindebe bonke ubuso bayo, izinwele zayo zonke zishenyuliwe. Angeke athi, “Ubenesikhathi esikhulu, s’thandwa?” Ubeyodumela induku yento ethize, futhi ibiyo—ibiyosazi isikhathi sokugcina ephume ngaso. Bese-ke nikubiza ngokuthi, “ukungafundiswa.” Ya. Yilokho.

. . . nabangabongiyo, nabahlazisayo,

Nabangenaluthando, nabahlebi, nabangazithibi, nabangenabumnene, nabangathandi okuhle, nabanolaka, uzonda abantu abazama ukuphila ngokuyikho. (Niyabo?)

Nabakhapheli, nabanamawala, nabakhukhumele, nabathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu;

217 Wo, bayochitha izigidi zamadola ukuba baye emdlalweni webhola, noma yinto efana naleyo, kumbe lapho ingcweti yezamabhayisikobho ezobe yenza khona into ethize, enye kanjalo, njengesekisi endala nje yamaRoma eminyakeni eminingi eyedlula. Kodwa uma sekufika ekuweleni umgwaqo beya emhlanganweni kaMoya oNgcwele, bayohlala phansi futhi bahleke egosini labo, khona.

218 Awu, wena uthi, “Awu, Mfowethu Branham, labo ngamakhomanisi.” Kulungile, ake sibone ukuthi ivesi 5 lithini.

Nabanesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha amandla akho bewaphika: . . .

219 Bephika Amandla ani? AMandla kaNkulunkulu. “Benesimo sikaNkulunkulu, kepha bephika aMandla kaNkulunkulu.” Beya esontweni futhi besonta ehlelweni, kepha bephika khona impela ukuba khona kukaMoya oNgcwele oseBandleni, ulenza lisebenze futhi lenze ngazo impela izinto abazenza ekuqaleni. O, he! Niyabona ukuthi lesosiqalekiso sehlelo sinjani na? Mm! Ngethemba ukuthi aningithukutheleli. Kodwa ngethemba ukuthi nikuthola ngendlela engizama ukukusho ngikuyo. Niyabo? Manje qaphelani lokhu.

Nabanesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha amandla akho bewaphika: labo-ke. . .

Uthini eBandleni na? “Ligweme.” Likugweme. Liphume kukho. Kunjalo.

220 Ngokuba, lalalani, asifunde elinye ivesi, noma amabili. Lalalani nje, ngokuba ake sibone ukuthi lolohlobo lwabantu luqondakala kanjani. Sibone ukuthi ngabe aluqondakali yini.

Ngokuba kulabo kuvela abanyonyobela emakhaya bethumba abesifazane abayiziphukuphuku abasindwa yi sono, befulatheliswa yizinkanuko ezinhlobonhlobo,

Befunda njalo, kepha bengeke bakwazi ukufika ekulazini iqiniso.

221 Yini iQiniso na? UJesu Kristu uyiQiniso. Wathi, “NgiyiQiniso.”

UPilatu wathi, “Yini iQiniso na?”

“NgiyiNdelela, iQiniso, ukuPhila.”

222 Abesifazane, nalolonke uhlobo lwe—lwe—lwezinhlangano zamanenekazi, futhi benza obhlankeke, futhi behamba ndawonye, futhi bexoxa amahlaya, futhi benamasapha namasapha amasobho ukuba bakhokhele umelusi, kanjalonjalo kanjalo, “Kepha bengeke neze bakwazi ukufika ekwazini ukuthi uJesu Kristu usekhona nanamhlanje ngaMandla okuvuka kwaKhe, kuMoya oNgcwele.” Niyabo, “Bengeke bakwazi!”

223 “Abesifazane abayiziphukuphuku.” Manje wayengakhulumi kini bodadewethu. Wathi, “Abesifazane abayiziphukuphuku,”

kulungile, “abasindwa yizinkanuko ezinhlobonhlobo.” Nina nazi kangcono kunalokho. Ngakho ngiyajabula ngani, bodadewethu abancane.

²²⁴ “Bengeke bakwazi.” Aliqondakali kanjani lelozwi, manje-ke, liyihlelo ngokugcina umthetho ngamehlo nje. Aliqondakali kanjani pho izwi lebandla namhlanje. Ubani owaziyo ukuthi akwenziweni na? Ake nginikhombise ibandla namhlanje. Kukhona ifu lempi elilenga ndawo zonke, izinkathazo ndawo zonke, nabantu bebaleka beyongena ebandleni labo futhi abayitholi impendulo. Ngizoshumayela ngalokho, ubusuku bukaKhisimuzi, *Akukho mpendulo YeNkanyezi Kwelase Mpumalanga*. Manje qaphelani, O, he! Nanso Ilenga lapho, futhi abanayo impendulo. Abazi ukuthi bazothini. Ngani na? Into kuphela abangakhomba kuyo emuva, “Safunda lokhu ekholiji.”

²²⁵ IBandla alethembele kulokho abakwenza ekholiji. Kodwa nguMoya oNgewele ophilayo eBandleni, uLihola futhi uLiqondisa, futhi uLikhombisa zingakenzeki izinto ezizayo, njengoba Lenza ngezinsuku zikaTitus; ubexwayisa ngezinto ezizayo, ukubalekela ulaka oluzayo. O, he! “Onendlebe, maKezwe lokho uMoya akushoyo emabandleni.”

²²⁶ Manje ngabe kukhona noma yini, manje-ke? Bengingabuza. Angifuni ukunihlalisa isikhathi eside kulokho ukusa. Kodwa ngabe ikhona yini into eqondakalayo na? Uma nginitshele izinto eziningi kakhulu okungaqondakaliyo, ngabe ikhona yini into eqondakalayo na? Ngabe kukhona ukungaqondakali mayelana noma yini-ke? Ngani, ngempela, ngibonga kakhulu ukuthi ikhona. Ngabe ikhona yini into eqondakalayo na?

²²⁷ Ngizonitshela ukuthi yini eqondakalayo, lokho ngukuthi, yiVangeli likaJesu Kristu. Manje, uma nifuna ukukubhala phansi. Ngeke sikuphenye, kodwa ningakwenza uma nifuna. UMathewu 24:35, uJesu ekhuluma ngalezizinsuku nalokho okwakuzofezeka. UMathewu 24:35, Wathi, “Kodlula amazulu nomhlaba, kepha iZwi laMi alisoze ledlula.” Lokho kuyaqondakala. Akuqondakali na? [IBandla lithi, “Amen. —”Umhl.] Yileonto eyodwa eqondakalayo, yiZwi laKhe. Manje, nanso into eyodwa. Siyabona ukuthi singeke sakhela phezu kwebandla lethu. Singeke sakhela phezu kwesizwe sakithi. Si. . . Akuqondakali kakhulu. Kodwa yinye into eqondakalayo, lokho ngukuthi, iZwi likaNkulunkulu liyaqondakala. Ngempela nizodingeka ukuthi nikwenze.

²²⁸ Omunye wabo wathi, “Into eyodwa eqondakalayo kwa—kwakuyizintela.” O, qhabo. Izintela aziqondakali kakhulu. INkosi ingafika. Bangayikhokhisa ngaleyonkathi. Sekuphelile konke-ke.

²²⁹ Bathi, “Ukufa kuyaqondakala.” Qhabo, mnumzane. Ukufa akuqondakali. Lutho, nhlobo. Kungahle kube noHlwitho, khona-ke akusekho kufa. Ukufa akuqondakali kakhulu. Qhabo,

qhabo, hhayi ngalolusuku. Kwakuqondakala, eminyakeni eminingi eyadlula, kodwa hhayi manje. Ukufa akuqondakali kakhulu.

²³⁰ Futhi empeleni, ngazi indoda ngesinye isikhathi, eyahamba noNkulunkulu, okuyisibonelo sokukhombisa. Futhi ngoluny'usuku yakhathala wukuhamba, ngakho yavele yabalula ngempela futhi yaqala ukuhamba iya phezulu, yenyukela eKhaya noNkulunkulu. Ukhona owaziyo ukuthi yayingubani na? [Ibandla lithi, “Enoke.”—Umhl.] UEnoke. Futhi wayeyini na? Umfanekiso weBandla ngalolusuku.

²³¹ NoNowa, ongumfanekiso, futhi saba nakho lokho ngeviki leledlule esifundweni sethu. UNowa, umfanekiso kaIsrayeli owawezwayo, uyoba laphaya eNtabeni yokuGuqulwa isimo, laphaya e—e Yorophu, ezansi ePalastina, ebhekile. Futhi lapho be...Lapho uNowa ebona ukuthi uEnoke wayengasekho, wacabanga, “Kwenzenjani kuEnoke na? Kwenzenjani kuEnoke na? Uphi na?” Okungukuthi, wayeyindodana engumzukululu. UNowa wayeyindodana engumzukululu kuEnoke. Futhi wathi, “Ukuphi na? Kwenzenjani kuye na? Asisamtholi.” UNowa waqala akha lowomkhumbi. Wayazi ukuthi isikhathi sasesiseduzane, ngayo leyonkathi.

²³² Futhi manje lema iBandla selihlwithwa, nabantu bethi, “Awu, ngi—ngi—ngibize amaphoyisa. Ngi—ngishaye izingcingo eziphumayo. Ubehlezi owesifazane etafuleni, futhi wanyamalala.” Ya. “A—angazi nje ukuthi kwenzenjani kuye.” Awu, akusikho lokho kuphela. Awu, amaphoyisa athi, “Sithole—sithole izingcingo ezingamakhulu amahlanu zalokho, kulokhu ukusa.” Kwenzekeni na? Sekwedlule ngaleyonkathi, ngani beZizwe. Kunjalo. Niqaphele.

²³³ IZwi likaNkulunkulu liyaqondakala. “Kodlula amazulu nomhlaba.” UMathewu 24:35, “kodwa izithembiso zikaNkulunkulu ngeke zehluleka.” UJesu wathi, “Onke amazulu nomhlaba, kodlula.”

Wena uthi, “Amazulu?” Ya. Ma- . . .

²³⁴ ISambulo 21, uJohane wathi, “Ngabona iZulu elisha nomhlaba omusha ngokuba izulu lokuqala nomhlaba wokuqala kwedlula; nolwandle lwalungasekho. Futhi mina Johane ngabona uMuzi oNgcwele, iJerusalem eLisha, wehla uvela eZulwini, njengoMlobokazi (Wawuyilokho—ke) ehlotshiselwe umyeni wakhe.” O, yilapho engifuna ukubakhona. Nkulunkulu, ngisize ukuba ngibe Lapho ngalolosuku. Kulungile. Izithembiso zikaNkulunkulu ziyaqondakala. Siyakuqonda lokho.

²³⁵ Manje ake nje sithathe omncane—umBhalo omncane, noma uhambo oluncane, futhi sibuyele emuva futhi sithole into ethize eyakholwa ezinsukwini ezedlulayo, ukuthi baphuma kanjani, ngokwethemba ukuthi iZwi likaNkulunkulu ngabe laliyizwi eliqondakalayo yini. Manje asibuyele emuva ekuqaleni

kweBhayibheli, okwezimilo ezimbili nje noma ezintathu. Futhi sizolungela umugqa womkhuleko, imizuzu elandelayo eyishumi nanhlanu, noma okuthize.

²³⁶ Manje asibuyele kokokuqala, futhi sithathe uMfowethu Nowa, ekuqaleni. UNowa, ku Genesisi. Sithola ukuthi kwakukhona amazwi amabili noma amathathu, amazwi amaningi ayekhishwa ngezinsuku zikaNowa. Elinye lawo, uNowa walizwa iPhimbo likaNkulunkulu, lathi, “Lizokuna.” Manje, uNkulunkulu . . .

²³⁷ Lalelani. UNkulunkulu ngokwejwayelekile ukutshela into ewubuwula uqobo, ezintweni zezwe, ukuthi nje . . . Ukwenzela ukusanganisa izwe. Niyabo? Ziyasanganisa nje engqondweni yabo. Bathi, “Manje, isigejane sabagingqiki abangcwele, o, bakithi! Ningangitsheli lokho, ukuthi uNkulunkulu, uNkulunkulu ongcwele, uyophila esigejaneni esinjengaleso na?”

²³⁸ Leyo yinto efanayo uBalaki wathi, noBalamu wathi, ngenkathi ebuka phansi futhi wambona uIsrayeli. Wathi, “Awu, yonke into ichaza ukuthi yayikhona, emgqeni, bayakwenza.” Kodwa wehluleka ukubona leloDwala elishayiwe naleyoNyoka yeThusi, nokubona lezozibonakaliso nezimanga, zokuphilisa nezinto, ekamu. Ngokuqavile, babefana nje. Kodwa uNkulunkulu wenza into ngokuba yisidlamlilo kakhulu. UNkulunkulu uyisidlamlilo. Manje lokho kuzwakala kuxakile, kodwa Uyiso. Manje, siyathola nje, ngezimilo ezimbalwa.

²³⁹ Bukani uNowa. Manje, iBhayibheli liyakusho lokho, ngosuku lukaNowa, lalingakaze liyine evela ezulwini. UNkulunkulu wanisela umhlaba, kwenyuka ngomhlaba. Lalingakaze line. Futhi nantu “uhlanya” ngaphandle ngaleya, akha isikebhe esidala esikhulu, cishe silingana nezindlu ezimbili zasedolobheni ubude. Isikebhe ukuba sintante, ngenkathi kwakungekho lutho lokuba sintante kulo! Kwakungekho manzi. Ayengekho ngisho. Into kuphela emhlabeni, into enkulu kunazo zonke, kwakuyisiphethu. “Manje uyakhelani leyonto, futhi eyihuqa ngebhitume ngaphakathi nangaphandle, nezinto ezinjalo na? Ngani,” bathi “avelaphi lawomanzi, Nowa na?”

“A, phezulu *laphaya*.”

²⁴⁰ “Awu, ngiwusosayense. Futhi ngi—ngi—ngafakazisa, ngalomoya, ukuthi—ukuthi akukho—akukho manzi phezulu *laphaya*. Uma ebekhona, abezokwehla khona manje. Awekho phezulu *laphaya*. Ngingafakazisa kuwe ngokwesayense ukuthi awekho phezulu *laphaya*.”

²⁴¹ “Awu, kodwa,” uNowa wathi, “uyazi, uNkulunkulu uyakwazi ukuwabeka phezulu *laphaya*.” Yilokho-ke. “UNkulunkulu wathi ayoba phezulu *laphaya*, futhi azoba phezulu *laphaya*.”

“Awu, wenzani, Nowa?”

“Ngi—ngilungiselela wona. Uyabo? Ngiyalungiselela.”

²⁴² Awu, manje, isayensi yayizwakalisa izwi. Isayense yathi, “Lesiya sigejane sabaginqiki abangcwele lapho kulelogquma empeleni siyahlanya. Ngani, ba—basangene. Awu, ba—ba... Bagweda isikebhe esikhulu esidala laphaya. Awu, bazokwenzani ngaso ezweni na? Awu, ukuba besithathe sonke isiphethu ezweni, futhi sasifaka sonke emanzini, abengeke enele ngisho ukumatisa indikimba yomkhumbi. Futhi lapha bathi, “Uzontanta. Nalawomanzi azokwehla evela phezulu *laphaya*.”

²⁴³ Kodwa, uNowa, akunandaba ukuthi isayense yayithe kwakungubuwula kanjani, wayelalele Izwi eliqondakalayo. UNkulunkulu wathi, “Ngizobhubhisa izwe ngamanzi.” Akukho okungaqondakali ngalokho. Kwezwakala kuyizwi elingaqondakali ngaleyonkathi, kodwa kwakuyiZwi likaNkulunkulu, akunandaba ukuthi lezwakala liwubuphukuphuku kangakanani.

²⁴⁴ UNkulunkulu wathi, “NgiyiNkosi eniphilisayo.” Akukho okungaqondakali ngalokho. Niyakukholwa lokho.

²⁴⁵ UNkulunkulu wathi, “Ngiyonika, lowo othandayo, uMoya oNgcwele.” Uyafika. Akukho okungaqondakali ngalokho.

Uthi, “Ngiyisidakwa. Ngiyisifebe. Ngi. . .”

²⁴⁶ Angikhathali ukuthi uyini. “Othandayo, makeze.” Akukho okungaqondakali.

²⁴⁷ Ngiqoka ukuthi Asho lokho, kunokuba athi, “Uma uWilliam Branham ezofika, ngo 1960, Ngiyomnika imithombo ya Manzi okuPhila.” Manje, lokho bekuzoba kuhlana, kubukeka sengathi bekuyimi. Kodwa kungahle kubekhona u William Branham ombili. Bengingeke ngazi ukuthi uyena muphi obeyimina.

²⁴⁸ Kodwa ngenkathi Ethi “lowo,” ngiyazi lowo kwakuyimina, noma kanjani, ngakho kwakuyimi—kwaba yimina engangifuna ukuza. Niyabo?

Ngakho, niyabo, iZwi likaNkulunkulu liyaqondakala.

²⁴⁹ Manje ezweni elingaphandle, izwe lesayense, kuzwakala kungaqondakali ngempela. Niyabo? Ngoba, wathi, “Manje ubani owayeyoke acabange. . . Manje bukani. Nanso inyanga ebusuku. Nazo izinkanyezi. Nanko umoya owemboze umhlaba jikelele.” Futhi babehlakaniphile kakhulu ngalolosuku, niyazi, kunoma benjalo manje.

²⁵⁰ Bakha izithombe amabhushi anekhanda lomuntu aqoshwe ngamatshe ngalolosuku. Besingakwakha thina namhlanje na? Isidladla esisodwa, futhi sithatha izimoto eziyizicaba eziyishumi nesithupha, ukusibeka phezulu lapho, futhi sihlezi siphakeme uhhafu wendlu yasedolobheni, emoyeni. Besingasakha thina na?

²⁵¹ Bakha isivivane ngalolosuku. Lapho, lawomatshekazi aphakathi lapho, esinda amaphawondi angamakhulu

ezinkulungwane zetani. Awu, asinalutho ezweni obelungasakha. Asinamandla. UPetroli kumbe noma yini enye ibingeke iliphakamisele lapho. Beningeke nibe nemishini emikhulu ngokwenele. Kwabakanjani. . . Futhi siphelele ngangokuthi. . . Akukho-simende kuso. Kodwa babelisika lapha emhlabathini, base beliphakamisela lapho, ngandlela thize, futhi ungeke uthathe ireyiza bese uyifaka kuso *kanjalo*, sinamathelene thaqa. Bahlakaniphile ukwedlula thina manje. Nalokho kuhlakanipha okufanayo. . .

²⁵² Babenodayi emuva lapho. Babekwazi ukwenza umuthi wesidumbu singaboli ngalolosuku. Asikwazi ukwenza owodwa namhlanje. Ngeke sikwazi ukwenza umzimba womuntu ube yisidumbu esingaboli, asazi ukuthi babefakani kuzo, ukuzenza zibukeke ngokwemvelo. Babeno—babenodayi, babefaka phakathi indwangu ngalolosuku, esingenawo manje. Besingeke senze lutho olunjengawo. Ziningi nje izinto ababenazo ngaleyonkathi, esasingenazo thina.

²⁵³ Lapha esikhathini esithize esedlule, bamba bakhapha a—amatange amanzi esimanje, khona lapha eMexico, ayecwile ngesikhathi sangaphambi kokubhubha kwezwe ngamanzi. Amatange amanzi esimanje, bahlakaniphe kude le kunathi namhlanje! Niyabo?

²⁵⁴ “Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa,” abantu abahlakaniphile bayathanda ukwenza lokho, “kuyakubanjalo ekufikeni kweNdodana yomuntu,” esinye isizukulwane esihlakaniphile.

²⁵⁵ Babehlakaniphile kakhulu labobantu, mhlampe isayensi enkulu ngokuthe xaxa, eyayikwazi ukukala ukuthi inkanyezi ngayinye yayehlukene kangakanani. Babehlakaniphe ngangokuthi, ngokomumo womhlaba, babeka leso esikhulu, isivivane esikhulu kahle, futhi sibekwe sama phakathi nendawo ngqo emhlabeni, ngangokuthi, akunandaba ukuthi ilanga likuphi, alikaze—alikaze libekhona ithunzi macala onke kuso. Ekuseni, kusihlwa, phakathi nemini, nomaphi, akukho-thunzi macala onke kuso. Niyabo? Ngike ngaba lapho.

²⁵⁶ Manje qaphelani zonke lezizinto abazenzayo, namandla ababenawo. Futhi ungathini nje, lalingakaze line, futhi kungekho lutho ezibhakabhakeni ukulenza line. Kwenzeka kanjani ezweni ukuba—ukuba leyondoda ukuba ize iwelise lowomlayezo na? Ayizange. Kwakuyilokho-ke.

²⁵⁷ Kodwa njengoba uNowa wama phambi komnyango womkhumbi, futhi wexwayisa abantu ngembubhiso ezayo, unjalo nomshumayeli weVangeli ozelwe ngokusha, namhlanje, emi eMnyango, uKristu Jesu, embozwe ndawo zonke nguMoya oNgcwele, exwayisa abantu ngembubhiso ezayo. Impela. Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, nakhu simi kulolusuku.

258 Manje, yayingasho kanjani isayense ukuthi, “Imvula ivele *laphaya na?*” Kodwa, niyabo, uNkulunkulu wayazi ukuthi ilethwa kanjani imvula laphaya. Kuphakathi kokuthi ubangela ukuzamazama komhlaba, noma omunye wayenamandla eatomu, abayijikijelayo yase iqhumisa enye ingxenye yomhlaba. Futhi yasonta umhlaba waqethuka, yawuphosa waphuma emkhondweni wawo, futhi manje uqethukile. Futhi ngenkathi benza lokho, ukushisa komhlaba nokubanda komhlaba, elangeni nokuqhela elangeni, kwabangela ukuba kuvele ifu. Ungu Jehova-jire. Angazihlinzekela Yena noma yini iZwi laKhe eliyishiloyo.

259 Manje Angazihlinzekela Yena iBandla. Akadingi ukuba nami. Akadingi ukuba nawe. Qhabo. Akadingi. Akadingi ukuba nakho. Angahlinzeka, omunye umuntu angathatha indawo yakho. “Qaphela ukuthi abanye bangawuthathi umqhele wakho.” Akadingi ukuba—ukuba nathi, kodwa thina sidingeka sibe naYe. Uphila njalo njalo, ufanele ube naYe, ngoba NguYe kuphela, njengoba kwasho uPetru. Ngenkathi . . .

260 Wathi, “Naninonke nizohamba kanjalo na?”

Ngenkathi Ebatshela iQiniso. WayenguMuntu omkhulu ngenkathi Ephilisa bonke abagulayo babo. O, ngenkathi Enezibonakaliso nezimanga ziMlandela, WayenguMuntu omkhulu. Kodwa ngenkathi Eqala ukubatshela iQiniso, manje-ke kwenzekani na? Manje-ke, “Uba wuhlanya.” Basuka kuYe.

Waphendukela kubafundi. Khumbulani, Wayezimele ngesingaye impela, ngoba WayenguNkulunkulu. Waphenduka, wathi, “Nifuna ukuhamba, nani na?”

261 UPetru wathi, “Nkosi, besingaya kubani na? Besingaya kuphi na? Ngokuba NguWe onamaZwi okuphila okuPhakade, futhi siqinisekile ngalokhu.” Niyabo? Akukho okungaqondakali ngaLokho. “Siqinisekile ukuthi NguWe onaLo. Asishukunyiswa yiyo yonke imimoya yemfundiso. Siyazi ukuthi Wena unamaZwi okuPhila okuPhakade, ngoba akekho umuntu ongenza izinto Ozenzayo uNkulunkulu engekho kuye, kunjalo, engenaye.” UNikodemu washo ngokuphawula okufanayo.

262 Manje asisho, manje-ke, uNowa. Ngabe izwi lalingaqondakali, uNowa ayelilalele na? Qhabo, mnumzane. Lalikahle. Saba nembubhiso yezwe lasendulo elabhujiswa ngamanzi, yabhubhisa lonke izwe, noNkulunkulu wathumela amanzi ngayo nje indlela Asho ngayo. Ngani na? IZwi likaNkulunkulu lasho njalo. Isayense yaminza yabhubha.

263 Bukani, yona leyonto eyasindisa uNowa, yabulala abagxeki bakhe. Benikwazi lokho na? Wona lawomanzi. Ukuba kwakukade kungekho-manzi, uNowa wayengeke asindiswe. Umkhumbi kwaba yiwo owantantayo. Ngakho yona leyonto eyantantisa umkhumbi, yaminzisa umgxeke.

264 Futhi wona lowoMoya oNgwele namhlanje, abantu abahlekisa ngawo, Uyosindisa iBandla futhi ulahle umgxeki. Yona leyonto efanayo, niyabo, yona leyonto efanayo. Okusindisayo, kubulala i... Okusindisa ikholwa, kulahla ongakholwa. Kunjalo. Ngakho, niyabo, kholwani yiZwi likaNkulunkulu. Yileyonto eyodwa eningama kuyo, futhi nazi ukuthi Liyaqondakala. Okushiwo nguNkulunkulu kuyaqondakala. Likholweni nje.

265 Manje asithathe omunye umfo, emihleni kaMose. Manje, uMose wayezame ngohlelo lwemfundo, wazama ngokwezinhlelo zezempi, ukukhulula uIsrayeli, ngoba wayazi ukuthi wayezalelwe ukukwenza. Futhi kwase kuyihora lakhe ukuba akwenze. Kodwa wazama indlela yakhe uqobo, imfundo yakhe, futhi ebumba inhlango yakhe enkulu yomphakathi, kumbe noma enye into, enza isiphakamiso sezempi ngayo. Ngesayense yakhe uqobo ephathelene nezinkambo ezilungileyo, wehluleka. Manje lalélisisani.

266 Kodwa ngolunye usuku, uNkulunkulu wambamba, ngesihlahla esivuthayo. Futhi bukani ukuthi akunamqondo kanjani—kanjani uNkulunkulu akwenza kulowomuntu. Manje, uNkulunkulu wamdonsa wamenyusela esihlahleni esivuthayo futhi Wakhuluma kuye. Manje, uNkulunkulu wayengakaze akhulume kuye ngaphambili, wayekufunde encwadini nje. Ngakho, uNkulunkulu wakhuluma kuye.

267 Yingalesosizathu uNowa wayazi ukuthi wayekhuluma ngani. UNkulunkulu wakhuluma kuye. Wazi kanjalo-ke. WaLizwa livela kuNkulunkulu. Niyabo? Futhi manje ngolunye usuku lapho kungekho...

268 UMose, waqeqeshwa, wapholishwa, o, he, wayeyisifundiswa esikhulu! He! Futhi wayeyindoda yempi! Futhi wacabanga, “Nalo lonke ulwazi lokufunda kwami... NginePhD, iDDD, iLD eyidabuli, nabobonke oDD okungacatshangwa ngabo. Kodwa, manje, impela ngizokwazi ukuthi kwenziwa kanjani lokhu, ngoba ngiwu—ngiwungqondongqondo waseGibhithe.”

269 Angikhathali ukuthi ungunqondongqondo wani, akusizi lutho, uma sekuza kokukaNkulunkulu. Bungubuwula. Ubungqondongqondo bakho bungubuwula, kuNkulunkulu. Niyabo? “Ngoba, izindlela zaMi ziphakeme kunezindlela zenu, nemicabango yaMi iphakeme kunemicabango yenu, usho uNkulunkulu.” Niyabo? Ngakho, ubungqondongqondo bakho obedlula konke...

270 NjengoPawulu wathi, “Angizi kini, ngishumayela amazwi ngamazwi alumbayo, njengoba kwenza ukuhlakanipha. Ngoba, ukuba ngakwenza lokho, amathemba enu ayeyokwakhelwa...” Manje, uPawulu akakwenzanga lokho, ngoba wayeyindoda ehlakaniphile. Wathi, “Beningakwenza lokho. Kodwa, kwakuyini, beniyoncika elwazini-nzulu lomuntu. Kodwa ngiza

kini, ngamandla nangokuvuka, ngoMoya oNgcwele, ukuze ukukholwa kwenu kube kuNkulunkulu.” Nakho lapho okhona. Isizathu, lelo yizwi elingaqondakali, omunye uyilo. Kodwa *Leli* liyaqondakala, liqinisile. Awu, manje-ke uNowa wayene... Ngiyaxolisa.

²⁷¹ UMose wayezamile, ngezwi elingaqondakaliyo, isayense yakhe ephathelene nezinkambo ezilungileyo. Imfundo yakhe, yayingaqondakali. Kodwa ngolunye usuku wezwa Izwi eliqondakalayo. O! Manje ngizizwa ngigcwala inkolo. Yebo. Wezwa izwi eliqondakalayo, ngokuba wabona ukuKhanya kulenga esihlahleni. “Khumula izicathulo zakho, lapho omi khona, ngoba ngumhlabathi ongwele.” Wathi, “Ngizwile ukukhala kwabantu baMi, futhi Ngiyalikhumbula iZwi laMi.” Amen. Akukho okungaqondakali ngalokho. “Ngiyakukhumbula engakutshela uIsaka, noJakobe, noAbrahama, nabobonke. Ngiyazikhumbula izithembiso zaMi. Angizikhohlwa. Ngiyakubona ukukhala kwalabobantu, nesikhathi sesifikile. Ngizothuma wena, Mose.”

UMose wathi, “Ngingake ngibuyele kanjani emuva na?”

²⁷² Lalelani. “Impela Ngizoba nawe.” Akukho okungaqondakaliyo ngaLokho.

²⁷³ “Njengalokho Nganginaye uMose, kanjalo Ngiyakubana-we.” Niyabo? “Futhi Ngiyakubana-we.” Akukho okungaqondakaliyo ngakho. “Ngiyakubana-we.”

Watshela uJoshuwa, eminyakeni kamuva, “Njengalokho Nganginaye uMose, kanjalo Ngiyakubana-we.”

“Ngizoyithatha kanjani leyomizi emikhulu ebiyelwe na?”

²⁷⁴ “Akusikho okwakho ukukucabanga. Nganginaye uMose. Ngiyakubana-we. Futhi yonke indawo lapho unyawo lwakho lunyathela khona, ngukunqoba. Qhubeka nje uhambe. Niyabo? Akukho lutho oluzoma phambi kwakho, zonke izinsuku zokuphila kwakho.” Akukho okungaqondakaliyo ngalokho. “Ngiyakubana-we.”

“Impela Ngiyakubana-we,” kwasho uNkulunkulu kuMose.

²⁷⁵ Manje ngifuna niqaphele uma umuntu ezwa iPhimbo likaNkulunkulu, siqu sakhe ezwa iZwi likaNkulunkulu. Manje, ungaLizwa. Wena uthi, “Awu, uNkulunkulu uzofika ahlange nami.” Yebo, mnumzane. Bengingahlala lapha ngishumaye ngize—ngize ngiwe ngifele epulpiti, ishumi, amashumi amabili, amashumi amathathu, iminyaka engamashumi amahlanu kusukela manje, anisoze niLizwe uNkulunkulu aze embule iZwi kini. Ningahlala ngqo esihlalweni senu. Anidingi ukuba nibe ngasesihlahleni esivuthayo. Mhlawumbe nisondele kakhulu kunoma nicabanga ukuthi ninjalo. Hlalani lapho nje futhi nidedele uNkulunkulu akhulume kini, eZwini.

²⁷⁶ “Kufanele ngiyeke loluhlobo lwempilo engiyiphilayo. Ngifanele ngiqonde.” Lowo nguNkulunkulu, uNkulunkulu eZwini laKhe, ezazisa Yena kini. “Ngifanele ngilungise impilo yami noNkulunkulu.” Lowo nguNkulunkulu. Lowo nguNkulunkulu, kuyaqondakala. “Ngizofa ngolunye usuku.” Impela uzofa. “Ngizofanele ngiphendule ekwaHlulelweni.” Impela uzophendula ekwaHlulelweni.

²⁷⁷ Manje-ke kuphi ukwahlulelwa kwakho, ngaleya esiHlalweni sobukhosi lapho ongasenamusa, noma lapha esiHlalweni sobukhosi lapho ongathola khona umusa na? Manje, nguwe ongukuzikhethela. Lowo ngumuthi, njengasensimini yase-Edene, omunye owokuPhila nomunye owokufa. UWenqabe, ngokwaLapho, uyafa. Uthathe manje, futhi uyaphila. Manje nguwe umahluleli, niyabo, nguwe ofanele ukwenze. Ungumahluleli manje, kodwa Yena unguMahluleli ngaleyonkathi. Nguwe umahluleli manje, noma uyaLifuna noma qha. Yena ungumaHluleli ngaleyonkathi, noma uyaLemukela noma qha. Ngakho ufanele nje ucabangisise kahle, ukuthi ufuna ukwenzani, kodwa kukuwe. Wonke umuntu njengoAdamu noEva, okuhle nokubi kubekwe phambi komuntu wonke, futhi ufanele ucabangisise.

“Impela Ngiyakuba-nawe.”

²⁷⁸ “Ngiyoke ngibuyele kanjani emuva ngitshela ubasi wami ukuthi sengisindi siwe futhi ngagcaliswa ngoMoya oNgcwele na?”

“Impela Ngiyakuba-nawe.”

²⁷⁹ “Ngiyoze ngimtshele kanjani umyeni wami ukuthi ngizokuyeka ukuncishana kwami na? Ngiyoze ngikwazi kanjani ukwenza lokho na?”

“Impela Ngiyakuba-nawe.”

²⁸⁰ “Ngingamtshela kanjani umkami, ukuthi kade ngi—ngihlala ngokungalungile, ngenze izinto ezingafanele na? Bengingake ngikwenze kanjani lokhu na? Ngingake ngime kanjani phambi komndeni wami futhi na? Bayoke bangikholwe kanjani, babe—babe bazi ukuthi ngiqalekisile ngaqhubeka, futhi ngenza izinto engizenzile, futhi ngibuyele emuva bese ngibatshela ukuthi ‘NgingumKristu na?’”

“Impela Ngiyakuba-nawe,” kwasho uNkulunkulu.

²⁸¹ Kuyokwenza wenze izinto obungeke uzicabange. Bukani uMose, ukuthi kwamenza aziphathise okwesidlamlilo kanjani. Wenzani, lowomuntu, oneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala na?

²⁸² Wena uthi, “Awu, Mfowethu Branham, sengi—ngiwumuntu onobudala obuphakathi kwendima yempilo, ikhehla. Noma . . .” Angikhathali ukuthi umdala kangakanani. Lokho akuhlangene nakho. Usuku ngalo uNkulunkulu angakwazi ukuthi akuthole

ngokwenele ngokuzothile ukuba akhulume kuwe, futhi ungalizwa iZwi laKhe, yilolosuku Akhuluma ngalo kuwe, kungenandaba neminyaka yakho. “Ngingake ngikwenze kanjani, Mfowethu Branham na?”

²⁸³ Bukani uMose, eneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala. IGibhithe lalingqobe umhlaba jikelele. Babamba zonke, zonke izimfihlo zezempi zabo nakho konke esandleni sabo uqobo. NoMose wabeka umkakhe wahlala emnyuzini omdadlana, wabeka uGereshomu enqulwini yakhe. Futhi nangu ehamba, ngokusa okulandelayo nonduku yakhe egobile, esandleni sakhe, ubuhwanqa obumhlophe bulenga *kanje*, futhi mhlawumbe ikhanda lakhe elinempandla licwebezela, kanjalo. Nalomnyuzi omdala wehlela lapho, edonsa lomnyuzi belinganisene. Wayempongoloza, “Udumo kuNkulunkulu! Ayidunyiswe iNkosi!”

Omunye uthi, “Mose, uyaphi?”

²⁸⁴ “Ngiya ezansi eGibhithe, ukuyothatha into.”

“Ubuthutha obunje pho!”

²⁸⁵ Kodwa uma indoda ikhuluma kuNkulunkulu, futhi inePhimbo likaNkulunkulu kuyo, neZwi likaNkulunkulu likuyo! “Uma nihlala kiMi,” uJohane 15. “Uma nihlala kiMi, namaZwi aMi ekini; ningacela enikuthandayo, futhi niyokwenzelwa khona.” Niyabo? Akukho okungaqondakaliyo. Kuyokwenziwa. Kunjalo. Akukho okungaqondakaliyo.

²⁸⁶ Mose, “Kanjani Wena...” UMose ngahle ukuba wathi kuNkulunkulu, “Ngizokwenza kanjani lokho, ukuba ngibe yindoda ehlasela iyodwa na? Ngingakwenza kanjani mina, ikhehla lapha, elineminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, futhi ngizokwehlela kanjani lapho kuleyompi enkulukazi yezigidi zamadoda, bese ngilithatha na?”

²⁸⁷ “Impela Ngiyakuba-nawe.” Yilokho kuphela ayefanele akwazi. Nangu ehamba. Nangu ehamba. Uyehla. Futhi walithatha, futhi. Ngani na? Wayeqonda ukuthi ukukhala kweZwi alizwa kwakuqinisile.

²⁸⁸ Nokukhala kweZwi elikhalayo enikuzwayo kulokhu ukusa kuqinisile, ngoba kuyiZwi likaNkulunkulu.

²⁸⁹ Abantwana bamaHeberu esithandweni somlilo, bazi kanjani ukuthi babezokhululwa na? Bathi, “UNkulunkulu wethu unamandla okusikhulula.” Wayengakaze akwenze ngaphambili. “Unamandla okusikhulula kulesisithando somlilo. Kodwa, nokho, siqinisekile ukuthi Unamandla.” Akukho okungaqondakaliyo ngalokho. “Sazi intando yaKhe nje, kodwa, nokho, asisikhothameli isithombe sakho.”

²⁹⁰ “Asiphumi siye kuleyophathi. Asizukubabhema labosikilidi. Asizukubuphuza lobotshwala. Asizukuwaqamba lawomanga. Asizukuphinga. Asizukuphuma sigijime kumakhosikazi ethu

ngeke sisakwenza, noma kubayeni bethu ngeke sisakwenza. Siqinisekile, uNkulunkulu angasikhulula.”

291 “Awu, uma nikwenza, bazoniphosa ngaphandle komdlalo wokulutha. Bazoniphosa ngaphandle kwepathi yamakhadi, usizo lwamanenekazi.”

“Angikhathali ukuthi benzani kimi. UNkulunkulu unamandla okungikhulula.”

292 “Niyazi ukuthi bazokwenzani? Bazonibiza ngefeshini endala. Yekani izinwele zenu zikhule futhi, uma nenza lokho. Bagqoka lezozingubo ezinde futhi niziphathise okwenenekazi. Niyazi ukuthi bazokwenzani? Bazonibiza ngefeshini endala.”

293 “Angikhathali ukuthi benzani. Kodwa uNkulunkulu unamandla okungikhulula, futhi yileyo nto engiyifunayo namhlanje. UNkulunkulu unamandla okungikhulula. Yilokho kuphela.”

294 “Awu, uma ungazigqoki izikhindi ngalelihlobo elizayo, uzothini uSusie?”

295 “Angikhathali ukuthi uSusie uthini. Ngifuna ukwazi ukuthi uNkulunkulu uthini. Ngoba, uSusie unezwi elingaqondakaliyo. Kodwa elikaNkulunkulu liqinisile. Lokho ngukukhala kweZwi eliqondakalayo.” Ngakho, Wabakhulula.

296 Wayeqiniseke kangakanani uAbrahama, emva kokulindela iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu, ingane uNkulunkulu amtshela ukuthi wayezoba nayo na? Ungathini nje, uAbrahama, ikhehla, udumo oluhle phakathi kwabantu na? Futhi ngolunye usuku, uNkulunkulu wakhuluma kuye, wathi, “Abrahama, Ngizokwenza ‘uyise wezizwe eziningi,’ ngizoshintsha igama lakho manje, futhi ngikubize ngoAbrahama, lisuka kuAbrama liya kuAbrahama. Futhi Ngizobiza, lisuka kuSarayi (S-a-r-r-a-) liya kuS-a-r-r-a-h ‘inkosazana,’ futhi Ngizolishintsha igama lakhe. Futhi manje nobabili. . . Ake sibone, Abrahama, unamashumi ayisikhombisa-nanhlanu, futhi yena unamashumi ayisithupha-nanhlanu. Kade uhlala naye selokhu cishe aba neshumi nesithupha, iminyaka eyishumi nesikhombisa ubudala, ngoba ungudadewenu ingxenye. Futhi kade uhlala naye sonke lesisikhathi. Washada naye ngenkathi eseyintombazane encane nje, kepha nokho beningenabantwana. Kodwa Ngi—Ngizokwenza. Ehhe. Ngizonipha ingane. Futhi uyangikholwa Mina, Abrahama na?”

“Ya, Nkosi, ngiyaKukholwa.”

“Awu, manje, ba—bazothi uya ‘hlanya.’”

“O, kulungile lokho, Nkosi. Kukahle.”

“Ubatshele ukuthi uzoba nengane.”

297 Awu, ujikela ngale udumela uSara, wathi, “S’thandwa, uyazi uk’thini? Sizoba nengane.”

“Ini? Ingane?”

“Ya.”

“Wazi kanjani?”

“UNkulunkulu usho njalo.”

298 “Amen. Kulungile, ke, s’thandwa, sizoba nayo. Awu, manje, uyazi ukuthi ngizokwenzani? Nginike imali encane. Ngizokwehla, ngithenge izicathulo ezingamasokisi zabantwana. Ngizothenga ingubo enemibadlana eyizimbali neziqhano. Futhi sizoyilungiselela lengane, niyabo, ngoba izofika khona manje. Yebo, mnumzane.” Ngakho nanguya ehla eya esitolo.

299 Futhi ngiyabezwa behla beya kudokotela, futhi bathi, “Dokotela, uyazi uk’thini? Sifuna ukuba ulungiselele esibhedlela. Sizoba nengane.”

300 Ha, ha, ha, ha, ha! Mm! Ha, wena, uthe igama lakho ugubani?”

“UAbrahama.”

301 “Ha-ha.” Ya. Yebo, mnumzane. Ngiyaxolisa. Ngijahile namhlanje, uyabo.”

302 Ubuyela emuva, uthi, “Heyi, kungcono nithumele iziphathimandla, zihlole ingqondo yaleliyakhehla. Ngani, lineminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ubudala, nalesiyasalukazi esihlezi phandle laphaya netshali elincane ehloambe laso, njengogogo omncane, futhi sithi sizoba nengane. Ngani, leyo akusiyo—leyo akusiyo yini indodana kaThera ezansi laphaya, ofika evela enhla eShineyari, enhla laphaya embhoshongweni? Akusiyo—akusiyo leyo i . . . Akusiyo indodana yakhe leyo na?”

“Ya.”

303 “Awu, umfo omdala bandla uphumele elangeni kakhulu. Uguliswa yilanga. Uyahlanya kancane. Niyabo? Ya.” Kodwa lelo yizwi elingaqondakaliyo.

Kodwa uAbrahama wayeneZwi eliqondakalayo, “UNkulunkulu usho njalo.”

304 “Awu,” iziphathimandla sithi, “Ubeyikhehla elethembekile. Ngazi izikhathi ezininginingi, upha abafelokazi izinto. Futhi uphana ngezinto. Ba—ba . . . Futhi naye owesifazane unomusa kabi. Angifuni ukubavalela, kumbe noma yini. Asingababeki phandle laphaya eduze kwesihlahla, kulawomaketango nezinto ezinjalo, bazoba sesimweni esibi kakhulu. Ngizokutshela, sizophosa iso kubo, niyazi.” Futhi babelokhu bebaqaphile. “Ahha? Ahha?” Izwi elingaqondakali kanje pho!

305 Kodwa uAbrahama wayazi ukuthi lokho kukhala kweZwi kwakuqondakala. Ngakho wathi, inyanga yokuqala yedlula, “Uzizwa unjani, s’thandwa, kukhona okwehlukile?” Manje khumbulani, nina manenekazi; izinsuku ezingamashumi

amabili-nesishiyagalombili, wayesadlula kudala kukho, cishe eneminyaka engamashumi amane ubudala. Futhi nangu wayeselapha, emashumini ayisithupha-nanhlanu. “Uzizwa unjani, s’thandwa?”

“Awu, mntakwethu, akukho-mehluko.”

306 “Udumo kuNkulunkulu, sizoba nayo, noma kanjani.” Akukho okungaqondakali. “Kuyaqondakala. Ngiqinisekile. Yebo, mnumzane. Ngineqiniso ukuthi sizoba nayo.”

“Wazi kanjani, Abrahama, uzoba nayo?”

“UNkulunkulu usho njalo. Uzoba nayo, noma kanjani.”

307 Awu, inyanga yesibili, inyanga yesithathu, unyaka wokuqala, “Uzwa ukwehluka okuthize, s’thandwa?”

“Qhabo.”

“Akukenzeki lutho namanje?”

“Qhabo. Qhabo.”

“Awu, udumo kuNkulunkulu! Sizoba nayo, noma kanjani.”

308 “Abrahama, ngizwile ukuthi uthe ubuzoba nengane. Hii-hii! Hii-hii!” Lelo yizwi elingaqondakaliyo. Niyabo?

309 Kodwa uAbrahama wayesezwe elinye Izwi elakuzikisa kwaphuma konke lokho. “Udumo kuNkulunkulu. Angikhathali ukuthi ngilinda isikhathi eside kangakanani. Ngizoba nayo, noma kanjani.”

“Wazi kanjani, Abrahama?”

“UNkulunkulu usho njalo.”

“Manje, Yena, ngabe uNkulunkulu wehla wase ekhuluma kuwe?”

“Yebo.”

“Wazi kanjani? Ake ngiMuzwe?”

310 “Wakhuluma nami, hhayi kuwe. Awu, qhubeka.” Wathi, “Qhubeka, wena omdala ongakholwa. Awukholwa, empeleni. Mina ngiyaMkholwa, niyabo, ngakho qhubeka nje uhambe.” Yilokho-ke. “Ngizoba nengane, noma kanjani.” Kwedlula iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu.

311 Kodwa ngaphambi kokuba kufike lesosikhathi, babegitheka futhi behleka. UNkulunkulu wathi, “Uyazi uk’thini? Ngizonisusa nje kubo. Pakishani zonke izingubo zenu nezinto, zilungiseleleni. Phuma, zahlukanise nalesosigejane sabangakholwayo. Ngizokunika ibandla elincane ngapha, abanye abantu bazokukholwa. Suka kulelohlelo eliyilo ngegama nje elidala elibandayo. Phuma lapha. Hamba naMi, ngedwa.” UNkulunkulu akazange ambusise waze wakwenza ngokuphelele lokho, wazehlukanisa nakho konke ukungakholwa.

³¹² Futhi akasoze akubusise uze wenze okufanayo. Susa zonke lezozinkoloze ezindala kuwe, nokuthi, “Mhlawumbe Linjalo, nokuthi mhlawumbe Alinjalo.”

Uma uze ukuzokhulekelwa, kulokhu ukusa, woza nokukholwa kwangempela, “UNkulunkulu usho njalo, nalokho kuxazulula konke.” Yilokho-ke. “UNkulunkulu washo njalo.” Yilokho kuphela okukhona kukho. “UNkulunkulu washo njalo.” Wakusho, nalokho—lokho kuxazulula konke. Ungabe usaba nakuqophisana ngakho, ucabange ngakho. Kulungile.

³¹³ Manje, emva kweminyaka engamashumi amabili-nanhlanu, noAbrahama wayeseze waba yikhehla manje. Wayeneminyaka eyikhulu ubudala. NoSara wayeneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye ubudala. Manje cabanga ngalokho, uogo omncane, itshali elincane ehloambe lakhe, isigqoko esincane esingenamphetho esinezintuli. Nomkhulu, niyazi, *kanje*. “Futhi uzizwa unjani, s’thandwa?”

“Akukho kwehluka.”

“Sizoba nayo, noma kanjani. Udumo kuNkulunkulu!”

³¹⁴ Ngolunye usuku kwenzeka wabuka, futhi nakhu kufika amaDoda amathathu ehamba enyuka. Ahlala phansi. Amabili awo ehlela eSodoma, ukuyoshumayela.

³¹⁵ Yathi, “Abrahama, uphi umkakho, uSara na?” O, he! Whewu! Manje khumbulani, uJesu wathi kuyokwenzeka futhi, niyazi, leyoNgelosi efanayo.

Waqonda ukuthi ayeyiziNgelosi. Niyabo? Wayelizwile leloZwi elikhalayo. Ngenkathi ezwa leyoNdoda ikhuluma, kwakukhona okuthize ngalokho, akuqondayo, ukuthi lelo kwakuyiPhimbo elifanayo. Niyabo? Wazi ukuthi kwakuyiyo Leyo efanayo.

³¹⁶ Wathi, “Sara?” Wangena ngokunyenya, wathi, “S’thandwa, phuma lapho uthi nyelele masinya impela, bese ushanela iziko masinya impela, bese ukhipha amanye, uxove okunye, uthathe inkweshezana uyifake esisefweni esidala.” Niyazikhumbula? “Usefe impuphu.”

³¹⁷ Bangaki, nina baseKentucky, enikukhumbulayo lokho? Awu, he, nifanele. Ngangimbona umama ethatha leyonto endala futhi ayishaye, “bha, bha, bha,” bese eyihlikihla, ayihlikihle, futhi, “bha, bha, bha,” eshukuza leyompuphu eyikhipha, ukuba asenzele amakhekhe amahhadlahhadla. Bese-ke ebilisa lezozikhumba zenyama ezindala, epanini lokuthosa, niyazi, noma ipani lesinkwa, bese efaka amafutha kulo. Nophizi omehlo-mnyama nohlaza lukateniphu, ukudla okumnanjana. Ngakho manje-ke—ngakho manje-ke uma ujusi wama apula usuqinile, bese enza uvinika, niyazi; bese engula sonke isikhutha phezu kwawo, afake uvinika omncane kuwo. Kumnandi. Ngakho bese—bese . . .

318 Ngiyambona uSara ebhaka lamakhekhe amahhadlahhadla, phandle phezu kwalelidwala, okufanayo. UAbrahama waphuma, futhi wezwa kuthi akabone ukuthi uzolitholaphi elincane, ithole elikhuluphele; wase eyalibulala, walingenisa, walilungisa.

319 Waphuma lapho, wathi, “Kukhona okuthize ngaleyoNdoda. Ngike ngalizwa leloPhimbo ngaphambili. Ngiyazi Inothuli zonke izingubo zaYo, nezinto. Ihlezi lapho, ihlikihla ubuso baYo, futhi iqalaza kanjalo. Kodwa ngiyakutshela, ngiyalazi leliyaPhimbo, ngoba alisilo izwi elingaqondakaliyo. Isizathu, ngalizwa, eminyakeni engamashumi amabili-nanhlanu eyedlula. Futhi, s’thandwa, besethemba kusosonke lesisikhathi, ukuba sikholwe. Futhi kukhona okuthize ngaleyoNdoda. Angazi ukuthi yingani, kodwa kukhona okuthize ngaYo, ngiyakholwa.” Kulungile.

320 Ngakho ngenkathi ephuma, futhi wathola isihlahla sokuphunga izimpukane waphunga zonke izimpukane, niyazi, futhi wahlala lapho ngenkathi Edla. Ngakho-ke, emva kwesikhashana, amabili aWo aqala ukubuka ezansi ngaseSodoma. Futhi Aqhubeka ehlela lapho, umshumayeli wesimanje wehlela lapho ukuyoshumayela iVangeli ngaleyonkathi.

321 Ngakho uAbrahama wayehlezi lapho naleNdoda, futhi Yayifulathele ithende. Yathi, “Abrahama, uphi umkakho, uSara na?”

Wathi, “Usethendeni, emva kwaKho.”

322 Yathi, “Ngokwesikhathi sempilo, Ngizokuvakashela ngokwesithembiso eNgasenza kuwe.” Wazi-ke ukuthi leloZwi elikhalayo laliqondakala ngaleyonkathi.

323 Kwenzekani na? Masinya emva kokuba iNgelosi isihambile, uSara uba yintombi, enhle, wathuntutheka wabuyela emuva ngqo, ekhombisa ukuthi Uzokwenzani kuyoyonke iNzalo ka-Abrahama. Lowogogo omdala uba yintombi. NoAbrahama, isifumbu saphuma emhlane wakhe, nentshebe emhlophe yasuka, futhi waba yinsizwa futhi.

324 Futhi bathatha uhambo oluncane, amamayela angamakhulu amathathu, behla beya eGerari. Futhi sebefika ezansi lapho, uAbimeleki, inkosi yamaFilisti ezansi lapho, wayefuna umfazi. Futhi waqalaza ndawo zonke, labobesifazane bamaFilisti ababukekayo. Okungukuthi, bahle. Futhi ngakho waqalaza lapho, wababona bonke labo abesifazane bamaFilisti, wathi, “Ngeke nje ngathatha noyedwa, ngandlela-thize noma enye. Nje ngi. . .” Ngoluny’usuku wambona uSara omncane eza ehla manje, oneminyaka eyikhulu ubudala, ugogo omncane. Wathi, “Yilowo ebengimlindele. Nango. Nguye.” Ngakho, wamthatha futhi wayezoganwa nguye.

325 NoNkulunkulu wabonakala kuye, ephusheni, wathi, “Uyamthatha?” Wathi, “Lowo ngumkamprofethi wami.” Wathi, “Usufile.”

Wathi, “Nkosi, Uyabazi ubuqotho.”

326 Akukho ukungaqondakali ngalokho. Wathi, “Mthathe umbuyisele emuva. Angeke Ngizwe noma yimuphi umkhuleko eniwushoyo kiMi. Ngeke ngizwe lutho ngakho. Ngoba ungumprofethi, futhi mthathe umbuyisele futhi umbuyisele. Isizathu, Ngi. . .” Wayedinga imali encane, yingalesosizathu kwenzeka konke lokhu. Ngakho, babedinga imali. “Ngakho phumela lapho futhi umbuyisele, umfazi wakhe abuyele kuye. Uma ungakwenzi, usufile.” Akukho lutho olungaqondakaliyo ngalokho, ngoba uNkulunkulu wayevale zonke izizalo zakho konke ayenakho. Kunjalo impela.

327 Waphuma lapho, wayesethi, “Abrahama, ukwenzeleni lokhu?”

328 Wathi, “Ngani, ungodadewethu, njengoba ngakutshela ukuthi wayenguye. Kodwa,” wathi, “uba ngunkosikazi wami.”

329 Manje-ke, waqhubeka. Manje wayeyini na? Manje-ke ngenkathi leyongane encane izalwa, emva kwayo yonke leminyaka, ngenkathi sebebuyela emuva futhi. UNkulunkulu wathi, ngolunye usuku, wathi, “Mthathe umenyusele entabeni, umnqume umphimbo wakhe.” O, he!

330 UGenesisi 22, wathatha lengane encane wayenyusela lapho. Futhi wathatha uIsaka omncane, o, wayengasesiyo ingane, wayeseneminyaka ecishe ibe yishumi nane ubudala, waphushela emuva izinwedlana zakhe ezingamashoba *kanjalo*. Wase ekhipha umese, lesosandla esidala esiqhaq hazelayo salowobaba omdala, akungabazeki, egwinya kal’khuni, ebindeka, niyazi. “Indodana yami eyodwa zwi. Kade ngilindle yonke leminyaka. He! Angikaze ngibe nomfana. Mbuke. Mbuke. Lapha, uyindodana yami eyodwa zwi, umfo omncane bandla. Kodwa, Nkulunkulu, Ungitshela ukuba ngikwenze. Ngiyakwazi ukwethemba iZwi laKho. Angazi ukuthi Uzokwenza kanjani. Kodwa, Nkosi, Wangipha yena, njengoyedwa ovela kwabafuleyo.”

331 Manje uma nifuna ukukubhala phansi lokho, amaHeberu 11:17 kuya kwele 19. Asikuphenye nje, sizobe sesikuthola-ke. AmaHeberu 11, isikhombisa- . . . kuya kwele 19. Sesilungiselela ukuvala, emzuzwini nje. 11:17, kulungile.

Ngokukholwa uAbrahama, evivinywa, wanikela ngoIsaka: yebo, yena owayamukele isithembiso, wanikela . . . owayamukele isithembiso wanikela ngozelwe yedwa wakhe.

Okwathiwa kuye, Inzalo yakho iyakubizwa ngoIsaka: Ethi . . . (Ivesi 19.)

Ethi uNkulunkulu unamandla okumvusa, nakwabafileyo; ngokulinganisa wabuye wamthola futhi evela khona.

³³² UAbrahama wathi, “Nkosi, uma uthola... Emuva ngaleya ngenkathi ngiyinyumba, ngangingenalutho. Ngangiyisoni, futhi Wangenza ngaba wutho. Wangenzela isithembiso. Futhi nasi, Ungipha lomfana. Futhi ngamlindela iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu ukuba afike. Futhi manje, eminyakeni eyishumi nane kamuva, ngani, nangu, insizwa, ungukuziqhenya kwenhliziyo kanina nje. Ngamkhipha ngesinyelela endlini. Gcina... Umama ubengeke akuqonde. Kodwa mina ngiyakuqonda Wena, Nkosi, ngiyazi ukuthi iPhimbo laKho liqinisele. Manje Ungitshele ukuba nginikele ngaye phezulu, ukuba ngimbulale. Futhi Ungitshele, ukuthi, ngami, mina, ngiyoba nguyise wezizwe eziningi. Ngalomfana, ukuthi Uyothatha lomfana, futhi ngaye... Ngenkathi ungenzela isithembiso, futhi nganquma lezozingcezu zenyama ngazehlukanisa phakathi, ngalolosuku, nalokho kuKhanya okuncane okumhlophe kwadabula phakathi kwazo, Wangenzela isithembiso, ukuthi, ngokwalomntwana lapha, ukuthi Uyovusa iNdodana yaKho uQobo. Amen. Uyoletha iNdodana yaKho uQobo. Ngenzalo yendodana yami, Uyoletha iNdodana yaKho, futhi Iyosindisa isizwe sonke. Angazi ukuthi Uzokwenza kanjani, Nkosi. Akusiwo umsebenzi wami. Kodwa ngiyakwazi ukuqondakala kwalokho. Ngiyakwazi ukuqondakala kwesithembiso saKho, futhi ngiqinisekile ukuthi ngimthola enjengovela kwabafileyo. Futhi ngiqiniseke ngokugcwele ukuthi Unamandla okumvusa kwabafileyo. Uma ngimbulala, Ungamvusa abuye futhi. Ngizothatha iZwi laKho, Nkosi.”

³³³ Wahosha ummese. Wathi, “Uhambe kahle, Isaka.” Wamanga. Wahosheka.

³³⁴ UNkulunkulu wayesethi-ke, “Linda kancane, Abrahama. Linda kancane. Ngiyazi uyaNgikholwa. Ngiyazi uyaNgithanda. Misa isandla sakho.”

³³⁵ Kwathi ngalesosikhathi, wezwa into ethize emva kwakhe. Wabuka, futhi kwakukhona inqama ihhukeke ezihlahleni. Yavelaphi leyonqama na? Yavelaphi na? Wayekude ngamamayela ayikhulu empucukweni, ngemuva ehlane lapho okukhona khona amabhumbesi, izimpisi, izimpungushe, nazozonke lezozinto kanjalo, lokho kubulala izimvu. Futhi-ke wayekude phezulu esiqongweni sentaba, lapho okungekho manzi khona noma lutho olunye phezulu lapho ukuba imvu iphile ngakho. Futhi yayingekho lapho, emzuzwini ngaphambi kwalokho. Wabheka ngemuva, futhi nanso yayikhona, ngomzuzu olandelayo, lapho. UJehova-jire! UNkulunkulu wathi... .

336 UAbrahama wabheka phezulu, wathi, “Wena unguJehova-jire.” Kuchaza ukuthini ukuthi *Jehova-jire* na? “Ungazibonela noma yini Oyishoyo. Uma Usho njalo, lokho kuyakwenza. Unamandla okukwenza.”

337 Wenzani na? Wadingeka ezwe izwi elikhalayo elifanayo uNowa alizwayo. Ngenkathi, “Uzowathola kanjani amanzi phezulu laphaya esibhakabhakeni na?”

338 “Angazi. Kodwa, UnguJehova-jire. Angazibonela amanzi phezulu lapho.”

339 “Uzomphakamisa kanjani umuntu kulomhlaba amthathe amyise eNkazimulweni na?” Ngeke ngakutshela. “Siyasinda. Ngisinda amaphawondi ayikhulu namashumi amahlanu. Ngisinda amakhulu amabili.” Angikhathali ukuthi usindani. UnguJehova-jire. “Iza kanjani into yokusithwala na?” Ngeke ngakutshela, kodwa Uzoba nayo into yokusithwala uma sekufika lesosikhathi.

Ngisho lokhu ngimele abangane bami abangamakhaladi abahlezi lapha, kulokhu ukusa. Ezansi eNingizimu kwakukhona indoda endala eyikhaladi ihamba iphethwe iBhayibheli. Yathi . . . Nobasi wayo ehlekisa ngayo, ngoba yathi yayinkenolo ezwakala enhliziyweni. Wathi, “Ayikho into okuthiwa yinkolo ezwakala enhliziyweni.”

Yathi, “Basi, yinye into esilele kuwe.” Wathi, “Ayikho into ethiwa yinkolo ezwakala enhliziyweni, ngokwazi kwakho.” Niyabo? Kodwa yona yayikwazi ukwehluka.

Wathi, “Wenzani ngaleloBhayibheli? Awukwazi ukufunda.”

340 Yathi, “NgiyaLikholwa.” Yathi, “NgiyaLikholwa, kusukela ekhaveni kuya ekhaveni, futhi ngiyayikholwa nekhava, futhi. Ngoba,” yathi, ngoba Inokubhalwe ukuthi ‘iBhayibheli eliNgcwele’ kuYo.”

Wathi, “Ngigagele uyazikholwa zonke lezozindaba eziLapho?”

341 Yathi, “Yebo, mnumzane.” Yathi, “Ngikukholwa konke okwashiwo nguNkulunkulu. Nakho konke uNkulunkulu angitshela khona, ngiyakukholwa.”

342 Wathi, “Manje, manje lalela, Sambo, ngeke wakwenza lokho.” Wathi, “Manje uma-ke uNkulunkulu ekutshela ukuba ugxume uphumele ngale kwaloluyadonga lwamatshe laphaya, ubungakwenza na?”

Yathi, “Yebo, mnumzane. Bengingagxuma ngqo ngiphumele ngale kwalolodonga lwamatshe.”

343 Wathi, “Uzophumela kanjani ngale kwalolodonga lwamatshe, lungenambobo kulo na?”

344 Yathi, “Uma uNkulunkulu engitshele ukuthi ‘gxuma,’ Ubeyoba nayo imbobo uma sengifika lapho.” Ngakho lokho kuthi nje akube yiqiniso. Kunjalo.

345 UNkulunkulu uyoligcina iZwi laKhe. Akukho ukungaqondakali ngalokho. Uma iCilongo likaNkulunkulu likhala ezindlebeni zakho, iCilongo leVangeli, lelo liyaqondakala. Amen. Hlala naLo ngqo. O, o, Liyaqondakala!

346 Yingani bonke lababantu manje...Futhi siyedlula esikhathini; okunye nje okukodwa ukuphawula, noma imiBhalo emibili lapha, engiyibhale phansi, ngiyacabanga. Bakwenzelani bonke lababantu lokhu na? Ngoba babelizwile iPhimbo likaNkulunkulu. Manje, masinyane impela manje, ukuqedela, emizuzwini cishe emithathu noma emine.

347 UJesu, ngenkathi Esesemhlabeni, Wathi, “Nginamandla okubeka ukuphila kwaMi. Nginamandla okubuye ngikuthathe.” Manje, kwakungekho okwakaqondakali ngalokho. “Nginawo.” Hhayi ukuthi “Ngiyoba nawo.” Kodwa, “Nginawo,” manje. “Nginamandla okubeka ukuphila kwaMi. Nginamandla okubuye ngikuthathe.” Kulungile.

348 UMarta, emva kokulahlekelwa ngumfowabo, uLazaru, waMuzwa ethi, “Ngizohamba ngimvuse.” Wathi, “Nimbele kuphi na?” Manje U... .

349 Wathumela, wathi, “Jesu, woza uphilise umfowethu. Uyagula.” UJesu azange akunake; futhi waqhubeka. Wathumela futhi, yena noMariya. Futhi baqhubeka, Azange akunake.

350 Manje-ke, emva kwesikhashana, uLazaru wafa, bamfaka ethuneni. Wayesenuka elele phakathi lapho izinsuku ezine. Ikhala selishone phakathi; izimpethu ziphakathi kuye, yonke into, esongwe ngalezizingubo nezinto. Kubekwe idwala phezu kwethuna, njengoba bembela abafileyo kwelasempumalanga. Uba nomgodini nje, bese ubeka idwala phezu kwalo. Lelo kwakuyithuna.

351 Ngakho bathi, futhi into yokuqala uyazi, bathi, “Jesu woza.” Futhi ngakho uMarta wembatha itshali lakhe elincane, futhi nanguya ehla ngomgwaqo, lena esencane, intombazane enhle. Wagijima wehlela lapho. Wathi, “Nkosi.” Buka lokho kusondela. Wayelizwile Izwi elikhalayo, ngolunye usuku, futhi Laliqondakala. Wayazi ukuthi kukhona okuthize ngaYe. Wathi... .

352 Manje ukuba-ke wahamba wayesethi, “Siyaphuma ehlelweni lakithi ngoba Ushumayeke waphikisana nalo. Futhi senze konke lokhu ngoba Wenze *kanje-na-kanje*. Futhi sibenokukholwa kuWe. Manje singu—singundab’zewayo edolobheni. Wonk’umuntu uthi, ‘Ukuphi uMelusi wenu ongumginqiki ongewele manje na? Niyabo? Kukhona

osekudinga. Ukuphi na? Ubalekile. Niyabo? Ukuphi na? Baphi labo-baphilisi ngokukaNkulunkulu na?"

³⁵³ Khumbula lokho kwashiwo ngawe, Mfowethu Wright, ezansi lapho, ngabashumayeli bakini bechurch of Christ nabanye. Yebo, mnumzane.

³⁵⁴ "Bakuphi na? Kuphi? Kuyini konke ngalokhu na? Kuthiwani ngakho manje, niyabo?"

³⁵⁵ Ngakho emva kwesikhashana, kwabukeka sengathi wayenelungelo lokuMthethisa futhi asho into ethize kuYe, athi, "Awuzanga ngani ngenkathi ngiKubiza na?" Kodwa, niyabo, leyo akusiyo indlela yokusondela kuNkulunkulu.

³⁵⁶ Ungabuzi. Yazi ukuthi Izwi liyaqondakala. Wenyuka ngqo waqhubeka, wathi, "Yebo, Nkosi."

³⁵⁷ "Nkosi, uma—uma bebeka izandla phezu kwami, ngazi kanjani ukuthi ngizosinda na?" Akusiwo umsebenzi wakho. Niyabo?

³⁵⁸ Into kuphela yokuba niyenze, ngukwazi nje leloZwi eliqondakalayo, ukuthi, "UNkulunkulu usho njalo." ULikholwe uqhubeke. UNkulunkulu washo njalo. Niyabo? Yebo, mnumzane. YiZwi likaNkulunkulu.

³⁵⁹ Manje, manje-ke, into yokuqala niyazi, awu, uMarta omdadlana uza egijima phandle lapho. Futhi wathi, "Nkosi." O, ngiyakuthanda lokho! Niyabo, waMthopha ngalokho Ayeyikho. WayeyiNkosi yakhe. "Uma Ubukhona, umnewethu nga engafanga." Niyabo? Wathi, "Nakalokhu, nokuba yini Okucela kuNkulunkulu, uNkulunkulu uzaKukunika khona." Akukho okungaqondakali ngalokho. Qhabo. Niyabo? Niyabo?

³⁶⁰ Lokho kungenkathi lapho izinto ezimbili ezivumelanayo zihlangana khona. Niyabo? Lokho kungenkathi lapho ababili abanamandla onke behlangana khona. Niyabo? Lapho, amandla onke awodwa ayenawo, wayenokukholwa okunamandla onke okuphelele kuKristu; noKristu wayengamandla onke. Niyabo? Wayenokuphelele, ukukholwa okungenasiphelo kuKristu, ukuthi WayeyiNkosi; futhi azi, nokuba yini Ayekucele kuNkulunkulu, uNkulunkulu wayezoMnika khona. Ngamany'amazwi, wathi, "Khuluma iZwi nje, yilokho kuphela Ofanele ukwenze. Nokuba yini Okucela kuNkulunkulu, uNkulunkulu uzaKukunika khona." Lokho yi om-...Lawo—lawo ngamandla onke, konke okunamandla, ngoba nje Washo njalo. Niyabo? Kulungile, futhi Wayengamandla onke. Futhi kungenkathi lapho amandla amabili, amandla amabili angamandla onke ehlangana khona ndawonye. Sekungukuxhumana-ke.

³⁶¹ Uma ulayini lapha unamandla kagesi ayikhulu namashumi amahlanu, na lo unamandla kagesi ayikhulu namashumi

amahlanu; uma uhlangana, unamandla kagesi ayikhulu namashumi amahlanu, ndlela zombili. Niyabo?

³⁶² Futhi uma unaMandla adlula konke. Ngenkathi uJesu ethi, “Nibeke izandla kwabagulayo, bayosinda,” futhi ninokukholwa okwedlula konke kulokho kuyiQiniso; nidinga uNkulunkulu odlula konke owenza isithembiso esedlula konke, nomphumela odlula konke uzofika. Amen. Yilokho-ke. Niyabo?

³⁶³ Manje mbhekisiseni, uyeza, wathi, “Nkosi, uma Ubukhona, umnewethu nga engafanga. Kepha nakalokhu, nokuba yini Okucela kuNkulunkulu, uNkulunkulu uzaKukunika khona.”

Wathi, “Umnewenu uzakuvuka futhi.”

³⁶⁴ Wathi, “Qiniso, Nkosi, Uyovuka ngezinsuku zokugcina—zokugcina.” Ngani? Wayelizwile leloZwi. Wayazi ukuthi lelo kwakuyiZwi eliqondakalayo. “Qiniso, Nkosi, Uyovuka ngezinsuku zokugcina. Wayengumfana olungileyo. Uyovuka ekuvukeni kwezwe lonke, ngosuku lokugcina.”

³⁶⁵ UJesu wathi, “Ngi.” Akukho okungaqondakali ngalokho. “Ngiyikho kokubili, ukuvuka nokuPhila.” Hhe! Whewu! “Ngingukuvuka nokuPhila. Okholwa yiMi, noma efile, wophila. Ophila akholwe yiMi, kasoze afa naphakade.” Akukho okungaqondakali ngalokho. “Uyakholwa yilokhu na?”

³⁶⁶ Wathi, “Yebo, Nkosi. Ngiyakholwa ukuthi Uyikho impela nje lokho Owathi Wawuyikho. UyiNdodana kaNkulunkulu efika ezweni, ukuzosisindisa. Futhi ngiyakholwa ukuthi nokuba yini Okwenzayo, noma okushoyo, kuphelele nje. Akukho ukungaqondakali kuWe, nhlobo.”

“Nimbekephi na? Ngizohamba ngimvuse.”

³⁶⁷ Manje, akusikho—akusikho ukuthi, “Ngizohamba ngibone ukuthi Ngingamvusa yini, Ngizohamba ngizame, Ngizohamba ngibone ukuthi yini engingayenza ngakho.” Qhabo, akukho okungaqondakali. “Ngizohamba ngimvuse.”

³⁶⁸ Ngani na? UYise wayeMtshelele, futhi Wayenesithembiso sikaNkulunkulu, esasiqinisile. Wayenesithembiso sikaNkulunkulu. Isizathu, Washo, kuJohane 5:19, ukuthi, “INdodana ingenze-lutho ngokwaYo, kuphela lokho Ebona uYise ekwenza.” Wayesevele enawo umbono walokho uNkulunkulu ayezokwenza, ngakho Wayenakho ngokuvumayo. Akukho un- . . .

³⁶⁹ “Angizukuhamba ngiyozama. Ngizokwenza.” Amen, amen, amen. O, ngifisa sengathi bengingakuthatha nje Lokho, njengesikulufu sokuvula ibhodlela, bese ngiKusonta kushone phansi kuwo wonke umuntu. Niyabo, akusikho ukuthi “Ngizohamba ngiyozama, Ngizohamba ngibone ukuthi Ngingamvusa yini.” “Ngizokwenza. Ngizohamba ngimvuse. Angizukuhamba ngiyozama. Ngizohamba ngikwenze. Ngizohamba ngimvuse,” futhi Wakwenza. O, he!

Akukho okungaqondakali. Qhabo, qhabo. “Angizukuzama. Nginesithembiso.”

³⁷⁰ Futhi—futhi—futhi ngenkathi Esehamba manje, Akashishiyanga wayesethi, “Awu, Ngizonitshela ukuthi yini. Hambani nonke niye ezweni lonke futhi nihlele inhlango enkulu. Futhi, o, nizoba namakhulu amaningana azo, kodwa ziyoba kahle.” Manje, lokho kwakuyoba ngokungaqondakaliyo. Yilokho okwenziwe ngumuntu.

³⁷¹ Kodwa nakhu Akushoyo ngaphambi kokuba Ahambe, ukuqinisekisa ukuthi ngeke sidukiswe. Wathi, “Kuseyisikhashana, izwe lingabe lisaNgibona. Lokho ngabangakhulwayo, labobantu bonke bamiswe ngukungakhulwa, ngeke basaNgibona. Nokho nina niyoNgibona, ngokuba Ngi, Ngi, Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe.”

³⁷² UJohane 14:12, Wathi, “Nemisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza, nemikhulu imisebenzi kunalo niyakuyenza, eminingi yawo.” Igama lapho, ngokoqobo, buka esiGrekini, kuthi, “Eminingi kunayo niyakuyenza.” Isizathu ngani na? Yena, uNkulunkulu, wayesekuMuntu oyedwa nje. Manje, uNkulunkulu useBandleni laKhe lonke. Niyabo? UNkulunkulu wayekuMuntu oyedwa ngalesosikhathi; bonke abantu abazoMkhulwa manje. “Eminingi kunalo niyakuyenza, ngokuba Ngiya kuBaba waMi. Ngiyobuyela ekuKhanyeni eNgangikukho, okwahola abantwana bakwaIsrayeli bedabula ehlane. Ngiyobuyela kulokho. Bese kuthi-ke isikhashana, futhi Ngobuya futhi.” Niyabo? UJohane 14:12, “Imisebenzi engiyenzayo Mina, nani niyakuyenza,” futhi manje Wathi, “nemingi kunalo.”

³⁷³ KuMarku 16, ngenkathi Esemuka, Wathi, “Hambani niye ezweni lonke, nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo. Okholwayo abhaphathizwe uyakusindiswa; ongakhulwa uyakuhlwa. Nalezizibonakaliso ziyaku...” Mhlawumbe? Qhabo. “Ziyaku!” Ziyaqondakala.

³⁷⁴ “Awu, niyazi, siyakukholwa Lokho, kodwa, kusobala, siphila kolunye usuku,” kusho ihlelo. Lokho akuqondakali.

³⁷⁵ Kodwa uJesu wathi, “Ziyaku, ziyakuthi ngokuqondakalayo, zibalandele abakhulwayo.” Bayokwenzani na? “Bayakukhipha amademoni; bakhulume ngezilimi ezintsha; babeke izandla phezu kwabagulayo, bayosinda.” O, mfowethu!

³⁷⁶ Akusikho ukuthi, “Ba, mhlawumbe bayokwenza lokhu. Ba—bangahle bakuguqule futhi benze ihlelo ngakho.” Qhabo, qhabo. “Lezi isibonakaliso, awu, bayobe besalokhu bengamakhulwa.” O, qhabo. Qhabo, qhabo.

³⁷⁷ “Lezizibonakaliso ziyaku, ngokuqondakalayo, ziyakubalandela.” Usenguye lowoNkulunkulu. Akafile. Ingasho

kanjani imigomo yamaKristu ukuthi Wavuka kwabafileyo, bese-ke iyaMphika ukuthi unguye izolo, namuhla, naphakade?

³⁷⁸ Manje kuMathewu 17. Nonke nifuna ukukubhala phansi, uMathewu 17, uMathewu 17:2. Niyathola lapho, ekuguqulweni isimo. Manje, uma nithola, uma ninesichazamazwi sesiGrecki, libhekeni lapho, ekuguqulweni isimo. Sathi, “Futhi Waguquka.” Ngikholwa ukuthi leyo yi... Ake ngibone ukuthi lokho nje ngikuthola kahle yini, manje, uMathewu 17. Nginakho konke phakathi lapha.

Emva kwezinsuku eziyisithupha uJesu wathatha uPetru, uJakobe, noJohane umfowabo, wakhuphukela nabo entabeni ende...

Waphenduka esinye isimo phambi kwabo:...

³⁷⁹ Manje, niyazi ukuthi isiGrecki sangempela sithi Wenzani na? Eku “phendukeni esinye isimo” phambi kwabo, “Washintsha isimo saKhe.”

³⁸⁰ O, yisikhathi esingakanani esinaso na? [UMfowethu Neville uthi, “Usuku lonke.” Ibandla lithi, “Amen. Usuku lonke.”—Umhl.] Nje—nje bekezelani nje kancane—kancane—kancanyana. Ngifanele nje ngikufake lokhu. Kukhona nje into engishaye kakhulu, engifanele nje ngiyisho. Ningithethelele. Manje, i—idina, ubhontshisi ngeke ushe. Futhi nje—nje uyekeni. Kulungile.

³⁸¹ Usalokhu enguye. Akakaze aguquke. Usalokhu enguye. AmaHeberu 13:12 nele 13, wathi, “UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade.” Manje bukani. Uma sikholwa ukuthi Wavuka, khona-ke Akafile. Akekho ethuneni. Uyaphila. Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Niyakukholwa lokho, anikukholwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

³⁸² Awu, Wenzani lapha ngenkathi Ephenduka esinye isimo na? IsiGrecki sithi, “Washintsha isimo saKhe.” O, bukani! Bukani uhlelo lokuvuka. Yilokho okungishayile nje ngalesosikhathi. Qaphelani. Yini eyabonakala kuqala na? U...

³⁸³ Emuva ngapha lapha esahlukweni esilandelayo, isahluko 16, Wabatshela, “Abanye kwabemi lapho abangayikufa baze babe sebewubonile uMbuso kaNkulunkulu uza ngaMandla.” Ngamany’amazwi, babezokwenzani na? Babezobona isandulela soMbuso kaNkulunkulu. Babezokwazi uhlelo lokuvuka nokuFika kukaNkulunkulu. Niyabo, esahlukweni 16.

³⁸⁴ Manje nangu Enyukela lapho, futhi Yena, kwenzekani, isimo saKhe sashintsha. Ngamany’amazwi, Wembulwa ngeny’indlela. Niyangilandela na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

³⁸⁵ Sithola ukuthi sasiyini isambulo, ngobunye ubusuku, encwadini yokugcina etestamenteni elisha, isho ukuthini incwadi yokugcina etestamenteni elisha na? Umqophi

wemifanekiso, wagujwa phansi lapha, enza okuthize; bese kuthi akwenzayo-ke, uvele asuse ikhethini, uthi, “Nanko.”

³⁸⁶ Wayephinda enzani lapha na? Wayezambula Yena kwesinye isimo na? Wayephakathi kuphi na? Esikhazimulisiweyo, isimo esiguqukileyo; UkuFika kwaKhe, indlela azofika ngayo, uKristu okhazimulisiweyo, eguquliwe. Ingubo yaKhe yakhanya njengelanga. He! O! Wama efwini; futhi Uza ngamafu enkazimulo. Wasibekelwa yifu; akusilo ifu lokuduma elincane elimhlophe eliqongile phezulu ngaleya. Kodwa ifu Eza ngalo yifu lenkazimulo, zonke izingelosi zaKhe zikanye naYe. Haleluya! He! Yileyondlela Eza ngayo, uza ngefu lenkazimulo.

³⁸⁷ Manje, qaphelani, ngenkathi beMbona emi lapho. Nangaphambi kwalokho, nakho kubonakala kuYe, uMose noElija. Bhekisisani i . . .

³⁸⁸ Lokho, wayesho ukuthini uMose na? UMose, waye, emele labo ababefile futhi babelele ethuneni, ngoba uMose wafa futhi wembelwa. Akekho owaziyo ukuthi wambelwaphi. Kodwa wayemele labo ababelele, uma Efika.

³⁸⁹ NoElija wayemele labo abahlwithwayo ababengadingekanga ukuba bafe. Niyabo? Nakho lapho okhona. Niyabo?

³⁹⁰ Futhi uPetru, uJakobe, noJohane; babemele leyonsali kaIsrayeli emi lapho ethi, “Bheka, nango uNkulunkulu wethu esasiMkholwa.” Nazo izinkulungwane zakho eziyikhulu namashumi amane nane. (Ukuphi, Mfowethu Woods na? Yilokho-ke.) Niyabo? Nakho lapho okhona. UPetru, uJakobe, noJohane; bathathu, ufakazi, azobunikeza uma Esebuya.

³⁹¹ Kwakuyini into yokuqala na? Ukuvuka, uMose no (isihlanganiso) Elija baonakala kuYe. Niyabo? Ukuvuka kwabafileyo, nalabo abangezukufa, waguqulwa, futhi wayemi lapho eBukhoni baKhe. O, he! Futhi Wama lapho, ekhazimulisiwe.

³⁹² Futhi kwakukhona uPetru, uJakobe, noJohane; insali yamaJuda, bebuka, bethi, “Nguye Lowo. Nguye Lowo.” Lolo uhlelo lokuFika kweNkosi. Niyakubona na? Nakho ukuvuka. Babelapho. O, akumangalisi na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

³⁹³ Manje qaphelani, into kuphela Ayenzile, Wakhumula isifihlabuso saKhe sesintu wayeseba sesimweni esikhazimulisiweyo. Niyabo? Washintsha isimo saKhe.

³⁹⁴ Manje, hhayi—hhayi abantu abathathu, njengoba bezama ukusho namhlanje, amahlelo. O, mfowethu! Hhayi abantu abathathu, hhayi abathathu. Ukushintsha! Hhayi abantu abathathu, kodwa ukushintsha okuthathu koMuntu ofanayo. O, he! Bakithi! Ngesinye isikhathi, Wabonakala njengoBaba; Wakhumula isifihlabuso, WayeyiNdodana; manje Ukhumula isifihlabuso senyama, futhi UnguMoya oNgcwele. Hhayi onkulunkulu abathathu; ukushintsha okuthathu

kukaNkulunkulu ofanayo. O, alibongwe iGama leNkosi! Ukushintsha okuthathu koMuntu ofanayo. Niyabo?

³⁹⁵ Manje, ngenkathi Esemhlabeni, WayeyiNsika yoMlilo, wahola abantwana bakwaIsrayeli. Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Waye Eseba yinyama-ke, eNdodaneni kaNkulunkulu, ukuze ezwe ukufa enzela isintu sonke, enze isivumelwano. Niyakukholwa lokho na? [“Amen.”] Manje Uyini namhlanje na? UJesu ofanayo. Ofanayo (ini?) izolo, ebuBabeni; ofanayo ebuDodaneni; ofanayo lapha esimweni sikaMoya oNgewele, ukuKhanya okufanayo.

³⁹⁶ UPawulu, esendleleni yakhe ebheke eDamaseku, washaywa walahlwa phansi wukuKhanya. Futhi wathi, “Ungubani, Nkosi na?”

Wathi, “NginguJesu.” Ehhe. Kunjalo.

³⁹⁷ Kuyini na? Kathathu Wakhumula isifihlabuso saKhe.

³⁹⁸ Wakhumula isifihlabuso saKhe, esuka eNsikeni yoMlilo, futhi uba (yini?) uMuntu, ukususa isono.

³⁹⁹ Wayesekhumula isifihlabuso saKhe, njengoMuntu, wayesebuyela emuva futhi ukuba abe nguMoya, othiwa uMoya oNgewele; uMoya woMuntu, ukuba ubuye futhi ube phezu kwakho, futhi ube kuwe, futhi nemisebenzi efanayo impela. Mm! Niyakubona, bandla na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Akukho okungaqondakali ngalokho. “Imisebenzi engiyenzayo Mina, nani niyakuba njalo. Ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kokuphelelisa,” ngamany’amazwi, “ukuphela kwezwe, ukuphela kwesikhathi, ukuphela kwezinto zonke. Ngiyakuba nani ngqo, ngenza imisebenzi efanayo.” Manje, akukho okungaqondakali ngalokho.

⁴⁰⁰ Kodwa nizwa umuntu ethi, “Awu, ufanele ukuthi uyiPresbyterian. Ufanele ukuthi uyiMethodisti. U...Thina maBaptisti sinaWo. Thina maPentecostal sinaWo.” Konke lokho kuyiphutha. Lokho ngamanga. Lokho akuqondakali. Ingaba nawo kanjani iPentekoste, ihlelo lamaPentecostal, kube kukhona cishe izinhlango ezingamashumi amathathuthu ezehlukene zawo na? Yiwona Muphi na? Ingaba nawo kanjani iMethodisti, kube kukhona iPrimitive, neFree Methodisti, namaMethodisti aphindwe kamaMethodisti aphindwe kamaMethodisti na? Futhi evile emashumini ayisithupha, ngiyacabanga, izinhlango ezehlukene zamaBaptisti, nezinhlangano zamaKatolika ezehlukene eziningi kangaka, kanjalonjalo. Zikuphi zonke na? Yiwona Muphi na? Lelo yizwi elingaqondakali.

⁴⁰¹ Kodwa uma uMuzwa, “Nginguye izolo, namuhla, naphakade,” lelo yiZwi elingaqondakalayo.

⁴⁰² Ngakho obani abazokwazi ukuthi bazozilungiselela kanjani uma icilongo likhala ngezwi elingaqondakali na? Kuyini na?

Kukuphi lapho kungenzeka khona, kungenzeka kanjani na? Angakwenza kanjani, kube kukhona izinhlangotho ezechukene ezingamakhulu ayisishiyagalolunye na? Kulungile. Ngeke zakwenza.

⁴⁰³ Ngenkathi Ethel, EZenzeni 2:38, “Phendukani, yilowo nalowo, nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu,” akukho okungaqondakali ngaLokho, “niyakwamukela isiphiwo sikaMoya oNgcwele.” Hhayi ukuthi “mhlawumbe niyokwamukela; mhlampe nifanele nisemukele.” Kodwa, “Niyosemukela.” Nini na? Uma seniphendukile. Manje, ningahamba ningene lapho ngaphandle kokuphenduka, futhi ngeke niWemukela. Kodwa uma niphenduka ngempela ngempela futhi nikholwe yiNkosi uJesu Kristu, nizoWuthola. Akukho okungaqondakali. “Nizokwamukela isiphiwo sikaMoya oNgcwele.” Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

⁴⁰⁴ Ngenkathi Ethel, “Uma bebeka izandla phezu kwabagulayo, bayosinda. Nakuba yini enikucela eGameni laMi, Ngiyokwenza.” Akukho okungaqondakali. Lokho kuyaqondakala. Lezizibonakaliso, “Ngiyakuba nani.”

⁴⁰⁵ Manje nina nithi, “Awu, ibandla lethu alikholelwa kulolohlobo lwezinto.” Awu, kuyizwi elingaqondakali nje.

⁴⁰⁶ IBhayibheli liyakusho lokho. Washo, qobo lwaKhe, “Ngiyakuba nani. Nemisebenzi engake Ngayenza, Ngiyoyenza njalo kini; futhi ngibe nani, kuze kuyothi ngqi ekupheleni kwezwe. Nalabo abakholwa yiMi, uma bebabeka izandla phezu kwabo, uma begula, bayosinda. Bayosinda.” Hhayi ukuthi “mhlawumbe bayosinda.”

⁴⁰⁷ “UJones wakwenza, kodwa uJohnson akazange.” Lokho akuhlangene ngalutho nakho. Uma uJohnson akholwa njengoJones, wayezosinda, naye. Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

⁴⁰⁸ Akukho okungaqondakali. Akukho okungaqondakali. “Oza kiMi, Angisoze ngamlahlela ngaphandle.” Akukho okungaqondakali.

⁴⁰⁹ “Awu, manje, Angahle angangemukeli mina.” O, wena muntu ndini ophambukiswe ngamacebo!

⁴¹⁰ Lalelani. Ake nginitshela, njengenceku yaKhe. Akekho ongeza kuYe Angayikumamukela. “Noma izono zenu zibomvu, ziyakuba-mhlophe njengeqhwa.” Akukho okungaqondakali, “Ngiyothethelela ingxenye yazo, mhlawumbe wenze *lokhu*; futhi wenze *lokho*, futhi Ngiyokubambela igqubu.” “Ziyakuba-mhlophe njengeqhwa.”

⁴¹¹ “Awu, ngeke Angithethelele ngalokho engikwenze kumyeni wami, lokho engikwenze kumkabi, lokho engikwenze

kudadewethu, lokho engikwenze kumfowethu, lokho engakwenzayo.”

⁴¹² Angikhathali ukuthi nenzeni. Akukho okungaqondakali. Uyothethelela yonk’into. “Noma zibomvu njengokububende, ziyakuba-mhlophe njengoboya bezimvu.” Akukho okungaqondakali.

⁴¹³ “Phendukani, nibhaphathizwe, yilowo nalowo, eGameni likaJesu Kristu, kukho ukuthethelelwa kwezono, niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele. Isithembiso ngesenu, esabantwana benu, labo abakude,” manje bhekisisani manje, bhekisisani, nina bakaziqu-zintathu bokuqina nqi, “labo bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza.” Lesisithako esifanayo somuthi nokusetshenziswa kwawo, siyosebenza kuzozonke izi gen- . . .

⁴¹⁴ Hhayi ukuthi, “Kungenzeka. Kuyo—kuyoshintsha, emva kwesikhashana, ku ‘Yise, iNdodana, noMoya oNgcwele.” Wena mfundisi ndini ophambukiswe ngamacebo.

⁴¹⁵ UNkulunkulu angeguquke. Ungongenasisiphelo. Isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo sisebenza ngesikhathi sonke, uma uSinikeza ngendlela efanele. Yebo, mnumzane! Manje, “Phendukani, nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono, niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele. Ngokuba Uyi. . .”

Ini? LesisiThako somuthi nokusetshenziswa kwawo, lombhaphathizo, loluhlobo lombhaphathizo, loMoya oNgcwele, laMandla afanayo! Hhayi nje ukuxhawulana, uthi, “Ngizophendukela endleleni elungileyo futhi ngenze kangcono.” Qhabo, mnumzane! “Niyokwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele. NaMandla kaNkulunkulu azoza phezu kwenu, ashintshe izindlela zenu, nikhulume ngezilimi, nibeke izandla phezu kwabagulayo, nikiphe amademoni, nenze okufanayo njengoba benza.”

Ngokuba babebangaki na? Kuze kube nini na?

⁴¹⁶ “Kuze kube sekupheleni kwabafundi.” Ungumprofethi wamanga uma usho lokho. Ungumfundisi wamanga uma usho lokho.

⁴¹⁷ Ngokuba, “UJesu Kristu,” iBhayibheli lisifundisa ukuthi, “Unguye izolo, namuhla, naphakade.” Nabaphostoli basho lapha, ukuthi, “Isithembiso ngesenu, nesabantwana benu, nesabo abakude, ngisho. . .” Shonini nami. [UMfowethu Branham nebandla baqedela ukucaphuna iZenzo 2:39 kanyekanye—Umhl.] “. . .bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza.” Abangaki na? Yonke iminyaka, zonke izizukulwane, yonke imibala, yonke inkolo, konke noma ngabe kuyini, labo bonke uNkulunkulu ababizayo. Futhi uma uNkulunkulu ekubizile, Ukuyala ukuba ubhaphathizwe,

iGama likaJesu Kristu, futhi wemukele uMoya oNgcwele, bese-ke uKristu qobo lwaKhe ephila kini. Futhi akukho-zwi elingaqondakali, akukho kungaqondakali kwaLo. NineBhayibheli. O, nima kuLo. Ningaphila kuLo. Ningafela kuLo. Niyovukela kuLo. Udumo! LiyiZwi likaNkulunkulu. Whewu! He!

⁴¹⁸ NjengoRebeka owaphuzisa amakameli, lona impela ikameli aliphuzisa, wagibela kulo, ukuhlangabezana naye, umlobokazi. Yena impela uNkulunkulu esishumayela ngaye, lona impela iZwi elinguNkulunkulu, yena impela uNkulunkulu oseZwini, uyosivusa ngolunye usuku, ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele. Nabagxeki bethu bayobulawa ngaMandla afanayo anivusela eNkazimulweni. O, he! Nivuke nigibele kuWo.

Ninabantu enigulayo, ningabi ngabangamkholwa uNkulunkulu.

⁴¹⁹ Ngabe uLeo nabanye...Angazi noma ngabe...Ngabe uwakhiphile amakhadi omkhuleko na? Ngabe akhona amakhadi omkhuleko akhishiweyo na? UBilly akezanga kulokhu ukusa. U—uphathwe ngumkhuhlane, izolo. Futhi u—u...Kulungile. Manje ini na? Asi—asizukulidinga. Asizukulidinga. Lalelani.

⁴²⁰ Niyakholwa ukuthi engikushumayelile kuyiQiniso na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Niyakholwa ngenhliziyo yenu yonke na? [“Amen.”] Ngabe kuyiZwi eliqondakalayo kini na? [“Amen.”]

⁴²¹ Kuzwakala kanjani lokhu na? Ukuthunywa kokuqala uJesu akunikezayo, uMathewu 10, eBandleni laKhe, “Hambani, nalezi...” Futhi angikufundi. NgiyaKucaphuna nje, uMathewu 10. BengingaKuthola lapha. “Wabizela abaphostoli baKhe abayishumi nambili ndawonye, wabapha amandla phezu kwawomoya abangcolileyo, ukuba bakhiphe omoya ababi, ukuphilisa abagulayo, nokuvusa abafuleyo, nokukhipha amademoni, nokwelapha uchoko.” Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ngokuthola abantu ukuba bakukholwe, bese kuba ukubekwa kwezandla phezu kwabo. Ukuthola abantu ukuba bakukholwe, bese kubekwa izandla phezu kwabo. Ukuthola abantu ukuba bakukholwe, kubekwe izandla phezu kwabo. Ngabe lokho kwakungu kuthuma kwaKhe kokuqala ngenkathi Ethuma amashumi ayisikhombisa aKhe na? [“Amen.”]

⁴²² Kwakuyini ukuthunywa kokugcina Akunikezayo na? UMarku 16, amaZwi okugcina awa ezindebeni zeNkosi yethu, ngenkathi ithuma iBandla laYo. “Hambani niye ezweni lonke, nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo. Okholwayo abhaphathizwe uyakusindiswa. Ongakholwa uyakulahlwa.”

⁴²³ Manje khumbulani, “Angalahlwa na? Angahle abe nethuba na”? Ngeke abe nalo nelilodwa ithuba lasemhlabeni. Alikho izwi elingaqondakali ngaLokho. Uma engakholwa, uyolahlwa.

424 Manje nhloboni yezibonakaliso eziyobalandela na? Lezizibonakaliso, “Awu, kwabanye babo sizolandela; mhlampe sizolandela; mhlawumbe sizolandela na”? Lezizibonakaliso ziyakubalandela. Bayokholelwa ekuphiliseni. Bayokholelwa ekukhipheni amademoni. Bayokholelwa ekukhulumeni ngolimi. O, bayokholelwa kuyoyonke imisebenzi kaNkulunkulu engaphezu kwemvelo, uJesu ovukileyo esebenza nabo. Ngabe yiQiniso lelo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ngabe lelo yiZwi likaNkulunkulu lokugcina na? [“Amen.”] Ngakho-ke uqalekisiwe ozama ukwenezela, noma osusayo kukho. Lokho nje yindlela eLiyiyo, indlela eLiyiyo.

425 Lalingesilo yini iBandla lephentekoste iBandla elinomsindo, emuva ekuqaleni ngenkathi uMoya oNgcwele kuqala wehla na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Intombi uMariya, sengathi wayedakiwe, ediyazela ngaphansi kwaMandla kaNkulunkulu, nabobonke benjalo. Nabantu bathi, “Bagcwele iwayini elisha.” Lamiswa kanjalo-ke iBandla. Yingaleyondlela ukuthi lonke iBandla limiswa kanjalo. Ngaso sonke isikhathi uma uNkulunkulu eneBandla, liyoba yilolohlobo olufanayo lweBandla ngoba Alinalo izwi elingaqondakali.

“Awu! Awu, umbhishobhi wethu wathi. . .”

426 Angikhathali ukuthi umbhishobhi uthini. Ngukuthi lahini iZwi! Niyabo? Umbhishobhi unezwi elingaqondakali. Uma izwi lakhe lizwakalisa into efanayo neliyiyo Leli, ulungile. Bese kuthi-ke uma ibandla lingenzi njengoba lalenza, kanjalo, usephutheni. Uma uthi unaLo, futhi awangenza kanjalo, kusho ukuthi-ke kukhona okungalungile kuwe. Isizathu, yilokho impela Elakushoyo, onke manje, kuqhubeke. Emva kokwehlela endlini. . .

427 UFiliphu wehla, eshumayela iVangeli kumaSamariya. Wabeka izandla phezu kwawo, uPawulu weza wehla noma. . . UPetru wehla, wabeka izandla phezu kwawo. Emukela uMoya oNgcwele, enze into efanayo nayenzayo ekuqaleni.

428 Wenyuka, indlu kaKorneliyu, futhi kwakukhona bonke abeZizwe phezulu lapho, amaGreki, kanjalonjalo. Wabeka izandla phezu kwabo, bemukela uMoya oNgcwele njengoba benza ekuqaleni.

429 Ake nginitshela okuthize. Ngiyisithunywa senkolo, niyazi. Manje, ngikholwa ukuthi isithunywa senkolo ngumfo ohamba abuye. Leso yisithunywa senkolo. Uma uya lapho uyohlala, bakubiza lokho ngesithunywa senkolo; kodwa lesa yisifiki esinikwe ikhaya lasepulazini, uvele nje washintsha ikhaya lakho. Niyabo? Leso akusiso isithunywa senkolo. Isithunywa senkolo, ke- . . . UPawulu wayeyisithunywa senkolo; akazange ahlale. Wayelokhu ehamba nje, ehamba, ehamba, isithunywa senkolo. Engashintshi ikhaya; lokhu ehamba nje, isithunywa senkolo.

⁴³⁰ Manje, ensimini yokuba yisithunywa senkolo, ngizonitshela, ezansi phakathi e—ezifundeni zaseAfrika eziphansi ukwedlula zonke, ezansi kuya kubathwa abadala abancane. Futhi babengazi ngisho ukuthi babengumuntu noma qha, isikhathi eside. Uhulumeni waseBrithani, ngenkathi bethatha iNingizimu Afrika, uya emenweni omncane futhi lapho kube. . . Ubona abathwa, “burr,” bavevelisa okwesixuku sezinkawu; bese beqalaza, akukho lutho. Kwenzeka ukuba ubuke, bavumbuka esihlabathini, ubona ikhanda elimnyama elincane liqalaza. Niyabo? Wayezigqibe yena esihlabathini, wagijima wazenwaya ngesihlabathi phezu kwakhe, ngokukhulu ukushesha. Babengacabangi ukuthi babe. . . Babecabanga ukuthi babeyizilwane, isikhathi eside. Kodwa niyazi ukuthi bathola kanjani ukuthi babe—babengumuntu na? Babenezinja. Inja ngeke ihlale nalutho ngaphandle kwesidalwa esingumuntu. Niyabo? Bathola ukuthi babengumuntu.

⁴³¹ Futhi thatha omunye walabo bafu abancane, bese uthatha abanye babe—Besuthu, iShangane, amaXhosa, noma yisiphi salezozizwe, abangazi ngisho ukuthi yisiphi isandla sokudla nesokunene, into ethize njalo, “blaw, blaw, blu,” uyazi, futhi bekhuluma kanjalo. Nabesifazane abanqunu, abesilisa, nabobonke. Ngiyakutshela ukuthi yenza ini. Dedela uMoya oNgcwele wehlele kuye, futhi uyokwenza into efanayo noyenzayo wena khona lapha uma uMoya oNgcwele wehlela kuwe. Akukho-zwi elingaqondakali ngaWo. Akaze ezwe ngento okuthiwa ngokukhuluma ngezilimi, empilweni yakhe, futhi, buka, lapha ukhuluma ngezilimi kuwe.

⁴³² Kodwa nakhu kumi umhumushi, lomfo ame lapho futhi athi, “Blaw? (Uyafuna ukusindiswa na?)”

“Blaw-luh. (Yebo.)”

“Ngabe ukhona olapho. . . (Ah-blaw, blaw, blaw?)”

“Phakamisani izandla zenu niWemukele. (A-blaw.)”

⁴³³ Awu, awu, o, he! Nangu ehamba, ekhuluma ngezilimi; engakaze ezwe ngaWo, engazi lutho ngaWo. Akukho kungaqondakali ngalokho. Lowo nguJesu Kristu onguye izolo, namuhla, naphakade. Mbhekisise. Uyohamba angene ngqo ezizweni futhi ahambe ayokhulekela abagulayo. Awudingi ukumtshela.

⁴³⁴ Futhi thina besifazane baseMelika, nina malunga ebandla. Angikhulumi kakhulu kangako, nina lapha. Lokhu kuyatheyishwa, niyazi. Nina malunga ebandla, phandle lapho nigqoka izikhindi, futhi niqhubeka ngendlela eniyiyo. Njalo ngonyaka nisusa imbijanyana, bese niba nezikhindi, bese nizifishanisa izikhindi, bese-ke nifishanisa izikhindi ngezikhindi ezifishanisiwe, nakho konke kanjalo. Awu, wena lunga-ndini lebandla eliphambukiswe ngamacebo, umubi ukwedlula bona eAfrika; ngenkathi labo besifazane bemihlona

lapho ngalolosuku, ngenkathi izinkulungwane ezingamashumi amathathu zemukela uKristu njengoMsindisi wazo oqondene nazo, ngesikhathi esisodwa. Futhi nicula emakhwayeni, futhi nigqoka izikhindi eyadini, ukuba nisike utshani benu, nasezansi nedolobha. Nibabi ukwedlula bona. Niyo . . . Bayovuka ngoSuku lokwaHlulela futhi bakwenze ube namahloni ngawe.

⁴³⁵ Ngike ngababona abesifazane bemi lapho, wayenqunu engenalutho, kuphela isibheqezana ngaphambili kubo kanjalo. Naphezulu engxenyeni yabo lapha, izingxenye zabo—zabo zesifuba, kungekho lutho nhlobo. Futhi nje intanjana eyodwa, cishe engamayintshi amane noma ayisithupha, o—okuncane okunqume okhalweni lwabo *kanje*, kulenga ngaphambili kubo. Nabesilisa, futhi, bemi lapho benqunu nqu. Bengasazi isandla sokudla nesokunxele. Kuthi nje amandla kaMoya oNgcwele angafika, labo besifazane basonga izingalo zabo; futhi bengenalutho kokwemboza isifuba sabo; basonga izingalo zabo, benamahloni, basuka bahamba. Futhi ngosuku olulandelayo base begqoke izingubo. Haleluya! Akukho—akukho—akukho kungaqondakali ngalokho.

⁴³⁶ UMoya oNgcwele ukwenza ugqoke izingubo. Uyo . . . Ukwenza uziphathe ngokuhloniphekile. Akukho okungaqondakali ngalokho. AniMfuni na? Beningethande ukukhonza uMuntu onjalo, iNkosi uJesu na? Sukani kulamazwi angaqondakali.

⁴³⁷ O, uyinto encane ethandwa ngabantu, ya, konke kulungisiwe nakhonke. Ucabanga ukuthi uthandwa ngabantu. Kodwa, s'thandwa, uyafa. Ucabanga ukuthi uyaphila, futhi uyafa. IBhayibheli lathi, "Owesifazane ozinikela ekutamaseeni, ufile esekhona." IBhayibheli lasho lokho. Lelo akusilo izwi elingaqondakali. Lathi, "Ufile." Kunjalo. Akukho—zwi elingaqondakaliyo ngaLo. Lingukuqondakala, mfowethu.

⁴³⁸ UNkulunkulu unguNkulunkulu ongcwele. Futhi uma umuntu ezelwe nguMoya oNgcwele uyi—uyimfunda. Akasikho lokho kuphela, kodwa uyinkosi, uyinkosana. Ungowakwesinye iSizwe. UMBuso wakhe ungowaPhezulu. Ugcwaliswe ngaMandla kaNkulunkulu, uBukhona bukaNkulunkulu. Owesifazane owenza lokho, ugqoka izingubo. Owesilisa uphila ngokuhloniphekile nangokwethembeka kumkakhe. Owesifazane uphila ngokwethembeka nangokuhloniphekile kumyeni wabo. Abafuni lutho olwezwe. Inhliziyo yabo enhle ibekwe ezintweni zaPhezulu. Sebeqedile ngezinto zezwe. Bayizidalwa ezintsha kuKristu. Futhi bangcwele, bayabuphila; akusibo abangcwele, kodwa nguMoya oNgcwele uyababusa. Abanawo umqondo ongowabo. UMoya oNgcwele uhamba phakathi kubo. Yingalesosizathu beziphathisa okwezinhlanga, kubantu bezwe, ngoba baqhutshwe ngu—nguMoya wakomunye uMBuso.

439 O, ngiyazi ukuthi kunjalo, mngane. Ngangilahlekile, kodwa manje sengitholiwe. Ngangiyimpumputhe kulezozinto, kodwa manje sengiyabona. Kwaba ngumusa owafundisa inhliziyi yami ukwesaba. Kwaba ngumusa owakhulula ukwesaba kwami. Kwenza okuligugu elikhulu lokho-kubonakala komusa ngehora engaqala ukukholwa ngalo, ngenkathi ngifika kuKristu!

440 Manje sengiyavala. Ngakho kokubili insindiso nokuphilisa, ake ngisho lamazwi okomzuzu nje.

441 UPaul Rader wayengumngane wami. Ngamazi nje isikhashana esincane. Ngangisengumfana nje, ngihlala ezinyaweni zakhe; umfundisi omkhulu owafa lapha esikhathini esingaside esedlule eCalifornia. Futhi ngenkathi efa... Wangenwa ngumdlavuzi, futhi wayefa phandle lapho eCalifornia. Etavernakele manje uO. L. Jagers analo, wayenalo phezu lapho. Elidala . . . Nje, ngiyalikhohlwa igama lalo ukuthi lalibizwa ngokuthini ngalesosikhathi, kodwa sekuyiWorld church manje. Itavernakele elidala likaPaul Rader, futhi wayephezulu ukusuka eMgwaqeni uEldorado, uma wenyuka uqonde ngakuwo, uwelele eMcPherson thempeli, ngaphesheya kwendlela nje lapho epaki. Manje, futhi ngenkathi uPaul Rader wayelusa lelo, baphumela lapho, futhi ngenkathi e . . .

442 Engakafi, wabeka izandla zakhe phezu kwehlombe lomzalwane, engimazi kahle ngempela, umngane ka Ern Baxter, wayesethi, "Ukuba bengithathe umlayezo wami womusa bese ngiwuthengisa kumaPentecostal abomvu umlilo, futhi esikhundleni sokuzama ukwenzana nani izithutha sigejane samaBaptisti, ngabe ngiyaphila namhlanje. Kodwa," wathi, "ningikhathazile, futhi ngimantwenguntwengu, futhi konke kuthe ngxi, sengize ngiyafa manje."

443 Ngakho ngenkathi elele egumbini laphaya, badonsa o—okusithayo nezinto, futhi babemi lapho, becula, *Eduzane, Nkulunkulu Wami, NaWe*. Futhi wayenamancoko. Wathi, "Ubani ofayo, yimina noma yini na? Nizwakala kakhulu sengathi kufa nina kunami," washo. Wathi, "Ningakwenzi lokho. Ngiculeleni asheshayo ngempela, amaculo eVangeli." No'scula ngabane abancane abavela eMoody Bible Institute baqala ukucula u *Phansi esiPhambanweni Lapho uMsindisi Wami Afela khona*. Wathi, "Lelo lizwakala kangcono. Akabongwe uNkulunkulu!"

444 Wathi, "Uphi uLuke?" Futhi uLuke noPaul babenamathelene, njengoBilly nje nami, indodana yami. Babeyizelamani, futhi babenamathelene. Wathi, "Uphi uLuke?" Futhi uLuke wayengafuni ukubona umfowabo efa, futhi wayesegumbini elilandelayo lapho esibhedlela. Wathi, "Hambani nimlande, futhi nimshele eze lapha."

445 Futhi ngenkathi efika lapho okwakukhona khona uPaul, uPaul weluleka wayesebamba isandla sakhe. NoLuke wazama

ukuphendula ikhanda lakhe. Wathi, “Luke, sedlule empini eningi enzima sindawonye. Asizange, mfowethu na?”

446 Wathi, “Yebo, sedlulile. Kuleminyaka, sisebenze ngokukhandleka, mfowethu. Kunjalo, eningi impi enzima.”

447 Kodwa wathi, “Luke, kucabange. Emizuzwini emihlanu kusukela manje, ngizobe ngimi eBukhoneni bukaJesu Kristu, ngembethe ukulunga kwaKhe.” Wasibamba wasicindezela isandla somfowabo, wase eyafa. Akukho okungaqondakali ngalokho. Wayeyazi indlela ayeya kuyo. Wayazi. Wayenombhaphathizo kaMoya oNgcwele, Amandla kaNkulunkulu empilweni yakhe.

448 Wayevamise ukuba ngungawuli wemithi yokwenza amapulangwe, futhi wayegawula imithi nezinto. Futhi wathi. . .

449 Wayeyisithunywa senkolo, naye, njengoba ngiya phesheya kolwandle. Futhi yena noLuke, nabo, wayesezansi esiqhingini, baphathwa ngumalaleveva ovelavela njalo. Uma ekhona okwaziyo lokho ukuthi kuyini, kungukufa masinyane. Futhi kubi ngempela. Ngakho, waphathwa ngumalaleveva ovelavela njalo. Kwakule emuva emenweni, lapho okungekho lutho khona. Yena nomkakhe omncane othandekayo wayelapho. Niyazi ukuthi washo kanjani ukuthi. . . Nginixoxele indaba, ukuthi washo kanjani ukuthi, “Isikhathi sokugcina, waba nokukuzwa, ngenkathi emanga ngokumvalelisa.” Futhi ngakho babesemuva lapho. Futhi kwaya, kwaya ngokuba-mnyama, kuba-mnyama ekamelweni, wathi wayazi ukuthi wayesehamba, noma wacabanga ukuthi wayesehamba.

450 Watshela umkakhe, wathi, “S’thandwa, kuba-mnyama kakhulu phakathi lapha.” Wathi, “Ngiyafa.”

451 Wayesethi, “O, Paul. Paul.” Futhi wawa ngobuso bakhe wayeseqala ukukhala.

452 Wathi, “S’thandwa, qhubeka nje ukhale. Mangi ngi. . . Qhubeka ukhale kakhulu kuNkulunkulu, futhi mangizwe iphimbo lakho. Makube khona okhulekayo. Angisakwazi ukuqhubeka ngikhuleke.” Wathi, “Ngenkathi ngifa, ngifuna ukulizwa.”

453 Futhi waqhubeka ekhala kakhulu kuNkulunkulu, “O Nkulunkulu, ungamyeki afe. Umsebenzi wakhe awukapheli. Qhubeka. . .” Ekhala, “O Nkulunkulu, ngiyacela ungamyeki uPaul afe.” Wayelele enqume kuye, kanjalo.

454 Kwaya ngokuba-mnyama kuba-mnyama. Wathi, “Sithandwa, kuya ngokuba-mnyama kuba-mnyama, kuba-mnyama kuba-mnyama.”

455 Ekugcineni, waquleka. Wathi, “Ngenkathi ngiquleka, ngaphupha sengiyinsizwa futhi.” Wathi, “Ngangiphezulu ehlathini,” phezulu eOregon lapho evela khona. Wathi, “Ngangigawula isihlahla. Ubasi wathi, wangitshela,

‘Khuphekela lapho esiqongweni segquma, Paul, futhi ngifuna ugawule isihlahla esithize, futhi sibe ngaka, sizobe-ke sesenza ipulangwe.’”

⁴⁵⁶ Futhi wathi, “Kulungile, basi.” Futhi wathi wayezizwa zinuka, ukuthi kwakufreshi kanjani; nokuthi yena wazizwa ekahle kanjani. Wathi wayegijima edabula ihlathi kanjalo. Futhi wathatha imbazo yakhe, futhi wathi wayebuzwa lobo bukhali bembazo bungena kulesosihlahla sephayini esithambile, uyazi, lesosihlahla sephayini saseOregon. Futhi wathi, ngenkathi siwa phansi phakathi lapho... Niyazi, ezansi eNingizimu, banaso lesosihlahla esifanayo, sil’khuni ngempela. Uyenyuca, enhla eNyakatho, futhi uzwa kakhulu amakhaza, ukhuni luthamba kakhulu. Wathi wayekwazi ukuthola... Wathi wathatha imbazo yakhe, wayesegijima enqamula, inalobobukhali obusika nhlangothi zombili, futhi waluphondla amagatsha. Wathi wayiphisela phakathi lapho imbazo, wathi, “Awu, ngizokwehla ngqo egqumeni nalo.”

⁴⁵⁷ Walubamba, futhi wathi akakwazanga nje ukuluphakamisa. Akakwazanga nje ukuluphakamisa. Futhi wathi wazama wazama. Wathi wakhumbula ukuthi izikhwepha zendoda ezingcono ukwedlula konke sisemhlane wakhe. Ngakho wathi wahlanganisa amadolo akhe, ukuze angazephuli, futhi waqethuka wase eyalubamba. Futhi wathatha amadolo akhe, izikhwepha ngemuva kwemilenze, phezulu lapha, isihluzu somlenze, ezingalweni zakhe, emhlane wakhe, wafaka zonke izikhwepha zakhe kulo. Futhi wathi wadonsa, wadonsa, futhi nje akakwazanga. Wathi wavele wasebena ngokuzikhandla, waze wazama wazama. Wathi, “Ngifanele ngiluyise ezansi lapho lolugodo. Nje ngifanele. Ubasi uthe aluye ezansi lapho. Ngifanele ngiluyise lapho. Ngani,” wathi, “ngokuvamile... Angazi ukuthi amandla ami ashonephi onke. Ukuze ngibeke leyonto ehloambe lami bese ngihamba nalo,” wathi, “kodwa angikwazi nje ukuluphakamisa.” Futhi wazama, wazama, wazama. Wathi nje akakwazanga. Wavele nje waziqeda amandla.

⁴⁵⁸ Wathi wavele nje wawa phansi eceleni kwesihlahla. Wathi, “Heh, heh, heh! Sengisebenze ngokuzikhandla nje ngasebenza ngokuzikhandla. Sengisebenze ngokuzikhandla ngasebenza ngokuzikhandla, sengize nje angisakwazi ukuqhubekela phambili. Futhi ngi—ngifanele ngilwehlise lapha lologodo, kodwa angazi ukuthi ngingakwenza kanjani. Angikwazi ukuluphakamisa.” Wathi, ehlezi lapho nje, ngakho wathi, “Nje angazi ukuthi ngizokwenzenjani.”

⁴⁵⁹ Futhi wathi wezwa iPhimbo laKhe, likaBasi waKhe, lithi, “Paul,” futhi wathi kwakuyiPhimbo elimnandi ukwedlula onke asake awezwa.

460 Futhi wathi, “Ngenkathi ngiphenduka ukuba ngibuke,” wathi, “kwakungesuye ubasi wami, kodwa kwakunguBasi wami wangempela.” Wathi, “KwakunguJesu.”

461 Wathi, “Usebenzelani ngokuzikhandla ngalo, Paul na?” Wathi, “Uyawubona lowomfudlana ohamba laphaya?” Wathi, “Lowomfudlana uhamba wedlule ngqo ngasekhempini.” Wathi, “Yini ungavele nje uluphushele phakathi emanzini bese ugibela kulo, uqhubeke wehle na?”

462 Ngakho wathi wavele nje wathatha ugodo wase eluginqela emanzini, futhi wagxumela phezu kwalo; wase ehamba phezu kwalawomagagasana, empongoloza nje futhi ememeza kakhulu, wathi, “Ngigibele kulo. Ngigibele kulo.”

463 Futhi wathi, lapho esephapheme, ekamelweni, umkakhe ecambalele phezu kwakhe, ekhuleka; wagxuma wabheka phezulu phakathi nendawo phansi, empongoloza, “Ngigibele kulo. Ngigibele kulo.”

464 Mfowethu, ake ngikutshele okuthize kulokhu ukusa. Ungasebenzi ngokuzikhandla kulo. Angizami ukusebenza ngokuzikhandla kulo. Luyokuqeda amandla, emuva naphambili. “NgiyiMethodisti na? NgiyiBaptisti na? Ngiyilokhu.” Ngavele ngemukela uJesu nje. Ngathatha isithembiso saKhe, ngomusa. Uza kimi, futhi ngigibele kuLo. Angikhathali ukuthi kwenzekani, noma kuhambani, ukuthi sibizwa kangakanani ngokuthi “yimbude, noma uhlanya.”

465 Ekuphilisweni kwenu kulokhu ukusa, uma sikhulekelwe. Asisezukuba naso isikhathi manje, kuya kwelokuqala nqo, okomugqa wokwahlukanisa ngokubona okufihlakeleyo. Sizokhulekela abagulayo, futhi sithole. . . bese—bese sikhulekela wonke umuntu olapha. UJesu wathi, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Kunjalo na? [Bandla lithi. “Amen.”—Umhl.] “Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayosinda.” Kunjalo na? [“Amen.”] Ngigibele kuLo. Senizilungiselele ukugibela kuLo na? [“Amen.”]

Asikhothamise amakhanda ethu okomzuzwana nje.

466 Nkulunkulu onomusa. O, lezi usuku lokugcina, lapho amahora eya ngokuba-mnyama, ibandla beliginqika lizungeza iZwi. Bebesonteka emahlelweni. Futhi bayazi ukuthi akulungile, Nkosi. Kwangathi nje bangayeka ukuLisonta. Mhlawumbe kukhona abantu lapha, kulokhu ukusa, osuke ebandleni eya ebandleni. Ngesinye isikhathi babekwiMethodisti, base beba kwiBaptisti, kwase kuba yiPentecostal, kwase kuba yichurch of God, kwase kuba yiNazaretha. O Nkulunkulu, kwangathi nje bangayeka ukwenza lokho.

467 Kwangathi bangeza nje, bagibele esithembisweni kulokhu ukusa, Nkosi; baziphumulele nje, bathathe uNkulunkulu esithembisweni saKhe, ngenkathi Ethi, “Uma

niphenduka nibhaphathizwe, eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgewele.” Nkulunkulu, yipha ukuba bakwazi nje ukugibela kulesosithembiso, kulokhu ukusa, ukuba nje bawele ngqo olwandlekazini lokulunga kwaKhe, izichelo zokuPhila okungunaphakade, Amanzi kaMoya. Siphe khona, Nkosi.

⁴⁶⁸ Kwangathi uMoya oNgewele, ogijimayo, wenza amagagasi amancane, ngokubafreshi, ngasemnyangweni wabo ngqo manje, kwangathi nje bangeqela eMfudlaneni, esithembisweni sikaNkulunkulu, futhi bathi, “Nkosi, ngigibele kuWo. Nakhu ngiza. Ngigibele kuWo.”

⁴⁶⁹ Kwangathi abagulayo nabahluphekile, ogulayo futhi engazi ukuthi uzokwenzenjani; odokotela sebedadelile. Babambanile, besuka esibhedlela beya esibhedlela, besuka emnyango beya emnyango, besuka endaweni beya endaweni. Abazi ukuthi bazokwenzenjani, Nkosi. Kodwa uMfudlana wokuPhila ugingqikela ngakubo ngqo, kulokhu ukusa. Kwangathi bangathatha lowomBhalo, uMarku 16, “Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayosinda.” Amakholwa azosinda-ke uma ebekwe izandla.

⁴⁷⁰ Nkosi, kwangathi nje bangakunaka lokho kulokhu ukusa, bangene kuWo, futhi bathi, “Nkosi, ngilapha. Angazi ukuthi ngizohamba kanjani, kodwa ngigibele kuWo. Ngehlela ngqo eMifudlaneni, ngijabula, ngixubhuzisa izandla zami eManzini okuPhila, ngiwaphosa emphefumulweni wami, naphezulu ekhanda lami, futhi ngizibhukudela mina ekulungeni kwaKho, futhi ngijabula lapho ngihamba, ngigibele esithembisweni saKho ukuthi Wathi, “Bayosinda.” Siphe khona, Baba.

Manje amakhanda ethu ekhotheme.

⁴⁷¹ Angazi noma ukhona yini umuntu kulendlu, kulokhu ukusa? Bangaki kulendlu, kulokhu ukusa, ongamazi uKristu njengoMsindisi wakho, futhi uyakholwa ukuthi uMfudlana wokuPhila ulethwe kuwe na? Ubunazo zonke izinhlobo zamazwi angaqondakaliyo. Wakhe indlu yakho phezu kwezinto eyisihlabathi esibishayo. Uyaqonda ukuthi ngolunye usuku uzofa. Uyaphuma kulelizwe. Futhi ufuna, ufuna ngempela ukuzwa Izwi eliqondakalayo, futhi uyakholwa ukuthi uLizwile kulokhu ukusa, ukuthi uKristu usakuthanda. Angikhathali ukuthi unezono kangakanani, Usakuthanda. Futhi ungathanda ukuba ngikukhumbule emkhulekweni na?

⁴⁷² Futhi khona lapho enimi khona. Asikwazi ukunibizela lapha ealtare. Akukho-altare, ngoba ligcwele abantwana, kanjalonjalo. Kodwa uyathanda, uyakholwa ukuthi ufuna ukwemukela uKristu njengamanje njengoMsindisi oqondene nawe, futhi ufuna ngikukhumbule ngezwi lomkhuleko na? Ungasiphakamisa isandla sakho. Uthi, “Mina manje...” UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu

akubusise. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, le emuva, le emuva. UNkulunkulu akubusise, phezulu lapha phakathi nendawo. Phansi ngaku *leli* icala, uNkulunkulu akubusise. “Manje ngemukela uKristu njengoMsindisi oqondene nami. Ngifuna Yena abe muhle kimi.” UNkulunkulu akubusise, le emuva ngemuva. Le emuva esikheleni sezihlalo, ngiyakubona emuva lapho. UNkulunkulu akubusise. Angabakhona omunye na? Phakamisa isandla sakho, akunandaba ukuthi ukuphi. Amakhanda ekhotheme. UNkulunkulu akubusise, ntombi. UNkulunkulu akubusise emuva lapho, dadewethu. UNkulunkulu akubusise emuva lapho, dadewethu. Angi . . .

⁴⁷³ Ubungasiphakamisile isandla sakho. Kodwa ngihambe ngayobona umyeni wakho izolo ebusuku, ube lapho esibhedlela, emubi kabi; evela phezulu lapho ebandleni likamfowethu. Ungakhathazeki. Uzophila. INkosi imthinte khona lapho izolo ebusuku. Ngibonile ukuthi yini ebingalungile kuye. Odokotela uzame izinsuku ezine, ukukuthola, kodwa abatholanga lutho nge x-reyi ebonakalisa ingaphakathi lomuntu. Kodwa uMoya oNgcwele uhamba ujule wedlule i x-reyi. Ngakho wathola . . . Kulungile. Uzo—uzoba sekhaya manje. Uzoza ekhaya mhlawumbe namhlanje. Kulungile.

⁴⁷⁴ Omunye futhi? Une . . . Le emuva ngemuva, uNkulunkulu akubusise. “Ngifuna ukwemukela uKristu njengoMsindisi oqondene nomuntu. Ngifuna ukuzilungiselela, ngalesosikhathi. Ngiyakwazi ukungaqondakali kwekhaya lami. Ngiyakwazi ukungaqondakali komsebenzi wami. Ngiyakwazi ukungaqondakali kwempilo yami. Angazi ukuthi ngiyofa ngasiphi isikhathi. Ngingafa nokho nanamhlanje. Angazi. Akuqondakali. Kodwa ngifuna Izwi eliqondakalayo. Ngikholwa ukuthi ngilizwile namhlanje ngeVangeli, ukuthi uJesu Kristu uyangithanda. Futhi ngifuna ukuMemukela njengoMsindisi oqondene nami.” Omunye ongakaziphakamisi izandla zabo, futhi abafuna ukukwenza? UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. Kulungile. Omunye futhi phakamisa izandla zakho, ongakaze asiphakamise ngaphambili. Phakamisa isandla sakho, uthi, “Ngikhumbule, Mfowethu Branham, emkhulekweni.” UNkulunkulu akubusise. Kulungile.

⁴⁷⁵ Baba waseZulwini, kubekhona Izwi eliqondakalayo lababantu abalizwile. Abaningi babo lapha, ngokwangempela abaningi, othe kulokhu ukusa waKwemukela njengoMsindisi wabo oqondene nabo. Manje, Baba, ngiyazi ukuthi kungokwesiko ukwenyusela abantu ealtare, ukuba bakhuleke; kodwa akusikho okungokomBhalo, ngoba umBhalo wathi, “Abaningi abakholwa nguYe, babhaphathizwa.” Ngakho ngiyakhuleka, Baba, ukuthi laba abakholwe nguWe, Ozembule Wena kubo, kuleloZwi eliqondakalayo lePhimbo, abaziyo ukuthi

nguWe. Futhi bafuna Wena ube nguMsindisi. Baphakamise isandla sabo, ukuba mina ngibakhumbule ngezwi lomkhuleko.

⁴⁷⁶ O Nkulunkulu, ngazi ukuthi ihora liyavala, amalambu ayacisha manje. Ilambu lempucuko liyacisha. Ilambu laseMelika liyacisha. Ilambu le—lezizwe liyacisha, ngokuba iLambu lezwe liyanga. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzobavumela bemukele leliLambu elikhulu. Siyaqonda ukuthi akukho-bumnyama obungaba khona ebukhoneni beLambu. ILambu linamandla kakhulu kunobumnyama.

⁴⁷⁷ Futhi bazise ukuthicishe fif-. . . emahoreni ayishumi edlule, lendlu ibimnyama-bhuqe, ubungeke ukwazi nokubona isihlalo. Bekungubumnyama baphakathi nobusuku kulendlu, emahoreni ayishumi edlule. Kodwa, ilanga liphumile. Bebungayaphi lobobumnyama na? Ngitholele bona. Ngeke babuthole. Iphi—iphi imvelaphi yemvelo yabo na? Kwenzekeni kubo na? Ngeke butholakale. Abusekho.

⁴⁷⁸ Kunjalo nasezonweni zabo manje. Lapho khona, emizuzwini engamashumi amabili edlule, ubumnyama bebusemphefumulweni wabo; kodwa baKwemukele njengoMsindisi wabo manje, nobumnyama bonke buyaxoshwa. “Izono zenu, ebeziningi, sezihlanziwe, futhi manje sezimhlophe njengeqhw.” Ngeke nisazithola. Sezisisiwe eNcwadini. Sezisisiwe erekhodini. IGazi likaJesu Kristu liyabathethelela esonweni sabo. Kwangathi bona, ekweneleni, bangasukuma futhi babhaphathizwe kulobubusuku eGameni likaJesu Kristu, bebiza iGama leNkosi, futhi bemukele uMoya oNgewe. Siphe khona, Baba. Ngibanikela kuWe njengemiklomo yoMlayezo kulokhu ukusa, eGameni likaJesu Kristu, iNdodana yaKho.

Manje amakhanda enu ekhotheme.

⁴⁷⁹ Ngamunye wenu ophakamise isandla sakho, uma ubungakabhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu, ibandla lizo. . . kunezinkonzo kulobubusuku. Futhi uzilungiselele manje, umelusi akabhale phansi igama lakho manje, kulokhu ukusa. Umbhaphathizo wenu, akusiwo kulokhu ukusa, yiwo, mfowethu na? [UMfowethu Neville uthi, “Sibhaphathiza nakulokhu ukusa, futhi.”—Umhl.] Ya. Kuyabhaphathizwa, kulokhu ukusa; masinya emva kwalenkonzo, yombhaphathizo. Nenyuke ngqo. Sinazo izingubo sezilungile zenu ukuba nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu.

⁴⁸⁰ UsungumKristu manje. ILambu likaNkulunkulu lize enhliziyweni yakho. Khumbula ukuthi kuhle kanjani lokho. UJesu wathi, “Akekho ongeza kiMi uma ubaba waMi engamdonsi.” Usiphakamiseleni isandla sakho na? Ngoba Into ethize ikutshele ukuba ukwenze. Yena Lowo okutshele ukuba ukwenze, wenza isithembiso. “Ozwa amaZwi aMi akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okungunaphakade.” Akukho ukunqondakali ngakho. UnokuPhila okuphakade manje. Uma

ukukholwa lokho ngenhliziyo yakho yonke, sewedlulile manje ekufeni wangena ekuPhileni. Usuphila kuze kube nininini.

⁴⁸¹ Manje yemukelani uMoya waKhe oNgwele, Amandla kaNkulunkulu, ukuba asebenze empilweni yenu nokunenza nisebenzele Yena. Kwangathi ningaWemukela kulokhu ukusa, lapho nibhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu.

⁴⁸² Kulabo abagulayo nofuna ukukhulekelwa, ngifuna ukubona isibalo, ukuze ngibone noma si...Phakamisa isandla sakho. Sibone ukuthi bangaki, ukuthi singaba nawo yini umugqa wokwehlukana ngokubona okufihlakeleyo. Bangingi kakhulu. Sizodingeka ukuba sibakhulekele. Bangingi kakhulu. Kukhona ikhulu namashumi amahlanu, abantu abangamakhulu amabili, abazokhulekelwa. Kulungile.

⁴⁸³ Bangaki owake wabona ukwehlukana ngokubona okufihlakeleyo, phakamisa isandla sakho. Kulungile, nonke. Kuhle, ngakho niyazi ukuthi kuyini. Manje niyakholwa, kulokhu ukusa, ukuthi nizwe iPhimbo likaNkulunkulu na?

⁴⁸⁴ Manje ngizocela uMfowethu Wood, uMfowethu Fred Sothmann, nabanye babaphatheli, ukuba beze lapha isikhashana nje. Abanye benu bafowethu abangabaphatheli, noma abadikoni, noma obani, wozani lapha isikhashana nje. Manje kuzothi ukuminyana lapha, futhi ngifuna nisize. Manje kini, nina bantu kulokhu, ngakwesokudla sami, ozokhulekelwa, ngifuna nize *ngapha* lapha. Futhi mfowethu, uMfowethu Collins, yima phansi ngqo phakathi lapho, uma uthanda. Bese uza wehlele lapha ngqo, ukuze beze bedlule bakhulekelwe.

⁴⁸⁵ Ngizocela nina bantwana abancane *ngapha* kwealtare, uma nizoya *ngapha* okwemizuzu embalwa nje, nenzele uMfowethu Branham; anenzeli mina, kodwa nenzela iNkosi uJesu.

⁴⁸⁶ Manje nina bazalwane manini lapha ukuze abantu bakwazi ukuba bedlule ngqo, sizobe-ke—sizobe-ke sesithatha bonke *ngapha* kwelinye icala. Manje kusukela kuloluhlu lokuqala khona lapha. Mfowethu Charlie, angazi noma nina bazalwane, uDavid nawe, uma nifuna ukukhuphukela lapha, noma nithi ukugudlukela emuva niye ngasemuva? Kulungile. Manje abokuqala lapha ku *lolu* uhlu, sukumani kanjalo nje; qalani ngakulelocala nje, ngale nangokuncika udonga, sisakhuleka, manje, uma sesilungela ukuqala. Manje, asikaqali. Kuzothi-ke uma lelicala *ngapha*, sizonibuyisela nonke ngaku *leli* icala; bese-ke, bese-ke niphumele ku *lelo* cala, bese nehla-ke. Manje abaphatheli nabanye bazonimisa ngokufanele.

⁴⁸⁷ Manje, uma lelonenekazi likhubazekile futhi lingakwazi ukusukuma, futhi njengentombazane encane lapha esihlalweni, manje hlala lapho okhona nje. Ngizoza kuwe ngqo. Niyabo? Ngiyamazi uEdith omncane, ungemuva lapho, futhi sizomkhuphulela lapha ngqo. Labo abangakwazi ukusukuma, ngizoza kini.

488 Manje bekuzosisiza ngani ukuma lapha futhi sikhulume, bekuzosisiza ngani ukushumayela leliZwi likaNkulunkulu, uma ungaLizwa na? Niyabo? “Ozwayo akholwe. Ozwayo!”

Senilungele na, ngabe ngamunye wenu senilungele ukuzethemba kuNkulunkulu, bese uthi, “Lelo yiZwi likaNkulunkulu. Angikhathali ukuthi isimo sami siyini, emva kokuba sengikhulekelwe, sengiphilisiwe noma kanjani na”? Nizokukholwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

489 Manje inqwaba yabantu ifuna okuthize, niyazi. Njengokuthi uma-ke ngi... Lowo wesifazane, ngenkathi ngimkhulekela ezitebhisini ezingemuva emuva lapho, ngambheka phansi, kwase-ke lokho kwenzeka. Ukuba-ke wayethe, “Awu, inyanga yokuqala yedlula, nje ngi... Ngiya ngokuba mkhulu ngaso sonke isikhathi na”? Niyabo? Qhabo, qhabo, hhayi yena. Walizwa iPhimbo, naleloPhimbo lamtshela. Futhi waLikholwa ngenhliziyo yakhe yonke. Nesigaxa, emva kwesikhashana, sehla njalo ngqo. Futhi manje usebuyele esimweni esijwayelekile futhi uyaphila.

490 Leo, ukuphi na? Ngabe ulapha ndawo ndawo na? Ngiyalikhohlwa ukuthi ubani igama lalelonenekazi. Mhlawumbe omunye uzokhumbula. Nginekheli lalo. Ngizokwehla nalo enkonzweni. Leo, ini, uyalikhumbula igama lalo na? [UMfowethu Leo uthi, “UPearl, Pearl...”—Umhl.] Ngabe u Led-... Redford, noma uRedfort na? Sinalo igama lalo nekheli, uma ungathanda ukubhala.

491 Laphiliswa khona lapha, linesigaxa, sisinda ngaphezu kwamaphawondi angamashumi amathathu. Akukho nasibazi kulo, emmeseni. Naso isithombe salo, lapho lalikade linesigaxa khona. Nanti manje, alinasibazi noma yikuphi. UNkulunkulu waliphilisa, wasisusa kulo. Nazo izitatimende zikadokotela, lapho eselidele khona, “Ukuba life, umdlavuzwa ulidla izinso.” Futhi manje selibuyele esimweni esejwayelekile futhi lisindile, ali hlushwa-zinso nhlobo.

492 Lingelinye lamashumi ezinkulungwane. Kuyini na? Akusilo izwi elingaqondakaliyo. Kodwa into okuyiyona ngukuthi, mngane, ungaLizwa na?

493 Manje uma icilongo likhala ngezwi elingaqondakaliyo, lithi, “Awu, abanye uyaphiliswa abanye abaphiliswa.” Lokho akuqondakali. Niyabo? Ungakukholwa lokho.

494 UJesu wathi, “Noma ubani.” Lokho kuyaqondakala. “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakhulwayo. Banezandla ezibekwa phezu kwabo, bayosinda.” Niyakukholwa lokho manje na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ngayo yonke inhliziyo yenu, niyakukholwa.

495 Futhi ngizocela umelusi, manje sizovele nje...Manje sinenkonzonzo yombhaphathizo elandela lena. Ngakho, niyabo, khona-ke ngeke sisaba nesikhathi esiningi kakhulu.

496 Kodwa ngizokhulekela ibandla, kuwo wonke umuntu ogulayo ophakathi lapha. Futhi uma bedlula, ngizo... Niyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Uma nikukholwa lokho, khona-ke ugcobo lukaMoya oNgcwele luzongena kini ngqo. Niyabo? Lufanele, mngane. Angisho...Akulutho, mina. Nje ngi... Ngingumfowenu.

497 Ngingomncinyane phakathi kwenu, kodwa yilokho engifanele ngibe yikho. "Makuthi omncinyane kini, makuthi—makuthi—makuthi..." Mangibe yinceku yenu nonke. Niyabo? Yilokho engifuna ukuba yikho. Ngiyinceku yenu. Wena ungumntwana kaNkulunkulu. Mina, ngiyinceku yaKhe nje. Ngizama ukukhonza nina, niyabo. Ngingomncinyane. Akukho lutho ngami, kodwa, niyabo, ukhona ozobeka izandla phezu kwenu. Bese kuthi-ke uma Engivumela ngilethe iZwi, futhi, niyakholwa ukuthi iZwi liza kimi. Abaningi kakhulu kini bangibiza ngekhola, bese-ke iZwi liza kimi, yehlulela wena ukuthi Liqinisile noma qha. Niyabo? Makube nguNkulunkulu owenza ukwehlulela, ngeZwi laKhe. Awu, uma Lokho kunjalo, khona-ke sonke isithembiso sinjalo. Sifanele. Niyabo?

498 UNowa, waqhubeka nje akha umkhumbi. Bathi, "Uwuhlanya. Akukho lutho phezulu laphaya. Uzokuthola kanjani lokho na?"

499 "Akwenzi-mehluko. UNkulunkulu angayibeka phezulu laphaya," futhi eqhubeka nje egqonqa. Kukanjani—kukanjani...

500 Bekungubani, omunye, engikhulume ngaye na? UMose, wayezokwehlela kanjani uMose ezansi lapho, athathe leyompi na? Uzoyithatha kanjani yonke iGibhithe na? Angakwenza kanjani, ikhehla elilodwa, iminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, umkakhe nomntwana na? Uzokwenza kanjani na?

501 "Lowo akusiwona umsebenzi wami. UNkulunkulu wathi, 'Hamba ulidle,' futhi ngiyehla." Uzobakhulula kanjani ezandleni zikaFaro na? "Mina, impela Ngiyakuba nawe." Akukho okungaqondakali.

502 "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakhohlwayo." Akukho okungaqondakali. Uma ukukholwa, ubekwe izandla, uzosinda. Niyakukholwa lokho ngayo yonke inhliziyo yenu na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

503 Manje, ngifuna wonke umuntu phakathi lapha, ongakhuleka, ngifuna ukhothamisa ikhanda lakho. Ngifuna

ukhuleke uthule. Ngizokhulekela lezizingubo ezibekwe lapha, ngoba ngiyabuzwa uBukhona bukaMoya oNgcwele.

⁵⁰⁴ Baba waseZulwini, silungiselela ukuvala inkonzo eyodwa bese singena kwenye. Abaningi baKwemukelile, Nkosi, kulokhu ukusa. Izandla eziningi ziphakamile. Badlulile ekufeni bangena ekuPhileni, lowomzuzwana omncane ohamba kancane wedlula, ukuKhanya okuncane kwedlule ngakubo. Ukufuthelana okuncane kufika kunembeza wabo. Bekuyini na? Bebefa, base-ke bedlula ekufeni bangena ekuPhileni.

⁵⁰⁵ Njengohlamvu lukakolo luwela emhlabathini. Into yokuqala, lufuthelana luphume; luyafa, lubole. Bese ukuthi umthombo omncane wokuphila uyavela kulo, bese luveza omunye ukolo.

⁵⁰⁶ Manje, Nkosi, kulokhu ukusa, ukufuthelana okuncane kokufa kwedlulile phezu kwabo. Futhi ngenkathi kwenza, bavuka, emizuzwaneni embalwa ngenkathi bephakamisa izandla zabo. Bazizwa befuthelana phansi, ngeZwi likaNkulunkulu, Into ethize ithi, “Ulahliwe. Uyisoni. Uzofa uye esihogweni. Uzobhubha. Ungeke uze uphinde uvuke futhi,” lokho kufa kuza phezu kwabo. Ekugcineni bafele kuleyondawana, baze bezwa iPhimbo lithi, “Kodwa NginguMsindisi wakho. Zanini kiMi, nonke nina enikhatheleyo nenisindwayo.”

⁵⁰⁷ Futhi baphakamisa izandla zabo, “Ngifuna ukuMemukela njengoMsindisi oqondene nami,” kwase kuthi-ke umthombo wokuPhila wangena emphefumulweni wabo. Baqhuma futhi, ukuba bazale omunye umKristu.

⁵⁰⁸ Nkulunkulu, kwangathi bangaya emanzini manje, phambi kwezethameli, babhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu, kukho ukuthethelelwa kwesono sabo; ukuvumela abantu babone ukuthi ngempela ngempela bazithengisile i-izinto zezwe—ezintweni zezwe, futhi bazokhonza uKristu kusukela manje. Ngokuba bafile futhi bembelwa kanye naYe ngombhaphathizo, ukuba bavukele ekuPhileni okusha, ukuba bahambe ekuphileni okusha.

⁵⁰⁹ Nanka amaningi amaduku engiwabambe ngezandla zami, Nkosi. Amele abantu abagulayo.

⁵¹⁰ Manje, eBhayibhelini, ngesinye isikhathi, njengoba bengikucaphuna kaningi lokhu. Ngenkathi uSrayeli esendleleni yomsebenzi, ewelela ezweni lesithembiso, uLwandle oluBomvu lwangena endleleni yabo. UNkulunkulu wabheka phansi ngalawomafu, ngamehlo athukuthele, ngeNsika yoMlilo. NaloloLwandle oluBomvu lwesaba, ngoba uNkulunkulu wayenze isithembiso. Akukho-zwi elingaqondakali. Ulwandle lwazi ukuthi iZwi likaNkulunkulu lalingesilo elingezwakali. Babazi ukuthi laliqondakala. USrayeli wayeqonde kulelozwe lesithembiso. Akukho okwakungama endleleni yabo, ngoba

uNkulunkulu wayesho njalo. Ngakho, ulwandle lwesaba futhi lwahlehla, lwenza indlela eyomile phakathi nalo ngqo. Futhi bahamba banqamula ezweni elomile.

⁵¹¹ Manje maningi amaKristu agulayo, Nkosi. Nanka amaduku awo. Bayasho, eBhayibhelini, ukuthi, “Bathatha emzimbeni kaPawulu, amaduku, noma indwangu.” Siyazi ukuthi asisuye uPawulu oNgcwele. Kodwa siyazi ukuthi Wena usenguNkulunkulu ofanayo, neZwi elifanayo nesithembiso esifanayo. Uma ngithumela lamaduku kulabo abagulayo nabahluphekileyo, kwangathi lowodeveli, obabophile, angesaba bese eyahlehla. Kwangathi abantwana bakaNkulunkulu bangahamba baphumele esithembisweni sokuphila okuhle. Siphe khona, Nkosi.

⁵¹² Manje abaningi babo bakulendlu. Nangu umelusi waKho, kulokhu ukusa, umfowethu, uNeville. Nanka amadikoni aKho nabaphatheli bemi lapha, amadoda agcotshiwewo alelibandla, Owabusisa ngomusa kakhulu, nakuba singafanele, Nkosi. Kodwa siyawubona umoya waKho uhamba phakathi kwethu, futhi sijabula kakhulu ngalokhu; kubukeka sengathi kuphuma imvuselelo okokugcina. O Nkulunkulu, sithengise konke, kwiGibhithe, manje sisendleleni yethu ebheke eZweni lesithembiso. Uhambo lwezinsuku ezimbalwa nje manje futhi sizobe sesiwela iJordani.

⁵¹³ Futhi manje, Baba Nkulunkulu, sikhulekela ukuthi Uzogudluzela zonke izithiyo endleleni yethu. Abaningi balababantu abekho esimweni sokumasha. Balapha ngoba bayagula futhi bahluphekile. Lokho kugula kungababamba kanjani labobantu na? Zingakwenza kanjani lezozinhlupheko zigcine labo bekhubazekile, nosesihlalweni esinamasondo, kanti basemashini ebheke eZweni lesithembiso na? Haleluya! Nkulunkulu, uma sibeka izandla zethu emzimbeni wabo, kwangathi uDeveli angesaba bese eyahlehla. Kwangathi bangaba sesimweni sokumasha.

⁵¹⁴ NgiyaKubonga ngalowo wesifazane ekade ngikhuluma ngaye konke ukusa, akasuki engqondweni yami. Ukubona lowo wesifazane, engakwazi ngisho ukusukuma, enalesosigaxa esikhulu; odokotela behlekisa ngaye. Kodwa, wayelizwile iPhimbo, Lalingesilo elingaqondakali. LaliyiZwi eliqondakalayo, futhi waLikhholwa.

⁵¹⁵ Manje, Nkosi, kwangathi wonke umuntu ogulayo phakathi lapha ubonile i... bangezwa leloZwi elikhalayo elifanayo, kulokhu ukusa; futhi babe sesimweni sokumasha, ukuba basuke, Nkosi, benzele uhambo. Siphe khona, Nkosi. Sinayo yonke into ipakishiwe manje. O! Sesilungele ukumasha, Nkosi. Sesilungele ihlane, nokuwela iJordani ngaleya. Uhambo lwezinsuku ezimbalwa nje futhi sizoba lapho. Nkulunkulu, masihambe siseMandleni kaMoya oNgcwele. Kwangathi

singabakhona njalonjalo uma sibona lokho kuKhanya kukhanya ngaleya, Nkosi, kuhola indlela, lowoKristu ovukileyo ekhanya ngaloloSuku olukhanyayo oluphelele. Siphe khona, Baba. Manje njengoba si. . .

⁵¹⁶ Gcoba izandla zethu, sigcobe, ukuthi uMoya oNgcwele, okithi manje, uzokhanya. Ukukhanya kwezulu nomhlaba, engaleya icos-. . .UkuKhanya kukaNkulunkulu kukhanyisa kulabo abagulayo, imizimba ebuthakathaka, nabobonke basindiswe.

⁵¹⁷ Siphumela obala, Nkosi, ukudibana noDeveli. Siphumela obala ukuba sidibane noLwandle oluBomvu. Lokho, njengoba kwakuwuLwandle oluBomvu, lokho ngukuthi, ulwandle lokugula olubambe lababantu ekumasheni. Siphumela obala noMoya oNgcwele ukhanya phambi kwethu, ukudibana noDeveli, eGameni likaJesu Kristu. Lokho kugula kuzobuyela emuva, ngoba Ubuka phansi ngaMandla eZwi laKho. Futhi bazosinda. Siza ngeGama likaJesu, ukudibana nesitha. Amen.



IZWIELINGAQONDAKALIYO ZUL60-1218
(The Uncertain Sound)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgesi ngeSonto ekuseni, ngo Disemba 18, ngo 1960, eTabernakele likaBranham, eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgesi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2013 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org